the boys gave me; the boys having broken my milk-pail: my milk-pail my mother gave me; my mother having eaten my umdiandiane: my umdiandiane I dug up on a very little knoll, I having been to a wedding." They gave him a shield. So he departed.

Uthlakanyana lends his shield, for which when broken he receives a war-assagai.

Wa fumana amadoda e lwa nesilo, e nge namahau. Wa ti, "A ni nahau na?" A ti, "Kga." Wa ti, "Tata ni elami leli, ni lwe ngalo." Ba li tata ke; ba si bulala isilo. Kwa dabuka umghabelo wokupata. Wa ti, "Ngi nike ni 'hau lami: 'hau lami ngi li nikwe 'zinsizwa; 'zinsizwa zi dabule 'ngubo yami: 'ngubo yami ngi i nikwe 'bafazi; 'bafazi b' apule 'zembe lami: 'zembe lami ngi li nikwe 'bafana; 'bafana b' apule 'mkonto wami: 'mkonto wami ngi u nikwe 'bafana; 'bafana b' apule 'mkqengge wami: 'mkqengge wami ngi u nikwe 'mama; 'mama e dhle 'mdiandiane wami: 'mdiandiane wami ngi u mbe 'sigqumaggumaneni, be ngi y' emjadwini." Ba m nika isinkemba. Wa hamba ke.

He fell in with some men fighting with a leopard, who had no shields. He said, "Have you no shield?" They said, "No." He said, "Take this shield of mine, and fight with it." They took it; and killed the leopard. The hand-loop of the shield broke. He said, "Give me my shield: my shield the young men gave me; the young men having torn my blanket: my blanket the women gave me; the women having broken my axe: my axe the boys gave me; the boys having broken my assagai: my assagai the boys gave me; the boys having broken my milk-pail: my milk-pail my mother gave me; my mother having eaten my umdiandiane: my umdiandiane I dug up on a very little knoll, I having been to a wedding." They gave him a war-assagai. So he went on his way.

Loko a kw enza ngaso kumbe ngi nga ni tshela ngesinye 'sikati.

What he did with that, perhaps I may tell you on another occasion.



USIKULUMI KAHLOKOHLOKO.⁴⁰

The father of Usikulumi has his male children destroyed.

Ku tiwa kwa ku kona inkosi etile ;
ya zala amadodana afuaningi.
Kepa ya i nga ku tandi ukuzala
amadodana ; ngokuba ya i ti, ku
ya 'kuti um' amadodana a kule, a
i gibe ebukosini bayo. Kwa ku
kona izalukazi ezi miselwe ukubu-
lala amadodan' ayo leyo inkosi ;
ku ti umntwana wesilisa i nga m
zala, a be se siwa ezalukazini,
ukuba zi m bulale ; zi be se zi m
bulala. Z' enza njalo kubo bonke
abesilisa aba zalwa i leyo inkosi.

It is said there was a certain king ;
he begat many sons. But he did
not like to have sons ; for he used
to say it would come to pass, when
his sons grew up, that they would
depose him from his royal power.⁴¹
There were old women appointed
to kill the sons of that king ; so
when a male child was born, he
was taken to the old women, that
they might kill him ; and so they
killed him. They did so to all the
male children the king had.

Usikulumi is born, and preserved by his mother's love.

Kwa ti ngesinye isikati ya zala
indodana enye ; unina wa i sa eza-
lukazini e i godhla. Wa zi nika
izalukazi ; wa zi ncenga kakulu

He happened on a time to beget
another son ; his mother took him
to the old women, concealing him
in her bosom. She made presents
to the old women, and besought

⁴⁰ Usikulumi kahloko/hloko, "Usikulumi, the son of Uthloko/hloko." Usikulumi, "an orator," or great speaker. Ihloko/hloko, "a finch." Uthloko/hloko may be either his father's name, or an *isibongo* or surname given to himself intended to characterize his power as a great speaker.

⁴¹ "In the Legends of Thebes, Athens, Argos, and other cities, we find the strange, yet common, dread of parents who look on their children as their future destroyers." (Cox. *Tales of Thebes and Argos*, p. 9.) Thus, because Hecuba dreams that she gives birth to a burning torch, which the seers interpret as intimating that the child to be born should bring ruin on the city and land of Troy, the infant Paris is regarded with "cold unloving eyes," and sent by Priam to be exposed on mount Ida. So because the Delphic oracle had warned Laius that he should be slain by his own child, he commanded his son Oedipus to be left on the heights of Cithæron. In the same manner Acrisius, being warned that he should be slain by his daughter Danaë's child, orders her and her son Persens to be enclosed in an ark, and committed to the sea. But all escape from the death intended for them ; all "grow up beautiful and brave and strong. Like Apollo, Bellerophon, and Heracles, they are all slayers of monsters." And "the fears of their parents are in all cases realised." (See Cox, *Op. cit.*, and *Tales of the Gods and Heroes*.) The Legend of Usikulumi has very many curious points in common with these Grecian Myths. There is the father's dread ; the child's escape at first by his mother's love ; in his retreat, like Paris on the woody Ida, he becomes a herder of cattle, and manifests his kingly descent by his kingly bearing among his fellows ; he is discovered by his father's officers, and is again exposed in a forest, in which lives a many-headed monster, which devours men ; the monster, however, helps him, and he becomes a king, and returns, like one of the invulnerable heroes, to justify his father's dread, and to give the presentiment a fulfilment.

ukuba zi nga i bulali, zi i se kwoninalume, ngokuba kwa ku indodana a i tanda kakulu. Unina wa zi ncenga ke kakulu izalukazi, wa ti a zi y anyise. Za y anyisa, za i sa kwoninalume wendodana, za i beka lapo kwoninalume.

them earnestly not to kill him, but to take him to his maternal uncle, for it was a son she loved exceedingly. The mother, then, besought the old women very much, and told them to suckle the child. They suckled him, and took him to his uncle, and left him there with his uncle.

He goes with the herdboys, and acts the king.

Kwa ti ekukuleni kwayo ya ba insizwana, ya tanda ukwalusa kwoninalume; ya landela abafana bakwoninalume; ba y azisa, be i dumisa. Kwa ti ekwaluseni kwabo ya ti kubafana, "Keta ni amatshe amakulu, si wa tshise." Ba wa keta, ba w enza iukgwaba. Ya ti, "Keta ni itole elihle, si li hlabe." Ba li keta emhlambini a ba w alusileyo. Ya t' a ba li hlinze; ba li hlinza, b' osa inyama yalo, be jabula. Abafana ba ti, "W enza ni ngaloko na?" Ya ti, "Ngi y' azi mina e ngi kw enzayo."

It came to pass when he had become a young man that he liked to herd the cattle at his uncle's, and followed the boys of his uncle's kraal; they respected and honoured him. It came to pass, when they were herding, he said to the boys, "Collect large stones, and let us heat them."⁴² They collected them, and made a heap. He said, "Choose also a fine calf, and let us kill it." They selected it from the herd they were watching. He told them to skin it; they skinned it, and roasted its flesh joyfully. The boys said, "What do you mean by this?" He said, "I know what I mean."

He is seen and recognised by his father's officers.

Kwa ti ngolunye usuku b' alusile, kwa hamba izinduna zikayise, zi tunywa ngu ye; za ti, "U ng' ubani na?" Ka ya ze ya zi tshela. Za i tata, zi nga balisi, zi ti, "Lo 'mntwana u fana nenkosi yetu." Za hamba nayo, zi i sa kuyise.

It happened one day when they were herding, the officers of his father were on a journey, being sent by him; they said, "Who are you?" He did not tell them. They took him, without doubting, saying, "This child is like our king." They went with him, and took him to his father.

⁴² It is not at the present time the custom among the natives of these parts to bake meat by means of heated stones, which is so common among some other people, the Polynesians for instance. We should therefore conclude either that this Legend has been derived from other people, or that it arose among the Zulus when they had different customs from those now existing among them.

The officers make him known to his father for a reward.

Kwa ti ekufikeni kwazo kuyise, za ti kuyise, "Uma si ku tshela indaba enhle, u ya 'ku si nika ni na?" Wa ti uyise wayo indodana ezinduneni, "Ngi ya 'ku ni nika izinkomo ezi-nombala,⁴³ ezi-nombala o te wa ti, noma o te wa ti, noma o te wa ti." Z'ala izinduna, za ti, "Kga; a si zi tandi." Kwa ku kona ikgabi elimnyama lezin-kabi e zi gud'le lona. Wa ti, "Ni tanda ni na?" Za ti izinduna, "Ikgabi elimnyama." Wa zi nikela. Za m tshela ke, za ti, "Ku te ekuhambeni kwetu sa bona umntwana o fana nowako." Nangu uyise wa i bona leyo 'ndodana ukuba eyake impela; wa ti, "Owa mu pi umfazi na?" Ba ti aba m aziyo ukuba wa m fihla, ba ti, "Okabani, umfazi wako, nkosi."

When they came to his father, they said to him, "If we tell you good news, what will you give us?" His father said to the officers, "I will give you cattle of such a colour, or of such a colour, or of such a colour." The officers refused, saying, "No; we do not like these." There was a selected herd of black oxen, at which they hinted. He said, "What do you wish?" The officers said, "The herd of black oxen." He gave them. And so they told him, saying, "It happened in our journeying that we saw a child which is like one of yours." So then the father saw that it was indeed his son, and said, "Of which wife is he the child?" They who knew that she concealed the child said, "The daughter of So-and-so, your wife, your Majesty."

The king is angry, and commands him to be taken to the great forest, and left there.

Wa buta isizwe, e tukutele, wa ti, a ba i se kude. Sa butana isizwe; kwa suka unina futi no-dade wabo. Wa ti, a ba i mukise, ba ye 'ku i beka kude ku/hlati-kulu. Ngokuba kwa kw a-ziwa ukuba ku kona isilwane esikulu kulelo 'hlati, oku tiwa si d'ila abantu, esi namakanda amaningi.

He assembled the nation, being very angry, and told them to take his son to a distance. The nation assembled; his mother and sister also came. The king told them to take away his son, and to go and put him in the great forest. For it was known there was in that forest a great many-headed monster which ate men.

His mother and sister accompany him to the great forest, and leave him there alone.

Ba hamba be ya lapo. Aban-
ningi a ba finyelelanga; ba dinwa,

They set out for that place.
Many did not reach it; they be-

⁴³ It was formerly, and is still, a custom among the Zulus to separate their oxen into herds according to the colour; and the different herds were named accordingly. Thus:—*Umdubu*, the dun-coloured; *intenjane*, dun with white spots; *umtoto*, red; *inkone*, with a white line along the spine; *impemvu*, black with white muzzle, or white along the belly, &c.

ba buyela emuva. Kwa hamba unina, nodade wabo, nendodana, bobatatu. Unina wa ti, "Ngi nge mu shiye elubala; ngo ya, ngi m beke kona lapo ku tiwe, ka ye kona." Ba ya kuhlati-kulu; ba fika, ba ngena ehladini. Ba ya 'ku m beka etaheni elikulu eli pakati kwehlati. Wa hlala kona. Ba m shiya, ba buyela emva. Wa hlala e yedwa pezu kwetshe.

came tired, and turned back again. The mother and sister and the king's son went, those three. The mother said, "I cannot leave him in the open country; I will go and place him where he is ordered to go." They went to the great forest; they arrived, and entered the forest, and placed him on a great rock which was in the midst of the forest. He sat down on it. They left him, and went back. He remained alone on the top of the rock.

Usikulumi is aided by the many-headed monster, and becomes great.

Kwa ti ngesinye isikati sa fika isilwane esi-makanda-maningi, si vela emanzini. Lapo kuleso 'silwane ku pelele izinto zonke. Sa i tata leyo 'nsizwa; a si i bulalanga; sa i tata, sa i pa ukudhla, ya za ya kulupala. Kwa ti i s' i kulupele, i nga sa dingi 'luto, i nesizwe esiningi, e ya piwa i so leso 'silwane esi-makanda-maningi (ngokuba kuleso 'silwane kwa ku pelele izinto zonke nokudhla nabantu), ya tanda ukuhambela kuyise. Ya hamba nesizwe esikulu, se ku inkosi.

It came to pass one day that the many-headed monster came, it coming out of the water. That monster possessed everything. It took the young man; it did not kill him; it took him, and gave him food, until he became great. It came to pass when he had become great, and no longer wanted anything, having also a large nation subject to him, which the many-headed monster had given him (for that monster possessed all things, and food and men), he wished to visit his father. He went with a great nation, he being now a king.

He visits his uncle, and is received with great joy.

Ya ya konalume; ya fika konalume; kodwa unalume a ka y azanga. Ya ngena endhlini; kodwa abantu bakonalume ba be nga y azi nabo. Ya ti induna yayo ya ya 'kukcela inkomo kunalume; ya ti induna, "U ti Usikulumi ka/loko/loko, mu pe inkomo en/le, a d/le." Uninalume wa li zwa lelo 'bizo ukuti Usikulumi ka/loko/loko, w' etuka, wa ti, "Ubani?"

He went to his uncle; but his uncle did not know him. He went into the house; but neither did his uncle's people know him. His officer went to ask a bullock of the uncle; he said, "Usikulumi, the son of Uthlokothloko, says, give him a fine bullock, that he may eat." When the uncle heard the name of Usikulumi, the son of Uthlokothloko, he started, and said, "Who?" The officer

Ya ti, "Inkosi." Uninalume wa puma ukuya 'ku m bona. Wa m bona ukuti ngu ye Usikulumi ka-
Mloko/loko. Wa jabula kakulu; wa ti, "Yi, yi, yi!" e /lab' um-
kosi ngokujabula, wa ti, "U fikile
Usikulumi ka/loko/loko!" Kwa
butwa isizwe sonke sakonalume.
Unalume wa m nika i/lepu lezin-
kabi ngokujabula okukulu; wa ti,
"Nazi izinkabi zako." Kw' e-
nziwa ukudhla okukulu; ba dhla,
ba jabula ngoku m bona, ngokuba
ba be ng' azi ukuti ba ya 'kubuya
ba m bone futi.

replied, "The king." The uncle
went out to see him. He saw it
was Usikulumi, the son of Uthlo-
kothloko, indeed. He rejoiced
greatly, and said; "Yi, yi, yi!"
sounding an alarm for joy, and
said, "Usikulumi, the son of
Uthlokothloko, has come!" The
whole tribe of his uncle was
assembled. His uncle gave him a
part of a herd of oxen for his
great joy, and said, "There are
your oxen." A great feast was
made; they eat and rejoiced be-
cause they saw him, for they did
not know that they should ever
see him again.

*He reaches his father's kingdom; his father is grieved at his arrival,
and tries to kill him.*

Wa dhula, wa ya kubo kuyise.
Ba m bona ukuba ngu ye Usiku-
lumi ka/loko/loko. Ba m bikela
uyise; ba ti, "Nantsi indodana
yako, owa i lahla ku/lati-kulu."
Wa dabuka nokudabuka okukulu.
Wa buta isizwe sonke; wa ti, ka
si hlome izikali zaso. Ba butana
abantu bake bonke. Wa ti uyise,
"Ka bulawe Usikulumi ka/loko-
loko." W' ezwa loko Usikulumi
ka/loko/loko, wa puma wa ya
ngapandhle. Kwa butana isizwe
sonke. Wa ti uyise, "Ka hla-
tahwe ngomkonto." W' ema obala,
wa ti Usikulumi ka/loko/loko,
"Ngi kcibe ni, ni nga zisoli."⁴⁴ Wa
tsho loko ngokutemba ukuba ka
yi 'kufa; noma be m kciba kakulu,

He passed onward, and went to
his father's. They saw that it was
Usikulumi, the son of Uthloko-
thloko. They told his father, saying,
"Behold your son, whom you cast
away in the great forest." He was
troubled exceedingly. He collected
the whole nation, and told them
to take their weapons. All his
people assembled. The father said,
"Let Usikulumi, the son of
Uthlokothloko, be killed." Usi-
kulumi heard it; and went outside.
The whole nation assembled. His
father commanded him to be stab-
bed with a spear. He stood in
an open space, and said, "Hurl
your spears at me to the utmost."
He said this because he was
confident he should not die;
although they hurled their spears
at him a long time, even till

⁴⁴ *Ni nga zisoli*, "without self-reproof."—This saying is used to give a
person liberty to do exactly as he wishes; e. g., if it is said, *Hamba u gozike-
lela umbila ensimini yami*, "Go and gather mealies for yourself in my garden,"
the person addressed will not consider himself at liberty to take to the
utmost of his wishes, but will gather a few. But if the words *u nga zisoli* are
added, he will understand that no limit is put by the owner to his wishes.

noma ku ze ku tshone ilanga, ka yi 'kufa. W' ema nje, kwa za kwa tshona ilanga. Ba m kciba be nge namand/la oku m bulala. Ngokuba wa e namand/la okuba a nga fi; ngokuba leso 'silwane sa m kqinisa, ngokuba sa s' azi ukuba u ya kubo; s' azi ukuti uyise ka i fun' indodana; s' azi ngokwaso ukuti ba ya 'ku m bulala Usikulumi ka/loko/loko; sa m kqinisa.

the sun set, he should not die. He merely stood, until the sun set. They hurled their spears at him, without having power to kill him.⁴⁵ For he had the power of not dying; for that monster strengthened him, for it knew that he was going to his people, and that his father did not want his son; it knew, by its own wisdom, that they would kill Usikulumi, the son of Uthlokothloko, and gave him strength.

⁴⁵ There are two Legends in which we find the account of an invulnerable hero, against whom the asaagais of armies are thrown in vain—this of Usikulumi kathlokothloko, and the other that of Ulangalaszantsai. It is remarkable how wide spread Legends of this kind are. The invulnerability of the good Balder, the beloved of the gods, is ensured by his mother exacting an oath from all created things, not to injure her son. "When the gods had thus, as they imagined, rendered all safe, they were accustomed, by way of sport, to let Balder stand forth at their assembly for all the Æsir to shoot at him with the bow, or to strike or throw stones at him, as nothing caused him any harm." But the insignificant mistletoe was omitted. And the bright god is killed by the mistletoe, through the treachery of Loki. (*Thorpe's Northern Mythology. Vol. I., pp. 72, 74.*)

"So on the floor lay Balder, dead; and round
Lay thickly strown, swords, axes, darts, and spears,
Which all the gods in sport had idly thrown
At Balder, whom no weapon pierced or clave;
But in his breast stood fixed the fatal bough
Of mistletoe, which Lok, the accuser, gave
To Hoder, and unwitting Hoder threw:
Gainst that alone had Balder's life no charm."

(*Maz Müller. Comparative Mythology. Oxford Essays. 1856, p. 66.*) Whether such a Legend arose spontaneously all over the world, or whether, having had an origin in some poetical imagining, it has travelled from a common centre, and become modified in its journeying in accordance with place and circumstances, it is not easy to determine. The possibility of a hero rendering himself invulnerable by medicinal applications, is not only quite within the compass of a Zulu's imagination, but appears to be something that would very naturally suggest itself to him. At the present time he has his *intelezi*, plants of various kinds, by which he can ensure correctness of aim: his asaagai flies to the mark not because of his skill, but because his arm has been anointed. And the doctors medicate a troop before going to battle, to render it invulnerable to the weapons of the enemy. But together with the application of their medicines they give the soldiers certain rules of conduct; and of course all that fall in battle are killed because they neglected the prescribed observances!—So also in the Polynesian Legends there are two instances of invulnerability produced by magic. Maui transforms himself into a pigeon, and visits his parents; "the chiefs and common people alike catch up stones to pelt him, but to no purpose, for but by his own choice no one could hit him." (*Sir George Grey. Polynesian Mythology, p. 30.*) And Rupe in like manner transforms himself into a pigeon, and flies in search of his sister Hinairi to Tinirau's people, in the island of Motu-tapu. They try in vain both to kill it with spears and to noose it. (*Id., p. 86.*)

Usikulumi kills all his father's people, and departs with the spoil.

B' ahluleka uku m kciba. Wa ti, "N' ahlulekile na?" Ba ti, "Se s' ahlulekile." Wa tata umkonto, wa ba hlaba bonke; ba fa bonke. Wa d/la izinkomo. W' e-muka nempi yake kulelo 'lizwe nezinkomo zonke. Nonina wa hamba naye, nodade wabo, e se inkosi.

They were unable to pierce him with their spears. He said, "Are you worsted?" They said, "We are now worsted." He took a spear, and stabbed them all, and they all died. He took possession of the cattle; and departed with his army from that country with all the cattle. His mother too went with him and his sister, he being now a king.

U Z E M B E N I ; ⁴⁶

OR,

USIKULUMI'S COURTSHIP.

Uzembeni, having destroyed all other people, wishes to eat her own children, but finds the flesh bitter.

UZEMBENI umfazi omkulu. Wa zala intombi zambili; kepa wa d/la abantu kulelo 'zwe lapa a ye kona, wa za wa ba kgeda, e ba d/la nezinyamazane; a bulale umuntu kanye nenyamazane; a peke inyama yomuntu neyenyamazane 'ndawo nye. Ku te ukuba ba pelc abantu ba ti nya, kwa sala yena nentombi zake ezimbili. Intombi zake za zi iduma ezizweni, zi dume ukuba 'n/le. Enye intombi yake (kwa ti ngokupela kwabantu, e ba kgedile), wa i bamba intombi yake, wa i kipa isi/lati sanganzanye; wa si peka, wa si d/la: sa baba; ka be sa tanda uku i kgedela, ngokuba inyama yayo ya m /lupa ngokubaba: wa mangala, ka kgo-

UZEMBENI was a great woman. She had two daughters; but she devoured the men of the country where she lived, until she had destroyed them all: she ate men and game; she killed man together with deer; and boiled the flesh of man and the flesh of deer together. It came to pass that, when men were utterly consumed, there were left herself and her two daughters. Her daughters were celebrities among the tribes, on account of their beauty. One of her daughters (it happened because there were no more men, she having destroyed them) she caught, and tore off her cheek on one side, and boiled it and ate it: it was bitter; she no longer wished to eat her up, because her flesh annoyed her by its bitterness: she won-

⁴⁶ Uzembeni, "Axe-bearer," or Uzwaniide, "Long-toe."

ndanga uma ku ini loku, ukuba inyama i babe na? Ngaloko ke intombi zake za sinda kuye ngokubaba loko.

dered, and did not understand why the flesh was bitter. Therefore her daughters escaped from her through that bitterness.

Usikulumi comes to court Uzembeni's daughters.

Kwa fika insizwa, umntwana wenkosi. Igama laleyo 'nsizwa Usikulumi, 'eza 'uketa intombi enhle kulezo 'ntombi. Wa fika emini, Uzembeni e nge ko, e yozingela. Elinye igama lake ku tiwa Uzwanide; ngokuba izwani lake la li lide kakulu; i lona a be bonakala ngalo e sa vela, ku tunga izintuli; ku be ku ti e nga ka veli, ku be se ku vela izintuli, z' enziwa uzwani lwake; ngokuba lu be lu fika kukgala, lapa e ya kona Uzwanide. Ku te ke ukuba a fike Usikulumi; nembala, wa zi fumana intombi lezo zombili; wa bona nembala ukuba zinhle. Wa zi tanda, naye za m tanda; ngokuba wa umntwana wenkosi, e bukeka. Kodwa za m kalela kakulu izinyembezi, zi ti, "A u fiki 'ndawo lapa. Si ya hlupeka; a s' azi uma si za 'u ku beka pi, loku umame u dila 'bantu. Nati u si bona nje si ya hlupeka." Ya t' enye, "A u bheke isihlati sami. U yena nje umame! A s' azi uma si za 'ku ku beka pi."

There came a young man, the child of a king. The name of the youth was Usikulumi; he came to select a pretty girl from those girls. He came by day, when Uzembeni was not there, she having gone to hunt. Another of her names is Long-toe; for her toe was very long; it was that by which she was recognised, as she was coming in sight, the dust being raised; and before she appeared, the dust appeared, being raised by her toe; for it came first to the place where Long-toe was going. So when Usikulumi arrived, he found indeed the two damsels. He saw that truly they were beautiful. He loved them, and they loved him also; for he was a king's son, and good-looking. But they wept many tears on his account, saying, "You have come nowhere⁴⁷ by coming here. We are troubled; we do not know where we can put you; for our mother eats men. And as for us you see us in nothing but trouble." One of them said, "Just look at my cheek. It is my very mother!⁴⁸ We do not know where we shall put you."

⁴⁷ *A u fiki 'ndawo*, "You have come nowhere," lit., "You have not come to a place," that is, you have come to a place where you will find no good, and may find evil. It is said when there is famine, or illness, or danger in a place. So, *A ngi suki 'ndawo*, "I come from nowhere," that is, from a place where there was no pleasure nor profit; as when a man has left an inhospitable kraal, where he has not been provided with food. So, *A u yi 'ndawo*, "You are going nowhere."

⁴⁸ Telling Usikulumi that the injury of the cheek is her mother, that is, her mother's doing, as though she was ever present in the injury. So also of property or benefits; the natives point to the property or gifts, and say, *U yena lo, na lo, na lo*, "That is he, and he, and he," instead of his.

The girls dig a hole in the house, and conceal him in it.

Ku njalonjalo Usikulumi e fika lapo ezintombini, u fika yedwa. Ekaya wa puma e hamba nomhlambi wake wezinja; kodwa wa zi shiya emhlangeni. Intombi z'enza ikcebo lokuti, "Uma si ti, ka hambe, Uzwanide u ya 'ku m landa;" z' emba umgodi pakati kwendlu, za m fika, za buya za fulela, za hlala pezu kwawo.

To return;⁴⁹ Usikulumi came to the damsels alone. He left home with his pack of dogs; but he left them in a bed of reeds. The girls devised a plan, saying, "If we tell him to depart, Long-toe will pursue him;" they dug a pit in the house, and put him in, and again covered it up, and sat over it.

Uzembeni returns, and scents the game.

Lwa vela utuli ekumukeni kwe-langa. Za ti, "Nango ke e s' eza." Lwa fika uzwanu kukqala, wa landela emva kwalo. U t' e sa fika wa hleka yedwa, wa hleka, wa bukuzeke, e ti, "Eh, eh! endlini yami lapa namhla nje ku nuka zantungwana. Banta bami, n'enze njani na? Leli 'punga li vela pi na?" Wa ngena, wa hleka yedwa, e ba bansa, e ti, "Banta bami, ku kona ni lapa endlini?" Izintombi za ti, "Yiya! musa uku si fundekela; a s' azi uma uto si lu tata pi." Wa ti, "Ake ngi zifunele ke, banta bami." Za ti, "A s' azi no za 'ku ku funa uma

Towards sunset the dust appeared. They said, "Lo, she is now coming." The toe came first; she came after it. As soon as she came, she laughed to herself; she laughed, and rolled herself on the ground, saying, "Eh, eh! in my house here to-day there is a delicious odour. My children, what have you done? Whence comes this odour?"⁵⁰ She entered the house; she laughed to herself, patting them, and saying, "My children, what is there here in the house?" The girls said, "Away! don't bother us; we do not know where we could get anything." She said, "Just let me look for myself, my children." They said, "We do not know even what you want to find; for there is just

⁴⁹ *Ku njalonjalo.*—A mode of expression by which a subject interrupted is again taken up. *Revenons à nos moutons.* It is also used with the meaning, *Under these circumstances.*

⁵⁰ Although there are here no corresponding words, one cannot fail to be reminded of the "Fee fo fum, I smell the blood of an Englishman," &c. The gigantic ogress here, as in the Legends of other countries, scents out the prey, and longs to be tearing human flesh.—So when Maui wished to gain possession of the "jaw-bone of his great ancestress Muri-ranga-whenua, by which the great enchantments could be wrought," and had approached her for the purpose, she "sniffed the breeze" in all directions; and when she perceived "the scent of a man," called aloud, "I know from the smell wafted here to me by the breeze that somebody is close to me." (*Grey's Polynesian Mythology*, p. 34.) And in the Legend of Tawhaki, the scout of the Ponaturi, a race who inhabited a country underneath the waters, on entering the house where Tawhaki and Karihi were concealed, "lifted up his nose and turned sniffing all round inside the house. (*Id.*, p. 64. See also *Campbell, Op. cit.* Vol. I., pp. 9, 252.)

u za 'ufuna ni ; ku nge ko 'luto njena." Wa ti, "Ake ni suke pela, ngi zifunele." Za ti, "A si yi 'kusuka. Si ng' azi 'luto tina. Yenza o ku tandayo nje. A s' azi uma u za 'kuti ni kitina, loku naku se wa s' ona, se si nje." Ya tsho i m kombisa isihlati sayo a si dhlako. Wa dela, wa lala.

nothing here." She said, "Just move then, that I may seek for myself." They said, "We will not get up. We know of nothing, for our parts. Just do as you will. We do not know what you will do to us, since you have already injured us, and we are now as we are." She said this, pointing to her cheek, which she had eaten. She gave up, and went to sleep.

Usikulumi runs away with one of Uzembeni's daughters.

Kwa sa kusasa, wa puma, ya 'uzingela. U t' e sa puma za bona ukuba lwa pela utuli, u se tshonile. Za m kipa Usikulumi. Ya t' enye, "A si hambe." Enye ya ti, "O, mnta kababa, hamba wena. Mina ngi nge hambe nawe, ngi hambe ngi ku hleba kulo. U ngi bona uma se ngi nje ; umame wa ng' ona. Sa u hamba wedwa. Mina se ngi hlalele ukuba Uzwanide a ze a ngi kqede."

In the morning she went out to hunt. As soon as she was gone,⁵¹ they saw the dust cease, she having gone over the hill. They took out Usikulumi. One said, "Let us go." The other said, "O, child of my father, do you go. I cannot go with you to be a disgrace to you in his presence. You see how I am ; my mother injured me. Do you go alone. I shall stay, that Long-toe may make an end of me."

They travel night and day, hoping to escape Uzembeni.

Ya hamba ke nosikulumi ; la za la tshona be hamba. Wa ya ngasemhlangeni, e landa izinja zake : wa zi tata ; za hamba naye. Kwa za kwa hlwa. Kwa sa be hamba, be ngenile ukuti, "Uma si lala, u ze 'u si funyana. A si hambe imini nobusuku, ku ze ku se ; kumbe si nga m shiya."

So she went with Usikulumi ; they travelled till the sun set. He went by the way of the bed of reeds to fetch his dogs : he took them ; and they went with him. At length it became dark. In the morning they were still journeying ; they travelled in fear, saying, "If we sleep, she will come up with us. Let us go day and night, until the morning ; perhaps we shall leave her behind."

⁵¹ This is intended to intimate the rapidity of her motion. She went so rapidly that the dust raised by her progress ceased to be visible, as it were, whilst she was in the act of leaving the house ; *e sa puma*, "as she was going out." She quitted the house, and at once disappeared over a distant hill.

Uzembeni pursues them, and they ascend a lofty tree.

Wa fika ekaya Uzwanide. Wa fumana intombi yake inye. Ka be sa buza wa se dhlula, ukuti, "Umntanami u ye nga pi?" Wa hamba kwa sa. Ku te emini ba lu bona utuli, Usikulumi nentombi. Ya tsho intombi kusikulumi, ya ti, "Nango ke Uzwanide, u yena lowa ke; u se fikile. Si za 'kuya nga pi ke?" Ba se be bona umkoba omude; ba gijima, ba kwela kuwo; izinja za sala ngapantsi.

Long-toe came home: she found one daughter only. Without hesitation she went forward, saying, "Where has my child gone?" She went until the morning. At noon Usikulumi and the damsel saw the dust. She said to Usikulumi, "Behold Long toe; that is she yonder; she has now come up with us. Where can we go?" And they saw a lofty yellow-wood tree; they ran, and climbed into it; the dogs remained at its foot.

Uzembeni attempts to hew down the tree, and is torn in pieces by the dogs.

Wa fika Uzembeni; umfazi o namandhla kakulu. Wa fika nembazo yake. Wa bheka pezulu, wa ba bona. Ka be sa buza ngebazo emtini; wa ba se u ya u gaula ngamandhla umuti, izinja za se zi m luma; wa u gaula ngamandhla. Ku te uma u zwakale ukuteta umuti, se w apuka, izinja za m bamba ngamandhla: enye ya m nguma inloko, nenye umkono; ezinye za m kipa izito zonke, zi ya 'ku m lahla lapaya kude; ezinye za donsa amatumbu.

Long-toe came. She was a very powerful woman. She came with her axe. She looked up, and saw them. Without hesitation she applied her axe to the tree; and when she was now hewing the tree with all her might, the dogs bit her: she cut it with might. And when the tree was heard to creak, it now breaking, the dogs seized her firmly: one tore off her head, another her arm; others tore off her limbs, and took them away to a distance; others dragged away her intestines.

The tree becomes sound, and Uzembeni comes to life again.

Wa hluma umuti masinyane, wa ba njengokukqala. Wa buya Uzembeni wa vuka; za hlangana zonke izito zake; wa vuka, wa tata imbazo, wa gaula ngamandhla

The tree grew immediately, and resumed its original condition.⁵² Uzembeni came to life again; all her limbs came together; she rose up and took her axe, and hewed

⁵² A similar thing is related of a magical tree in the Legend of Itshe-likatunjabili, given below.—In the Legend of "The King of Lochlin's Three Daughters," the widow's eldest son, who chose "the big bannock with his mother's cursing in preference to a little bannock with her blessing," went into the forest to cut timber to build a ship. "A great Uruisg [or Urisk, a "lubberly supernatural"] came out of the water, and she asked a part of his bannock." He refused. "He began cutting wood, and every tree he cut would be on foot again; and so he was till the night came." (*Campbell's Highland Tales*. Vol.

umuti; ku te uma u zwakale u teta, izinja za buya za m nguma in'loko nezito; kwa ba i leyo ya gijima nesinye, i ya emfuleni edwaleni, zonke z' enza njalo; za tata izimbokondo, za gaya izito, z' enza impupu.

the tree with might; and when the tree was heard to creak, the dogs again tore off her head and limbs, and each went with one to the river, to a rock: all did the same; they took large pebbles, and ground her limbs to powder.

Uzwamile having been ground to powder, Usikulumi escapes.

Wa sala w' ehla Usikulumi nentombi emtini; ba gijima, b' emuka, be ya kubokasikulumi. Za i tela emanzini inyama kazembeni, i se impupu. Za hamba ke, zi landela Usikulumi. Wa fa ke Uzembeni, wa pela. Wa fika ekaya Usikulumi kubo, kwa kalwa isililo. Kwa klatshwa izinkomo, kwa jabulwa kakulu, be ti, "Le 'ntombi en'le kangaka u i tata pi na? Sa si nga sa tsho uma u se kona. Sa se si ti, u file."

Whereupon Usikulumi and the damsel descended from the tree, and ran away to Usikulumi's people. The dogs cast Uzembeni's flesh, when ground to powder, into the water; and then they followed Usikulumi. So Uzembeni died; and Usikulumi came home to his people; they made a funeral lamentation.⁵³ Then they killed oxen and rejoiced greatly, saying, "This so beautiful damsel, where did you get her? We thought you were no longer in the land of the living. We thought you were dead."

I., pp. 236, 237.) So Rata "went into the forest, and having found a very tall tree, quite straight throughout its entire length, he felled it, and cut off its noble branching top, intending to fashion the trunk into a canoe; and all the insects which inhabit trees, and the spirits of the forest, were very angry at this, and as soon as Rata had returned to the village at evening, when his day's work was ended, they all came and took the tree, and raised it up again, and the innumerable multitude of insects, birds, and spirits, who are called 'The offspring of Hakuturi,' worked away at replacing each little chip and shaving in its proper place, and sang aloud their incantations as they worked; this was what they sang with a confused noise of various voices:—

'Fly together, chips and shavings,
Stick ye fast together,
Hold ye fast together;
Stand upright again, O tree!'"

This occurs again and again, until Rata watches, and catches one of them. They tell him he had no right to fell the forest god. He is silent. They tell him to go home, and promise to build the boat for him. (*Sir George Grey's Polynesian Mythology, p. 111—114.*)

⁵³ If a person who has disappeared for some time, and is supposed to be dead, unexpectedly returns to his people, it is the custom first to salute him by making a funeral lamentation. They then make a great feast.—A similar custom appears to prevail among the Polynesians. Thus Rehua is represented as making his lamentation on the approach of Rupe; and Rupe appears to reply by a lamentation. (*Grey's Polynesian Mythology, p. 84.*) So "Ngatoro-i-rangi wept over his niece, and then they spread food before the travellers." (*Id., p. 169.*) On Hatupatu's return, who was supposed to have been slain by his brothers, "the old people began to weep with a loud voice; and Hatupatu said, 'Nay, nay; let us cry with a gentle voice, lest my brethren who slew me should hear.'" (*Id., p. 189.*) So all the people weep over Maru-tuahu on his arrival. (*Id., p. 252.*)

ANOTHER VERSION OF A PORTION OF THE TALE.

A swallow meets with Usikulumi, and gives him a charm.

Kwa ti Usikulumi e hamba e ya kwazembeni e ya 'ukgoma intombi, e ng' azi 'luto ngozembeni, 'azi intombi lezo, e ku tiwa zinkhle; wa hamba ke, wa hlangana nenkwenjane; ya ti kuye inkwenjane, "Sikulumi, lapa u ya kona a u yi 'ndawo; ku yi 'kuhlala kahle. U ya 'ulondolozwa ubani na? O, ngi klinkhle mina; isikumba sami u si tunge, u si fake ezindukwini zako lapa, ukuze ngi ku tshela uma Uzembeni e za 'ku ku dila." Wa i bamba ke inkwenjane, wa i klinkla, wa si tunga isikumba sayo, wa si faka ezindukwini.

It happened that as Usikulumi was on his way to Uzembeni to court her daughters, he knowing nothing of Uzembeni, knowing only about the damsels, which were said to be beautiful, he journeyed and met with a swallow. The swallow said to him, "Usikulumi, there is no place where you are going; you will not be prosperous there. Who will be your protector? O, skin me, and sow up my skin, and put it on your rods, that I may tell you when Uzembeni is coming to eat you." So he caught the swallow, and skinned it, and sewed its skin, and put it on his rods.

The swallow's skin warns Usikulumi of danger.

Wa fika kona kwazembeni. Ku ti ukuba a fike Uzembeni, isikumba leso sa m tshela Usikulumi, sa ti, "Nanku ke Uzembeni." Ku te ebusuku, lapa se ku lelwe endlini kazembeni, Usikulumi e lele nganzanye kwendlu; kwa ti ebusuku Uzembeni wa vuka, wa nyonyoba, e ya 'ubamba Usikulumi; isikumba sa m vusa Usikulumi, sa ti, "Vuka ke manje. Nanku Uzembeni e se fikile." Wa vuka ke Usikulumi. Uzembeni wa buyela emuva; ngokuba u tanda uku m zuma e lele.

He arrived at Uzembeni's. When Uzembeni came, the skin told Usikulumi, saying, "There is Uzembeni." And in the night, when they lay down in Uzembeni's house, Usikulumi sleeping on one side of the house, it came to pass that in the night Uzembeni awoke, and stole stealthily, she going to lay hold of Usikulumi; the skin awoke him, and said, "Awake now. Lo! Uzembeni is at hand." So Usikulumi awoke; and Uzembeni went back again; for she wished to take him by surprise.

The swallow's skin tells him to make his escape.

Kwa za kwa sa; and' uba isikumba si m tshela Usikulumi, si ti, "Muka ke manje; ngokuba Uzembeni u se mukile." Wa puma ke nentombi leyo. E se hamba ke, e baleka, e balekela Uzembeni, wa za wa fika endaweni e nomuti. Sa ti isikumba, "Kwela kulo 'muti, ngi ku londoloze kona.

At length it dawned, whereupon the skin said to Usikulumi, "Depart now; for Uzembeni has already set out." So he departed with the damsel. So he went and fled from Uzembeni, until he came to a place where there was a tree. The skin said, "Climb into this tree; I will preserve you there.

Izinja zi za 'kulwa naye Uzembeni, zi m bulale." Wa kwela ke em-tini. Wa fika ke Uzembeni, wa u gaula. Kwa ti lapa se u za 'ku-wa, izinja za m kcita. Wa buya wa vuka. Ngemuva za m kcita nya. Isikumba sa ti, "Yehla manje. Uzembeni u se file. Kodwa u ya 'kubuy' a vuke. Yehla, u hambe ngamandhla."

The dogs will fight with Uzembeni, and kill her." He climbed into the tree. Uzembeni came, and hewed the tree. When it was about to fall, the dogs tore her in pieces. She came to life again. After that they utterly tore her in pieces, and scattered the fragments. The skin said, "Descend now. Uzembeni is now dead; but she will come to life again. Descend, and go speedily."

Uzembeni comes to life again.

Nembala Uzembeni wa sala wa vuka, loku izinja zi be zi m gaye, za m enza impupu, za m tela eman-zini. Wa sala wa hlangana, wa vuka. Wa vuka be nga se ko. Wa funa; ka be sa ba tola. Wa dela, wa 'goduka.

And truly Uzembeni afterwards came to life, although the dogs had ground her to powder, and thrown her into the water. She again joined piece to piece, and came to life again.⁵⁴ She came to life again, when they were no longer on the tree. She sought them, but did not find them any more. So she gave up, and went home.⁵⁵

⁵⁴ So Heitsi Kabib, a very different character, however, from Uzwanide, "died several times, and came to life again." (*Bleek's Hottentot Fables and Tales*, p. 76.)

⁵⁵ In Basile's *Pentamerone* we find a tale which has some points of resemblance with this. Petrosinella is a beautiful damsel in the power of an ogress, who confines her in a tower, to which access can be gained only by a little window, through which she ascends and descends by means of Petrosinella's hair! A young prince discovers her in her retreat, and reaches her in her tower by the same means as the ogress, the ogress having been sent to sleep by poppy-juice. But a neighbour discovers the lovers' interviews, and tells the ogress. She says in reply that Petrosinella cannot escape, "as she has laid a spell on her, so that unless she has in her hand the three gallnuts which are in a rafter in the kitchen, it would be labour lost to attempt to get away." Petrosinella overhears their conversation; gets possession of the gallnuts; escapes with the prince from the tower by means of a rope-ladder; the neighbour alarms the ogress, who at once pursues them "faster than a horse let loose." Petrosinella throws a gallnut on the ground, and up springs a Corsican bulldog, which rushes on the ogress with open jaws. But she pacifies the dog with some bread; and again pursues them. Another gallnut is thrown on the ground, and a fierce and huge lion arises, which is preparing to devour her, when she turns back, strips the skin off a jackass which is feeding in a meadow, and covers herself with it: the lion is frightened, and runs away. The ogress again pursues, still clothed with the ass's skin. "They hear the clatter of her heels, and see the cloud of dust that rises up to the sky, and conjecture that it is she that is coming again." Petrosinella throws down the third gallnut, when there starts up a wolf, "who, without giving the ogress time to play a new trick, gobbles her up just as she is, in the shape of a jackass." (p. 117.)

Tales in which ogres are represented as having beautiful daughters, which are courted and won by princes, are very common in the "Folk-lore" of different nations. (See Basile's "Dove," *Op. cit.*, p. 180. Compare also "The Young King of Esaidh Rusdh;" and "The Battle of the Birds." *Campbell, Op. cit.* Vol. I., pp. 1, 25.)

UNTOMBINDE.⁵⁶

Untombinde urges her father to allow her to go to the Ilulange.

INTOMBI yenkosi Usikulumi ka-khloko/loko, Umbokondo-i-gaya-abagayi, Ukqulungu-umlomo-wa-otetwa, ya ti, "Baba, ngi y' elulange. Mame, ngi y' elulange, ngomunye unyaka." Wa ti uyise, "A ku yi, lu buya ko : ku ya 'uyela futi." Ya vela futi ngomunye unyaka, ya ti, "Baba, ngi y' elulange. Mame, ngi y' elulange." Wa ti, "A ku yi, lu buya ko : ku ya 'uyela futi." Kwa vela unyaka, ya ti, "Baba, ngi y' elulange." Ya ti, "Mame, ngi y' elulange." Ba ti, "Elulange a ku yi, lu buya ko : ku ya 'uyela futi." Wa vuma uyise, wa vum' unina.

THE daughter of the king Usikulumi, the son of Uthlokothloko, Umbokondo-i-gaya-abagayi,⁵⁷ Ukqulungu - umlomo - waotetwa, ⁵⁸ said, "Father, I am going to the Ilulange.⁵⁹ Mother, I am going to the Ilulange, next year." Her father said, "Nothing goes to that place and comes back again :⁶⁰ it goes there for ever." She came again the next year, and said, "Father, I am going to the Ilulange. Mother, I am going to the Ilulange." He said, "Nothing goes to that place and comes back again : it goes there for ever." Another year came round. She said, "Father, I am going to the Ilulange." She said, "Mother, I am going to the Ilulange." They said, "To the Ilulange nothing goes and returns again : it goes there for ever." The father and mother consented (at length).

She collects two companies of maidens, and sets out.

Ya buta intombi zi ikulu ngenenye kwolhangoti lwend/lela ; ya buta intombi za likulu ngenenye kwolhangoti lwend/lela. Za hamba ke. Za hlangana nabahwebu. Za fika z'ema anakala

She collected a hundred virgins on one side of the road, and a hundred on the other. So they went on their way. They met some merchants. The girls came and stood on each side of the path,

⁵⁶ Untombinde, Tall-maiden.

⁵⁷ Umbokondo-i-gaya-abagayi, Upper millstone, which grinds the grinders.

⁵⁸ Ukqulungu-umlomo-waotetwa, Fouter of the Abatetwa.

⁵⁹ A river, not now known to the natives.

⁶⁰ So the king's daughter beseeches the fisherman's son, her husband, not to go to "a little castle beside the loch in a wood." "Go not, go not," said she ; "there never went man to this castle that returned." (*Highland Tales. Vol. I., p. 82.*)

omabili endhlela, za pa/la indhlela. Za ti, "Bahhwebu, si tshela ni u/langa oluhle lapa lwentombi; lo si 'mitimba 'mibili." Ba t' abahwebu, "U mukle, tintakabazana; u nge fike kuntombinde wenkosi, o ng' ukqwekqwana lotshani; o ng' amafuta okupakwa; o ng' inyongo yembuzi." Ba ba bulala laba abahwebu, be bulawa umtimba katintakabazana.

on this side and that. They said, "Merchants, tell us which is the prettiest girl here; for we are two wedding companies." The merchants said, "You are beautiful, Utintakabazana; but you are not equal to Untombinde, the king's child, who is like a spread-out surface of good green grass; who is like fat for cooking; who is like a goat's gall-bladder!"⁶¹ The marriage company of Utintakabazana killed these merchants.

They arrive at the Ilulange, and bathe: the Isikqukqumadevu steals their clothes.

Ba fika ke emfuleni elulange. Ba be pake ingzota; ba be pake imbedu; ba be pake iminaka; ba be bince imintsha yendondo. Ba i kumula, ba i beka ngapezulu kwesiziba solange. Ba ngena, ba bukuda yonibili imitimba. Ba bukuda, ba puma. Kwa puma iye intombazana, ya fumanisa iminaka inga se ko yonke, nembedu zonke, nengzota, nemintsha yendondo. Ya ti, "Puma ni; izinto ka zi se ko." Ba puma bonke. Ya ti inkosazana Untombinde, "Kw enziwa njani na?" Ya t' enye intombi, "A si bongwe. Izinto zi muke nesikqukqumadevu." Ya t' enye intombazana, "Sikqukqumadevu, ngi nike izinto zani, ngi muke. Ng' enziwe Untombinde wenkosi, o te, 'Kwa

So they arrived at the river Ilulange. They had put on bracelets, and ornaments for the breast, and collars, and petticoats ornamented with brass beads. They took them off, and placed them on the banks of the pool of the Ilulange. They went in, and both marriage companies sported in the water. When they had sported, they went out. A little girl went out, and found nothing there, neither the collars, nor the ornaments for the breast, nor the bracelets, nor the petticoats ornamented with brass beads. She said, "Come out; the things are no longer here." All went out. Untombinde, the princess, said, "What can we do?" One of the girls said, "Let us petition. The things have been taken away by the Isikqukqumadevu."⁶² Another said, "Thou, Isikqukqumadevu, give me my things, that I may depart. I have been brought into this trouble by Untombinde, the king's child, who said, 'Men bathe

⁶¹ These are terms of flattering admiration. The gall-bladder of the goat, inflated and dried, and stuck in the hair, is a sign of having been honourably received at the place where a person has been sent as a messenger.

⁶² Isikqukqumadevu, A bloated, squatting, bearded monster.

Some natives suppose that the Tale of the Isikqukqumadevu is a fabulous account of the first large ship that appeared to their fathers, being probably a slaver. Others think it is a corrupted tradition of Noah's ark. See appendix at the end of this tale.

kaibi-kulu ku ya gezwa : kwa ku geza aobaba bamandulo.' U mina ngi ku bangela Intontela?" Sa m mikela umuntsha. Ya kqala enye intombi, ya si bonga, ya ti, "Isikgukqumadevu, ngi nike izinto zami, ngi muke. Ng' enziwe Untombinde wenkosi; wa ti, 'Kukeibi-kulu ku ya gezwa : kwa ku geza aobaba bamandulo.' U mina ngi ku bangele Intontela?" Wa kqala umtimba wonke, wa za wa pela, w' enza njalo. Kwa salela yena Untombinde wenkosi.

in the great pool : our first fathers bathed there.' Is it I who bring down upon you Intontela?"⁶³ The Isikgukqumadevu gave her the petticoat. Another girl began, and besought the Isikgukqumadevu : she said, "Thou, Isikgukqumadevu, just give me my things, that I may depart. I have been brought into this trouble by Untombinde, the king's child ; she said, 'At the great pool men bathe : our first fathers used to bathe there.' Is it I who have brought down upon you Intontela?" The whole marriage company begun, until every one of them had done the same. There remained Untombinde, the king's child, only.

Untombinde refuses to petition the Isikgukqumadevu, and the monster seizes her.

Wa t' umtimba, "Bonga, ntombinde, Usikgukqumadevu." W'ala, wa ti, "A ng' 'uze nga si bonga Isikgukqumadevu, ng' umnta wenkosi." Sa m tabata Isikgukqumadevu, sa m paka kona esizibeni.

The marriage party said, "Beseech Usikgukqumadevu,"⁶⁴ Untombinde." She refused, and said, "I will never beseech the Isikgukqumadevu, I being the king's child." The Isikgukqumadevu seized her, and put her into the pool.

The other girls lament her, and return to tell the tale.

Intombi ezinye za kala, za kala, z' esuka, za hamba. Za fika ekaya enkosini ; za fika, za ti, "U tatwe Isikgukqumadevu Untombinde." Wa t' uyisc, "Kade nga ngi m

The other girls cried, and cried, and then went home. When they arrived, they said, "Untombinde has been taken away by the Isikgukqumadevu." Her father said, "A long time ago I told Untom-

⁶³ *Intontela*.—The name of one of the military kraals of the Zulu king. The use of this word suggests either that the Tale is of recent origin, or has undergone modern corruption. It may, however, be an old name adopted by the Zulus. The question implies that armies were sent to contend with the monster.

Wa ba nga ti⁹³ kwezake intombi ez'amabuto ake, "Ngi pelekezele ni, ngi lande ubenhle bami." Z' ala zonke nezake nezodade wabo; zi yaliwe udade wabo. Wa buya ke yedwa. Wa hamba-hamba, wa fumana izimu, li hlezi endhlini lapa bu kona ubenhle bake. Wa ti e sa u fika, wa fu-

She vainly asked her female attendants one after another, saying, "Do you accompany me, that I may fetch my ubenthle." All refused, both her own and her sister's; they had been enjoined by her sister (to refuse). So she returned alone. She went and went, and fell in with a cannibal sitting in a house, where her ubenthle was. When she arrived, she found him

⁹⁰ Bundle-of-ubenthle.

⁹¹ Amabuto abo, pronounced amabutw abo; the *o* becoming *w* before the vowel. It does not appear desirable to note by spelling such peculiarities.

⁹² A fibrous plant, with which ornaments, &c., are made.

⁹³ *Wa ba nga ti*.—The meaning of this form is, She addressed first one and then another in vain. As below, *Wa ba nga lunywa*, He was bitten in vain, that is, without shrinking or manifesting pain.

mana li tola izibungu, li zi dhlā. Li m biza, la ti, "Ngena, u ze 'ku ngi tolisa." Wa ngena, wa fika wa tola, wa zinge e li nika izibungu, li dhlā.

hunting for maggots⁹⁴ and eating them. He called her, saying, "Come in, and help me to find." She entered and went and found, and gave him maggots continually, and he ate.

Usitungusobenthle's sister and the attendants make a false report.

Ekaya ba fike ba ti, "I tombile leyo 'ntombazana, Usitungusobenthle." Ku klatshwe inkomo; isizwe sonke si pelele ngokuhlaba, uba ku tombe inkosazana.

The others arrived at their home; they said, "The little maid, Usitungusobenthle, has become a woman." An ox is slaughtered, and the whole tribe comes together at the slaughter, because the princess has come to maturity.⁹⁵

The cannibal puts Usitungusobenthle into his bag, and walks off with her.

La ti izimu la m faka emhlantini; wa ti ke wa puma nalo izimu, li y'ekaya kubo kasitungusobenthle. Ba fumana abafana be babili bakwabo, be sematoleni, abanye be sezinkomeni, be dhl' inyama. La ti, "Ngi sikele ni inyama." Ba li sikela izimu. La ti, "Ngi za 'ku ni tshela umhlanti womuntu omkulu."

The cannibal put Usitungusobenthle into his bag, and she went with the cannibal, and he went to Usitungusobenthle's home. They fell in with two of her brothers, who were with the calves; and others were with the cattle, eating meat. The cannibal said, "Cut off some meat for me." They cut off some for him. He said, "I will tell you something about the bag of a great person."⁹⁶

Usitungusobenthle speaks in the bag, and her brothers recognise her voice.

Ba li pa, la dhlā. Ba ti, "U bete umhlanti, u te u zo 'u si tshela." La u beta ke. Ya ti ke intombazana, Usitungusobenthle, i

They gave him meat, and he ate. They said, "Beat the bag⁹⁷ you said you would tell us of." So he beat it. The little girl, Usitungusobenthle, who was in the

⁹⁴ In a native hut which is not properly attended to, maggots come up from the floor. The cannibal is represented as eating them. The badly cared for house and the food are both intended to disparage the cannibal, by intimating that his habits are different from those of other men.

⁹⁵ The ceremonies performed on such occasions will be given in another place.

⁹⁶ The brothers of Usitungusobenthle understand by this that there is something mysterious which probably concerns themselves, being children of the king, in the cannibal's bag.

⁹⁷ That is, "Out with this tale about the bag."

ngapakati emhlantini, ya ti, "Ngi ya 'kukuluma, ngi ti ni? Ngi shiye nje abakababa; b' alile uku ngi pelekezela, ngi ye 'kutabata uben'hle bwami." B' ezwa abafana bakwabo, b' ezwa ngelizwi; ba ti, "Mu pelekezele ni, a ye kubaba, a ye 'kud'la inyama e kcebileyo kubaba ekaya." Ba mu pelekezela ke, ba mu sa end'hlini yakwabo Usitungusoben'hle.

bag, said, "What shall I say? I have been left by my father's children, who refused to accompany me to fetch my ubenthle." The boys, her brothers, heard; they understood by her voice; they said, "Do you accompany him to our father's, that he may eat fat meat at our father's house." So they accompanied him, and brought him to Usitungusoben'hle's home.

Usitungusoben'hle's brothers take the cannibal to their father.

La fika ke kwabo. Wa li sikela unina kasitungusoben'hle; la d'la. Ba ti, "U bete ke umhlanti womuntu omkulu." La u beta ke izimu. Wa ti umntwana, "Ngi ya 'ukuluma ngi ti ni? Ngi shiye ngabakababa." Wa ti unina, "A ku yokubizwa inkosi uyise." Wa fika ke, wa ti, "A ke a bete umhlanti;" 'ezwe i kuluma, ya ti, "Ngi ya 'kuti ni? Ngi shiye ngabakababa."

So the cannibal came to her people. Her mother cut him some meat, and he ate. They said to him, "Just beat the bag of the great person." So the cannibal beat it, and the child said, "What shall I say? I have been forsaken by my father's children." The mother told them to call the king, her father. So he came, and said, "Just let him beat the bag." And he heard her say, "What shall I say? I have been forsaken by my father's children."

The father sends the cannibal to fetch water in a leaky calabash, and takes Usitungusoben'hle out of the bag.

Wa ti ke uyise, "Li nike iselwa, li ye 'kuka amanzi." Wa li kcamusa iselwa ngesilanda. La hamba ke izimu, li ya 'kuka 'manzi. La libala ukuka 'manzi, iselwa li vuza. Ba be tola na ofezela nenyoka nezinja, ku fakwa emhlantini; wa kitshwa umntwana, intombi, Usitungusoben'hle ng' uyise.

So her father told them to give the cannibal a calabash, that he might go and fetch water. The father made a hole in it with a spear.⁹⁸ So the cannibal went to fetch water. The cannibal was detained fetching water, for the calabash leaked. They procured scorpions, and snakes, and dogs, and put them in the bag; and the little girl, Usitungusoben'hle, was taken out by her father.⁹⁹ They

⁹⁸ In like manner the woman gives Moorachug a sieve to fetch water in. (Campbell. *Op. cit.* Vol. I., p. 160.) The Danaides are punished by being compelled to the infinite, unceasing labour of filling a vessel full of holes with water.

⁹⁹ A tale similar to this in many respects, and containing some incidents from other legends, is related of Tselane, among the Bechuanas. (Abboussel's *South Africa*, p. 98.) See also above, p. 33. "Uhlakanyana."

Kwa fakwa izilo zonke, ezi lumayo zonke, emhlantini wezimu. La fika izimu, la ti, "Ini ukuba ni ngi nike iselwa elivuzayo?" Ya ti inkosi ya li bulala, ya ti, "U nikwe inkosikazi. Ku nani i nga ku funeli iselwa eli nga fanga, elikqinileyo na?"

put all kinds of biting animals into the cannibal's bag. The cannibal came, and said, "Why did you give me a leaky calabash?" The king had made a hole in it, but he said, "The queen gave it to you. How was it she did not find for you an unbroken, strong calabash?"

The cannibal departs with his bag full of venomous animals.

La ti ke izimu, "Umhlanti wami u sa hlezi ini ke na?" Ba ti, "U se hlezi ngaloko 'kulalala kwawo, u be u u beka ngako." La twala ke izimu; la piwa nenyama, la goduka, li ya ekaya emzini walo. La fika, la u beka pandhle umhlanti walo; la ti, "A ku baswe umlilo, ku pekwe imbiza."

The cannibal said, "Is my bag still there?" They said, "It is still in the same place and condition as you put it." The cannibal took it up; he was given meat, and went home to his kraal. When he arrived he put his bag down outside, and told them to make a fire and boil the pot.

The cannibal's death.

I b' i tsha. La tumela umntwana walo, la ti, ka tabate umhlanti. Wa lunywa umntwana; wa u lahla. La tuma omunye futi; wa hamba wa ti, u ya u tabata; wa lunywa naye; wa u lahla. Izilwane ezi pakati emhlantini za luma abantwana bezimu. La ti, "Ni nga be ni sa ngena endhlini lapa," kubantwana balo. La ti, a u tatshatwe inkosikazi. Ya lunywa. Ya ti, "Bakle; ba tsho abantwana ukuba u ya luma lo 'umhlanti wako." La ti ke, "Ngi valele ni ngapakati, ni vimbe nentunjana." Ba vala ke, ba puma. La u tabata ngokwalo. La ba nga lunywa, la kqinisele. La u kupa, la u nikina. Za kumbula kulo zonke ezi fakiwe ngapakati. La

The pot was boiling. He sent one of his children to fetch the bag. The child was bitten, and left it. He sent another; he went, and when he was taking hold of it, he too was bitten; and left it. The animals which were in the bag bit the cannibal's children. He told them not to come into the house any more. He told his chief wife to fetch it. She was bitten, and said, "The children are right; they said truly this bag of yours bites." So he said, "Shut me up inside the house, and close up even the little holes."¹ They shut him up, and went out. He took the bag by himself. He was bitten again and again without shrinking. He emptied the bag, and shook it. All the animals which were inside rushed upon him. He screamed.

¹ Thus giving them to understand that as they had spoken evil of the food he had in his bag, they should not only not have any of it, but should not even see what it was.

kala. La kala ngapakati, li ko-
hlwe lapa li nga puma ngakona.
Kwa ti ku 'sikati, ba vula; se li
kgediwe; se ku sele amatambo
odwa. La puma li gijima, la ya
odakeni; la fika, la hlaba ngen-
hloko. Kwa ngena izinyosi ema-
tanjeni alo, se li umuti!

He screamed inside, being un-
able to get out anywhere. After
some time they opened the door,
when he was already made an end
of, and nothing was left but bones.²
He ran out, and went to a mud-
hole; when he arrived, he fell in
head foremost. And bees entered
into his bones, he being now a
tree!

Usitungusobenthle's father kills the girls who had forsaken her.

Kwa ti ekaya inkosi ya biza
Usitungusoben/le, ya ti, ka pume.
Z' ala ke intombi. Ya fika ya
fika ya ya endlini, lapa ku
tonjiswe kona. Ya fumana be
y ambese enye intombi ngomuti,
ku tiwa, ng' Usitungusoben/le.
Ya zi biza zonke; za puma ke, za
pelela. Ya tola ukuni, ya tabata
isitshetshe, ya zi ngamula zonke
intombi.

At home the king called for
Usitungusobenthle, and told her
to come out. But the girls refused.
He went to the hut, where the
ceremonies of puberty were being
performed. He found that they
had decorated another girl with
branches of trees, and it was said
she was Usitungusobenthle. He
called them all; they came out
every one of them. He got a
block,³ and took a sword, and cut
off the heads of all the girls.

UFUSI MBELE (DEBORAH).

USITUNGUSOBENHLE NAMAJUBATENTE.⁴

Usitungusobenthle is carried off by Pigeons.

Ku tiwa, kwa ku kona intombi i
tombile, Usitungusoben/le ibizo
layo. Kwa ti abantu bomuzi wa-
bo bonke ba hamba ba ya 'kulima
kude nomuzi wabo, nezintombi za
hamba futi nazo, za ya 'kuka

It is said there was a girl, who
had come to womanhood, whose
name was Usitungusobenthle. All
the people of her kraal went to
dig at a distance from the kraal:
the girls also had gone to pluck

² An exaggeration of course.

³ This mode of punishing criminals is no longer practised among the Zulus; neither do they know when it was. They say merely that it was common to execute in this way in the time of long ago.

⁴ *Amajubatente*.—Pigeons. Although the idea of birds is practically kept up at first, it is soon left, and the Amajubatente are evidently a people, probably a people riding on horses.

incapa; wa sala yedwa Usitungusobenhle. Kwa ti kwa fika Amajubatente; a fika Amajubatente, a mu tabata Usitungusobenhle, a hamba naye e ndiza pezulu; a dabula ngalapa ku kona onina, lapa be lima kona, a m lengalengisa pezu kukanina. Usitungusobenhle wa kala e bona unina, wa ti, "Mame, mame, ng' emuka nama-jubatente." A m lengisa. Unina wa linga uku m hamba; e m dabukisa nje kodwa unina, a hamba naye Usitungusobenhle; nonina futi wa landela, e hamb' e kala. Kwa za kwa hlwa, a fika emtini, a kwela pezulu, a hlala kona pezulu. Unina wa lala ngapantsi kwomuti. Kwa ti ngapakati kwobusuku a m tata Amajubatente Usitungusobenhle, a hamba naye, a ya kubo.

incapa;⁵ and Usitungusobenthle was left alone. Some Amajubatente came and took away Usitungusobenthle; they carried her flying through the air; they passed near the place where her mothers⁶ were digging, and moved her backwards and forwards in the air over her mother's head. Usitungusobenthle shouted when she saw her mother, "Mother, mother, I am going away with the Amajubatente." They suspended her in the air. Her mother tried to lay hold of her. But they were merely distressing her mother, and went away with Usitungusobenthle: her mother also followed, going and weeping. When it was evening they came to a tree and perched on the top, and stopped there on the top. The mother lay down at the foot of the tree. In the night the Amajubatente took Usitungusobenthle, and went away with her to their own country.

Usitungusobenthle becomes the queen of the Pigeons.

Kwa sa unina ka b' e sa wa bona pezu kwomuti Amajubatente. Wa se u ya buya, wa pindel' emu-va. Amajubatente a fika ekaya kubo, nositungusobenhle futi. A ti Amajubatente, "A ka be inkosikazi." Wa e se ba inkosikazi. Wa zala umntwana. (Indoda yake ya Ijubatente nayo.) Wa pinda wa zala omunye futi; wa pinda wa zala omunye futi: abatatu 'kupela.

In the morning the mother could no longer see the Amajubatente on the tree; so she went back again. And the Amajubatente went to their home with Usitungusobenthle. The Amajubatente said, "Let her be queen." So she became queen accordingly. She gave birth to a child. (Her husband was an Ijubatente also.)⁷ Again she gave birth to a second child; again she gave birth to a third child: three altogether.

⁵ Incapa. —A soft kind of grass.

⁶ Mothers. —The children of the polygamist call all the wives Mother, as well as their mother properly so called.

⁷ The notion of the marriage between human beings and animals is very common; and like another very common notion with which it is associated, — the possibility of holding intercourse with and understanding the language of beasts, birds, and fishes, — may perhaps be regarded as an indication of that

The men go to hunt, leaving Usitungusobenthle alone with an old woman.

Kwa ti kwa menywa inkqina ;
ya ya ukuzingela kude ; ya hamba
nendoda futi kasitungusobenthle ;
nabantwana bake ; bonke abantu
be ya 'kuzingela nabo. Wa sala
nesalukazi ekaya Usitungusobe-
nthle ; bobabili ba sala ekaya. Wa
se kcebe ikcebo kubantwana bake,
wa ti, "A no zigulisa."

It happened that a hunting
party was called out ; it went to
hunt at a distance ; Usitunguso-
benthle's husband went also and
her children ; and all the people
went to hunt. Usitungusobenthle
remained at home with an old
woman ; they two remained at
home. Usitungusobenthle devised
a plan with her children ; she told
them to feign sickness.

Usitungusobenthle's children feign sickness, and return to their mother.

Ya puma inkqina kusasa. Ba
ti be sa puma ekaya, wa ti omkui-
wana⁸ umntwana wake wa ziwisa

The hunting party went out in
the morning. As they were leav-
ing home, the bigger boy of Usi-

sympathy with all living things, which was characteristic of early man, as it is now the characteristic of childhood. The emotional mind naturally yearns towards the lower world of living things, and asks whether there may not be some closer relationship between them and man than is commonly supposed to exist ; loves to watch their habits, and longs to comprehend their language. And the philosopher appears more and more disposed to seek for and to acknowledge the existence of relationships, which a few years ago would have been scornfully rejected as derogatory to human dignity. (See an interesting and excellent paper on the subject by Mr. Charles S. Wake. *Anthropological Journal*. No. III., p. 365.)

Be this as it may, the notion is very common in the tales of all people. Here the husband is a Pigeon ; in the Highland tales it is a Hoodie, or Royston Crow ; or a Dog ; or a Frog. In the German a Horse ; or a Rabbit. In the Neapolitan a Serpent. In the Hottentot an Elephant. And we have our own tale of Beauty and the Beast. But in the progress of the tale the characteristics of the animal are lost ; there is nothing but the name ; all its actions, thoughts, and language are human. And it generally turns out that it is a "prince under spells."

So here the progress of the tale shows that men and not pigeons are meant. They are unable to fly across a river. The introduction of animals instead of men into a tale is easily explained as regards Zulu. *Ijubatente*, a pigeon, becomes a proper name by changing the initial *i* into *u* ; thus, *Ujubatente*, The Pigeon-man. Such names are common, as, *Undhlovu*, The Elephant-man ; *Unyoni*, The Bird-man ; *Unhlalu*, The Boa-man, &c. In the Kafir legends there is never, so far as I know, any allusion to horses. The Zulus are not a nation of horsemen ; and horses have only recently been introduced amongst them. This tale may originally have been a narrative of an inroad of horsemen, who carried off a native girl. Nothing would be more natural than for them to say on such an occasion, "It was not men, but pigeons, that took her away." The name of a bird would be given them to intimate their velocity. It is not uncommon at the present time to hear an old man speak of riding on horseback as *flying*. If a person complain of fatigue from riding, he would ask, "How can you be tired, since you have merely *flown*, and not gone on your feet ?" If this be a correct surmise, it will throw some light on the origin of the tale, both as regards locality and time.

⁸ *Omkuiwana*, dim. of *kulu*, lit., biggish, somewhat big, that is, the one who was big as compared with the other two, the bigger.

pantsi, wa ti, "Maye, nga puka." Wa ti uyise, "Ka buye a ye 'kaya." Ya dhlulela ngapambili futi. Wa ti omunye umntwana ow elama omkuiwana, wa ti, "Maye, nga fa isisu." Wa ti uyise, "Ka buye futi naye." Ya dhlulela ngapambili futi. Wa ti omuncinyane, "Ngi pela ikanda." Wa ti uyise, "Ka buye futi naye." B' enza ngamabomu, be kohlisa uyise, be ti, i kona be za 'umuka. Ba pelela bobotatu ekaya kunina.

tungusobenthle fell down designedly, and cried out, "O dear, I am hurt." His father told him to go home. The hunting party again went on. Another child, the next to the eldest, said, "O dear, I have a sudden pain in my stomach!" His father told him too to go back. The hunting party again went on. The little one said, "My head is in pain all over." His father told him to go back also. They did this wilfully, deceiving their father, thinking by this means to get away. All three were now at home with their mother.

Usitungusobenthle escapes with her children. An alarm is given.

Unina wa bopa impahla yake, wa tata abantwana bake, wa hamba nabo. Si te si kqabuka isalukazi, wa e nga se ko Usitungusobenhle, e se hambile; sa memeza, sa ti, "Yi, yi, yi," (si alaba umkosi,) "inkosikazi i mukile nabantwana benkosi." W' e-rwa omunye kwabazingelayo, wa ti, "Tula ni! U ti ni lowo na? Ku nga ti, u ti, 'Inkosikazi i mukile nabantwana benkosi.'" Ba ti ba m bamba, ba ti, "U hlolela abantwana benkosi." Ba m bulala. Sa pinda sa memeza futi, sa ti, "Yi, yi, yi; inkosikazi i mukile nabantwana benkosi." Wa ti omunye futi, "Ni m bulele kodwa ubani. U kona umuntu o memezayo. Ku nga ti u ti, 'Inkosikazi i mukile nabantwana benkosi.'" Ba m bamba lowo futi, ba m bulala, be ti, "U hlolela abantwana benkosi." Sa pinda futi, sa

The mother tied up her luggage, and took her children, and went away with them. When the old woman first observed their departure, Usitungusobenthle was no longer there, she having already set out. She shouted, saying, "Yi, yi, yi," (giving an alarm,) "the queen has gone away with the king's children." One of the hunters heard, and said, "Keep still! What does that person say? It is as if she said, 'The queen has gone away with the king's children.'" They laid hold of him, and said, "You are devising ill luck⁹ for the king's children." So they killed him. Again the old woman shouted and said, "Yi, yi, yi; the queen has gone away with the king's children." Again another said, "You have indeed killed So-and-so. There is someone shouting. It is as if she said, 'The queen has gone away with the king's children.'" They caught hold of him too, and killed him, saying, "You are devising bad luck for the king's children." Again the old woman

⁹ Or prophesying evil.

memeza, sa ti, "Yi, yi, yi; inkosikazi i mukile nabantwana benkosi." W' ezwa futi omunye, wa ti, "Kqabo. Ni ba bulele kodwa abantu. U kona umuntu o memezayo, u ti, 'Inkosikazi i mukile nabantwana benkosi.' Ba m bamba futi; ba m bulala naye futi; ba ti, 'U hlolela abantwana benkosi, ukuba b' emuke.' Sa pinda isalukazi okwesine, sa memeza, sa ti, "Yi, yi, yi; inkosikazi i mukile nabantwana benkosi." Wa pinda owesine futi, wa ti, "Tula ni, si zwe. Ni ba bulele kodwa. U kona umuntu o memezayo. Ku nga ti u ti, 'Inkosikazi i mukile nabantwana benkosi.' A ke ni ngi yeke; ni nga ngi bulali mina. Si ke si buye si yokuzwa ekaya, ngasekaya, ukuba a ku ko 'muntu o memezayo na?' Ya ti inkosi ya m yeka lowo 'muntu. Ba hamba, ba ya ekaya. Ba fika ekaya. Sa ti isalukazi, 'Inkosikazi i mukile nabantwana benkosi.' Wa ti umuntu, 'Ngi te ni ke na? Ngi ni tshale, nga ti, u kona umuntu o memezayo.'"

cried, saying, "Yi, yi, yi; the queen has gone away with the king's children." Again another heard, and said, "No then. You have killed indeed those men; but there is a person shouting, and saying, 'The queen has gone away with the king's children.'" They caught hold of him too, and killed him also; they said, "You are devising bad luck for the king's children, that they may go away." Again the old woman cried for the fourth time, saying, "Yi, yi, yi; the queen has gone away with the king's children." Again a fourth said, "Be still, and let us listen. You have indeed killed those men; but there is someone shouting; it is as if she said, 'The queen has gone away with the king's children.' Just leave me alone; do not kill me too. Let us just go back to hear at home, I mean near home, if there is not someone shouting." The king let that man be. They returned home. The old woman said, "The queen has gone away with the king's children." The man said, "What did I say then? I told you there was someone shouting."

The king sets out in pursuit with a large army.

Ba butana bonke abantu benkosi yamajubatente. Ya ti, a ba m lande Usitungusobenthle. Ba hamba, impi eningi kakulu e 'zinkulungwane, nayo inkosi yamajubatente futi.

All the people of the king of the Amajubatente assembled. The king told them to fetch Usitungusobenthle. They set out a great army many thousands strong, and the king of the Amajubatente went with them.

The sea divides at Usitungusobenthle's word, and she and her children pass through.

Usitungusobenthle wa fika elwandle; wa ti, "Lwandle, lwandle, lwandle, wo ti dam'! ngi Usitungusobenthle." Ulwandle

came to the sea; she said, "Sea, sea, sea, divide! I am Usitungusobenthle." The sea at once divided; and she

lwa se lu ti dam'. Wa se wela nabantwana bake, wa hlala ngapetsheya. Ya fika impi yamajubatente elwandhile, ya m bona Usitungusobenhle e hlezi ngapetsheya kwolwandhile. Ya fika ya mangala i m bona ngapetsheya kwolwandhile.

and her children went through,¹⁰ and sat down on the other side. The army of the Amajubatente arrived at the sea, and saw Usitungusobenthle sitting on the other side of it. They wondered when they saw her on the other side of the sea.

The army is persuaded to follow, and is drowned.

Wa ti Usitungusobenhle w' a-luka intambo ende kakulu, wa i ponsa ngapetsheya, wa ti, "Woza ni, ngi ni weze." E ba binga, e ba binga nje. Wa e se tole itshe elibukali. Usitungusobenhle wa ti, "Bambela ni, ni be baningi entanjeni." Ba i bamba intambo, ba baningi. Wa i donsa intambo Usitungusobenhle. Ba ti lapo be pakati, wa i nguma intambo, b' e-muka nolwandhile. Wa ti, "Maye! B' emuka abantu benkosi;" e zenzisa, e ngume ngamabomu. Wa ti kwabanye futi, "I bambe ni intambo futi." Ba se be i bamba, se be baningi. Wa ba donsa. Kwa ti lapo be pakati kwolwandhile, wa i nguma futi intambo. Wa ti, "Maye! B' e-muka abantu benkosi." Wa sel' e i ponsa futi, e ti, i m punyukile. Wa e se ti, "Bambela ni, ni be

Usitungusobenthle plaited a very long rope, and threw it across, and said, "Come along, I will cross you over."¹¹ But she was merely chaffing them. She had found also a sharp stone. Usitungusobenthle said, "A great many of you lay hold of the rope." A great many of them laid hold of it; Usitungusobenthle drew it. And when they were in the middle she cut the rope, and they were carried away by the sea. She said, "Woe is me! The people of the king are carried away." But she was dissembling, for she had purposely cut the rope. Then she said to the others also, "Lay hold of the rope again." Many laid hold of it. She drew them across. And when they were in the midst of the sea, she cut the rope again; and said, "Woe is me! The people of the king are carried away." Again she threw the rope, saying it had slipped from her hand. And then she said, "A

¹⁰ A somewhat similar tale is told of the Heitai Eibip of the Hottentots; or, according to Knudsen, of some other person. (*Bleek's Hottentot Fables*, p. 75, and *Note*.) When pursued, on arriving at some water he said, "My grandfather's father, open thyself, that I may pass through, and close thyself afterwards."

¹¹ In the legend of Maol a Chliobain, it is said that when she had successfully plundered a giant, and again and again eluded his pursuit by leaping a stream he could not pass, she at length killed the giant by a stratagem similar to that by which Usitungusobenthle killed the pursuing army. "So Maol a Chliobain stood on the bridge (made of a hair), and she reached out a stick to him, and he went down into the river, and she let go the stick, and he was drowned. (*Campbell. Op. cit. Vol. I., p. 260.*) In this Highland legend, and in that above, as well as in that of Ulangalasenthla and Ulangalasenzantai, given below, the pursuers and pursued hold a conversation across the river, and the pursuers are foolish enough to believe that the pursued will help their enemies to catch them, and so perish for their misplaced confidence.

baningi futi." Ba se be i bamba intambo. Kwa ti lapo be pakati labo futi, wa i nquma intambo, b' emuka namanzi olwandhile. Kwa za kwa sala a ba ba bangaki ngapetsheya, se be bancyane kamba. Wa ti omunye walabo abaseleyo, "Ba za ba pela abantu benkosi." Ba se be buyela emuva.

great many of you hold on again." And they held on to the rope. And when they too were in the midst of the sea, she cut the rope, and they were carried away by the water of the sea. At length there remained a very few on the other side, they being now few indeed. And one of those who remained said, "At last the people of the king are come to an end." So they turned back.

Usitungusobenthle returns to her home, and finds it desolate.

Wa sel' e hamba ke Usitungusobenthle, e sel' e fika ezweni lakubo. Wa fika abantu be nga se ko; se ba dhlwa Isikukqumadevu. Wa bona intaba eya i nge ko kukqala: wa ti, "I pi le 'ntaba na?" Wa hamba, wa sondela kuyo, ngalapa kwa ku kona umuzi wakubo: wa fumana into enkulu, ukuti Isikukqumadevu, o kad' e ti intaba.

Then Usitungusobenthle set out, and arrived at the country of her people. When she came, there were no people left; they had been eaten by the Isikukqumadevu. She saw a mountain which used not to be there formerly: she said, "What is this mountain?" She went on and approached it, near the place where the village of her people formerly stood: she found a great thing, to wit, the Isikukqumadevu, which she at first thought was a mountain.

Usitungusobenthle rips open the Isikukqumadevu, and animals and men come out of it, and all things are renewed.

Wa sondela eduze naso, wa hamba ngapantsi kwaso, e pete umkonto; wa si dabula ngapantsi

She approached close to it, and went under it, carrying a knife in her hand, and cut open its belly.¹²

¹² In a former tale, the Isikukqumadevu swallows Untombinde, and is killed by a man who had been bereaved of his children by the monster. Here the monster is killed by a woman. In the Basuto legend "Litaolane took a knife, and, deaf to his mother's entreaties, went to attack the devourer of the world. Kamma opened his frightful jaws, and swallowed him up." But Litaolane cuts his way out, killing the monster, and making way for the natives of the earth to escape from the living grave. In the American Indian legends, there is an account of a monstrous sturgeon of the Big-sea-water, Lake Superior, which swallowed Hiawatha and his canoe. Hiawatha

"Groped about in helpless wonder,
Till he felt a great heart beating,
Throbbing in that utter darkness.
And he smote it in his anger
With his fist the heart of Nahma."

The monster dies, and Hiawatha is delivered from his prison by the birds of prey. (*Longfellow's Hiawatha.*)

esiwini. Kwa puma kukgala inkuku; ya ti, "Kukuluku! Nga li bon' izwe!" Ngokuba kad' i nga sa li boni. Ngemva kwenkuku kwa puma umuntu; wa ti, "Hau! Nga za nga li bon' izwe!" Ngasemuva kwake kwa puma inkomo; ya ti, "Uuum! Nga li bon' izwe!" Ngemva kwayo kwa pumainja; ya ti, "Hau, hau, hau! Nga li bon' izwe!" Ngemva kwayo ya puma imbuzi; ya ti, "Me, me! Nga li bon' izwe!" Ngemva kwake kwa puma imvu; ya ti, "Be, be! Nga li bon' izwe." Ngemva kwayo kwa puma izinto zonke. Kwa buywa, kw' akiwa, kwa buswa futi; kwa ba njengaloko kade kunjalo.

Kwa sokuba ukupela ke.

ULUTULI DHLADHLA (USETEMBA).

There came out first a fowl; it said, "Kukuluku!"¹³ I see the world!" For for a long time it had been without seeing it. After the fowl there came out a man; he said, "Hau! I at length see the world!" After him there came out a bullock; and said, "Uuum! I see the world!" After the bullock there came out a dog; it said, "How! how! how! I see the world!" After the dog there came out a goat; it said, "Mey, mey, I see the world." After the goat there came out a sheep; and said, "Bey! bey! I see the world." After the sheep there came out all other things. And men again built houses, and were again happy; and all things returned to their former condition. And that was the end of it.

U L U H L A Z A S E .

Two princesses with their attendant maidens go to bathe.

Kw'esukela,¹⁴ intombi za ya 'u-geza, zi hamba namakosazan' emabili: encane i tandwa uyise kakulu; enkulu e nga i tandi. Enkulu kwa ku Ubuhlaluse; encane ku Uluhlazase. Za fika ke esizibeni. Za bukuda.

ONCE on a time some damsels went to bathe, accompanying two princesses: the younger was much beloved by her father, but he did not love the elder. The elder was named Ubuthlaluse, and the younger Uluthlazase.¹⁵ They came to the pool, and sported in the water.

¹³ The sounds used by the natives to imitate those of the various animals are given.

¹⁴ A narrative which is supposed to be a mere fiction is opened by *Kw'esukela*. It is thus known that fiction and not fact is about to be related. They sometimes open it by, *Insimu y' esuka, i sukela pezulu*.

¹⁵ *Ubuhlaluse* and *Uluhlazase* are proper names of women. Feminine proper names are formed in two ways, by prefixing *Uno*, or suffixing *se*; as, *Uno-mali*, or, *U-mali-se*. So *U-buhlalu-se*, The bead-woman. It may be a name invented to commemorate the introduction of *beads* among the natives.—*U-luhlaza-se* may mean, The green-woman, a similar compliment being intended by it as by *Ukqwekqwana lotshani*, given to *Untombinde*, p. 56. Or, as *luhlaza* also means jet-black, it may mean, The jet-black woman.

The Isikgukqumadevu takes away their garments.

Zi te lapo zi ti zi za 'upuma, za si bona ke Isikgukqumadevu. Sa tata izigheghe zazo. Za puma izintombi, zati, "Sikgukqumadevu, si nike izigheghe zetu." Sa zi nika. Zi buye zi suke futi ezinye zi tsho njalo, zi ti, "Sikgukqumadevu, si nike izigheghe zetu." Za pela intombi.

When they were about to go out, they saw the Isikgukqumadevu. It took their garments.¹⁶ The damsels quitted the water, and said, "Isikgukqumadevu, give us our garments." It gave them. Again others said the same, crying, "Isikgukqumadevu, give us our garments." Every one of the damsels did so.

Uluthlazase refuses to ask for her garments, and is left by the others.

Y' ala inkosazana ukutsho esikgukqumadevwini, ukuti, a si i nike isigheghe sayo, Uluthlazase inkosazana. Enkulu sa i nika Isikgukqumadevu. Eucinane a i nikwanga, ngokuba ya i zikqenya. Za i ncenga ezinye intombi, za ti, "Yitsho ke, nkosazana, esikgukqumadevwini." A ya ze ya vuma ukutsho. Za ti ezinye 'zintombi, "Se si za 'ku ku shiya." Za i shiya ka.

But the princess Uluthlazase refused to ask the Isikgukqumadevu to give her her garment. The Isikgukqumadevu had given the elder princess hers. It did not give the younger one, because she was proud. The other damsels besought her, saying, "O princess, just ask the Isikgukqumadevu." But she would on no account agree to ask. The others said, "We will now leave you." So they went away.

The princess fights with the Isikgukqumadevu.

Ya bona ukuti ya shiywa ezinye 'zintombi, ya si banba Isikgukqumadevu, i ti, i s' amuka isigheghe sayo. Ya lwa nesikgukqumadevu. Isikgukqumadevu sa i hhudula intombi, sa tshona nayo esizibeni. Kwa lwa futi nayo esizibeni intombi. Y' ahlulek' intombi; s' ahluleka nesikgukqumadevu. Sa hlala naso manje esizibeni, ngokuba se si katele. Ya hlala nentombi, ngokuba nayo se i katele. Sa lala kona Isikgukqumadevu nentombi.

When she saw that she was forsaken by the other damsels, she laid hold of the Isikgukqumadevu, thinking she would take away from it her garment. She fought with the Isikgukqumadevu. It dragged her along on the ground, and sank with her in the pool. She continued to contend with it also in the pool. The damsel was unable to conquer, and so was the Isikgukqumadevu. It now rested in the pool, because it was tired; and the girl rested also, because she was tired. The Isikgukqumadevu slept there, and so did the girl.

¹⁶ *Isigheghe* is that portion of the female dress which answers to the *isinene* of the male, which may be translated the *kilt*.

The Isikgukqumadevu goes to fetch assistance, and Uluthlazase escapes.

Kwa sa kusasa, Isikgukqumadevu sa hamba, se si funa ukuya 'ubiza ezinye Izikgukqumadevu, ngokuba se s'ahlulekile, intombi i namandla. Kwa vela esinye isilwanyana, sa tshela intombi, sa ti, "Hamba, ngokuba Isikgukqumadevu si yobiza ezinye Izikgukqumadevu." Ya si tata ke leyo 'ntombi isigheghe sayo; ya kupuka ke emanzini; ya hamba ke, ya y' ekaya.

In the morning the Isikgukqumadevu departed, wishing to call other Izikgukqumadevu, for it was unable to conquer, for the damsel was strong. There came another animal, and said to her, "Go away, for the Isikgukqumadevu has gone to call others." So she took her garment, and went up out of the water, and returned home.

The other girls deceive Uluthlazase's parents, and are killed.

Ya fika ekaya, intombi zi ti, "I tombile." Ya ngena endhlini kwabo. Wa kala unina, wa ti, "U vela pi? loku izintombi zi ti, u tombile." Ya ti, "Za ngi shiya esikgukqumadevwini." Unina wa tshela uyise, ukuti, "Umntwana, nangu wa e sesikgukqumadevwini." Uyise wa tata umkonto wake, wa u lola, wa zi vimbezela izintombi, wa ti, "Veza ni umntanami, ngi m bone." Za m hleka intombi. Za ti, "Uku m tanda kwako ku ya bonakala; ngokuba u t' a u m bone e tombile." Wa t' uyise, "Pela, ngi ti, ngi vezele ni yena, ngi m bone." Z' enqaba intombi, za ti, "U tombile; a si yi 'ku ku vezela yena." Wa tukutela uyise, wa ngena endhlini: za m bamba intombi; wa wa kqabula amakuko,

When she reached her home, the other girls were reporting that she had come to puberty. She went into her mother's house. Her mother wept, saying, "Whence comest thou? For the other girls say that the signs of puberty have come upon thee." She replied, "They left me with the Isikgukqumadevu." The mother told her father, saying, "Our child, behold she was with the Isikgukqumadevu." The father took his assagai, and sharpened it, and barred the way against the other girls, and said, "Produce my child, that I may see her." The girls laughed at him. They said, "Your love for her is evident, for you would see her when she has the signs of puberty upon her." The father said, "Notwithstanding, I say, bring her out to me, that I may see her." The girls refused, saying, "She has the signs of puberty; we will not bring her out." The father was angry; he went into the hut: the girls caught hold of him; he pulled aside the mats; he saw that his

wa bona ukuba umntanake ka ko. Wa zi bamba ke izintombi, wa pumela nazo pandile, wa zi bulala zonke. Wa i bulala ke nenkosazana yake Ubuthlase, wa zi bulala zonke intombi. Ba buz' abantu ukuti, "Nkosi, abantwana u ba bulalele ni na?" Wa ti, "Ba m bulele Uluthlase. Ba m shiya esikukqumadevini." Wa m veza ke Uluthlase. Ba mangala ke abantu bonke ngokuba za fike za ti, u tombile.

child was not there. So he seized the girls, and dragged them outside, and killed them all. He killed also his princess Ubuthlase; he killed all the girls. The men asked, "Sir, why have you killed the children?" He replied, "They killed Uluthlase. They left her with the Isikukqumadevu." He brought her forth. So all the people wondered, for the girls had said, "She has the signs of puberty."

The father summons the nation, and goes in quest of the Isikukqumadevu.

Wa si mema ke isizwe uyise kaluthlase, wa ti, "A ko funwa Isikukqumadevu." Kwa hanjwa ke nenkosazan'. Ya ba tshengisa ke isiziba. A ngena ke amadoda esizibeni. Sa tukutela Isikukqumadevu, sa puma; ba si bulala.

Then Uluthlase's father summoned the nation, and commanded the men to go in quest of the Isikukqumadevu. The princess went also, and showed them the pool. The men entered the water; the Isikukqumadevu was in a rage, and came out, and they killed it.

The damsels which the Isikukqumadevu had devoured are recovered, and their fathers rejoice.

Za puma ke intombi zonke zelizwe lonke; ngokuba be si hambe si hlala esizibeni sentombi, si dila intombi zi nga file. Kwa buywa nazo ke, kwa yiwa ekaya. Kw' ezwakala koyise bentombi ukuti, "Abantwana benu ba velele." B' eza nenkomo zokuza utata abantababo. Ba zi nika Usikulumi. Ba hamba nazo ke intombi zabo.

Then there came out all the damsels of the whole country; for it was accustomed to go and remain in the pool where the damsels bathed, and devour them alive. They went home with them. The damsels' fathers heard it reported that their children had come forth; and they came with cattle with which to take back their children.¹⁷ They gave them to Usikulumi. And went away with their children.

¹⁷ It is a custom among the Zulus if a child has been lost, and found by another man, for the parent to reclaim it by the offering of a bullock. The fathers are here represented as not merely fetching their children which the Isikukqumadevu had devoured, but bringing cattle, as it were to redeem them.

Uluthlazase becomes queen.

Ya busa inkosazan' Uluthlazase ;
wa busa nezincane ke intombi.
Uyise ke wa hlaba inkomo zoku-
jabulisa umntanake, uba wa e
dhlwe Isikgukgumadevu. Ba m
bonga kakulu abantu, oyise ben-
tombi, owa koka abantababo esi-
kgukgumadevwini, ngokuba wa si
bulala.

Then Uluthlazase the princess
governed ; she governed with the
young girls, [who were not grown
up when the others forsook her.]
Then her father slaughtered cattle
to make his child glad, because
she had been carried away by the
Isikgukgumadevu. And the men,
the fathers of the damsels, thanked
him exceedingly, who had taken
their children out of the Isikgu-
kgumadevu, because he killed it.

What the Isikgukgumadevu was like.

Ku tiwa Isikgukgumadevu a si
naboya, sa si isilwane eside, si
sikulu. Intombi lezo sa si zi
ginya, si nga zi dhl.

It is said that the Isikgukguma-
devu was hairless ; it was a long
and large animal. It used to
swallow the young girls without
eating them.¹⁸

UNYAOSE KCIYA,
(SOPHIA, UMKAJOSEFA.)

ULANGALASENHLA NOLANGALASENZANTSI.¹⁹

(ULANGALASENHLA AND ULANGALASENZANTSI.)

Kwa ku te ekukgaleni, kwa zalwa
Ulangalase NHLA, kwa zalwa Ula-
ngalase NZANTSI. Yebo.

It used to be said long ago that
Ulangalase NHLA was born, and
then Ulangalase NZANTSI. That
was it.

¹⁸ This legend is very inferior in its general style to many of the others, and is devoid of life and incident. It was related by a young Ibakca woman. But it is worth retaining, as it appears to be made up of many others. Thus we have the two princesses, going with their attendants to bathe, as in the tale of Untombinde ; but here the name is Uluthlazase ; she is, however, the daughter of Usikulumi. Then the girls do not deceive in that tale, but go home weeping and report that she has been taken away by the Isikgukgumadevu. There is no fight there, as here, between the damsel and the monster, but she is swallowed up by it like others ; and the army sent against it by Usikulumi is also destroyed ; and it is ultimately killed by a man who has lost "twin children which were much beloved." Some of the other incidents are related in the tale of Usitungusobenthle ; but there a cannibal takes the place of the Isikgukgumadevu. Then in a third tale Usitungusobenthle is carried off at the age of puberty by pigeons, and, after her escape from captivity, kills the Isikgukgumadevu, which had swallowed all her people, &c.

¹⁹ Ulangalase NHLA, Sun-of-the-West. Ulangalase NZANTSI, Sun-of-the-East.—

Ulangalasenzantsi goes to fetch his children : his way is obstructed by ten swollen rivers, which divide, and he passes onwoud.

Wa ti Ulangalasenzantsi, "Ngi za 'kulanda abantwana bami, ngi bute izinkabi ezi lishumi." Wa tata ingubo embi, e 'sidwaba nje; wa hamba ke, e landa 'bantwana kulangalassenhla. Wa funyana umfula u gwele; wa ponsa enye inkabi; wa damuka umfula; wa wela. Wa hamba ke kaloku ke. Wa funyana omunye u gwele; wa ponsa enye futi; wa vuleka umfula; wa wela; wa hamba ke. Wa funyana omunye u gwele; wa ponsa enye yobutatu; wa vuleka umfula; wa hamba ke. Wa funyana omunye u gwele; wa ponsa enye; wa vuleka umfula; wa hamba ke. Wa hamba kwowesi/lanu umfula; wa funyana u gwele; wa ponsa enye; wa vuleka; wa hamba ke; wa wela. Kwa za kwa ba kwoweshumi; wa hamba ke, e se wele oweshumi umfula. Wa hamba ke, wa hamba ke, e se hamba yedwa, inkabi se zi pelile ezi lishumi.

Ulangalasenzantsi said, "I am going to fetch my children, when I have collected ten oxen." He took a good-for-nothing old, ragged garment, and so went to fetch his children, which were with Ulangalasenthla. He came to a swollen river; he threw in one ox;²⁰ the river divided, and he passed through. So now he went on his way. He came to another swollen river; again he threw in an ox; the river opened, and he passed through. So he went on his way. He came to another swollen river; he cast in a third ox; the river opened; and so he went on his way. He came to another swollen river; he cast in another ox; the river opened; and so he went on his way. He went to the fifth river, and found it full; he cast in another ox; the river opened; and he went on his way and passed through. So he went on his way, he having at length crossed the tenth river. So he went and went, going now alone; the ten oxen being now all disposed of.

These words, used as the names of the two kings, show that the legend had its rise among people dwelling on the *Eastern shore*,—that is, where the course of the rivers is towards the east. The sea is *below*, the mountains *above*; and so the Eastern sun, rising from the sea, is the Lower sun; and the Western, setting over the mountains, is the Upper sun.

²⁰ It is a custom among native tribes of South Africa to pay respect to rivers, which would appear to intimate that formerly they were worshipped, or rather that individual rivers were supposed to be the dwelling-place of a spirit. Thus when a river has been safely crossed, it is the custom in some parts to throw a stone into its waters, and to praise the *itongo*. Thompson, in his *Travels in Southern Africa*, speaking of the religion and superstitions of the Amakzosa, says:—"Sometimes they sacrifice to the rivers in time of drought, by killing an ox and throwing a part of it into the channel." (*Vol. II., p. 352.*) When Dingan's army was going against Umzilikazi, on reaching the banks of the Ubulinganto, they saluted it, saying, "*Sa ku bona, bulinganto,*" and having strewed animal charcoal (*umsizi*) on the water, the soldiers were made to drink it. The object of this was to deprecate some evil power destructive to life, which was supposed to be possessed by the river. It is a custom which cannot fail to recall what is recorded of Moses under somewhat different circumstances. (Exod. xxxii. 20.) There can be little doubt that Ulangalasenzantsi threw the oxen into the rivers as a sacrifice to the *amatongo*, or more probably to river-gods.

He comes to a spring, and falls in with his daughter's child.

Wa fika ke emtonjeni lapa ku kiwa kona amanzi omuzi kalangalasehlā. Wa funyana abantwana abancinane be baningi kakulu. Wa fanisa umntwana, wa ti, "Lo 'mntwana okabani na?" Ba ti, "Okalangalasehlā." Wa ti, "U-nina ubani na?" Ba ti, "Uma-langalasenzantsi." Wa ti, "A!" Wa ti, "Woza lapa." Wa tata umhlānga. (Ngokuba be be ye 'kuka umhlānga bonke abantwana.) Wa u kcoboza umhlānga walowo 'mntwana wakwandodakazi yake, wa ti, "Hamba ke, u ye kunyoko, u ti, k' eze 'eze 'kukelela wena; u ti, 'Umhlānga wami, mame, u file; hamba wena, u ye 'ku ngi kelela umhlānga wami." Wa hamba ke unina, wa fika emhlangeni.

So at length he came to a spring, where the water of the village of Ulangalasehlā was fetched. He found there very many little children. He thought he saw a resemblance in one of the children, and said, "Whose child is this?" They said, "Ulangalasehlā's." He said, "What is his mother's name?" They said, "Umalangalasenzantsi."²¹ He said, "Ah!" He said, "Come here." He took a reed. (For all the children had gone to gather reeds.) He crushed the reed of that child, the child of his daughter; and said, "Just go to your mother, and tell her to come and pluck a reed for you; say, 'Mother, my reed is broken; do you go, and pluck a reed for me.'" So his mother went, and came to the bed of reeds.

Ulangalasenzantsi makes himself known to his daughter.

Wa t' e sa fika, wa puma Ulangalasenzantsi, wa ti, "Woza lapa, mntanami." Y' etuka inkosikazi, ya kala, ya ti, "Baba, u 'vela pi? loku Ulangalasehlā u ti, a nge ku bone ngamehlo ake; a nga ku bulala, ngokuba e hleli nabantwana bako, u za 'kwenza njani na?" Wa ti Ulangalasenzantsi, wa ti, "U za 'kuti, ngi zitolele uwhahihahi lwami olu ng' Ubombi. U nga tsho ukuba ngi u ye Ulangalasenzantsi. U ngi fihle kuye Ulangalasehlā. U ti ngi umfozazi nje." Wa ti, "U babele ni na lapa, loku u ya songelwa; ku

When she came, Ulangalasenzantsi went out, and said, "Come hither, my child." The queen started and cried and said, "My father, whence do you come? Since Ulangalasehlā says, he cannot set eyes upon you; he could kill you, because he has possession of your children, what will you do?" Ulangalasenzantsi said, "You shall say, 'I have taken under my protection, for my own service, my tall man, whose name is Ubombi.'²² Do not say I am Ulangalasenzantsi. Conceal me from Ulangalasehlā. Say I am merely a foreigner." She said, "What is your business here, seeing that you are threatened, and

²¹ *Umalangalasenzantsi*,—that is, the daughter of Ulangalasenzantsi.

²² *Ubombi*,—A ragged, shabby fellow.

tiwa u nge ze wa vela lapa?" Wa ti, "U za 'udhla ni na? loku kini ni dhla izinkwa zodwa, lo lapa ku dhliwa utshwala bodwa; uku-dhla kwamadoda." Wa ti, "U za 'u ngi gavela umbakgauga; u ngi beke endhlini yakwasalukazi sakwako. A ngi yi 'kuvela, a nga ngi bona Ulangalassenhla. Ngi ya 'kuvela, ngi se ngi pumule. Ngi za 'uke ngi pumule, and' uba ngi ba bute abantwana bonke besizwe sakiti. Ngi lande bona bonke nawe. Ngi za 'ku m bulala um-yeni wako."

it is said you are not to make your appearance here?" She also said, "What will you eat; since at home you eat bread only, whilst here beer only is drunk; that is the men's food?" He said, "You shall grind for me, and make me stiff porridge; and put me in the house of the old woman of your family. I will not appear openly, Ulangalassenhla may see me. I will appear openly when I have rested. I will just rest, and then collect all the children of our nation. I fetch them all and you. I am about to kill your husband."

Ulangalassenzantsi appears openly to Ulangalassenhla.

Kwa sa ngelobutatu ilanga, wa puma endhlini Ulangalassenzantsi. Wa puma Ulangalassenhla, wa kuluma, wa ti, "Lo u vela pi na? Ubani lo na? O nga ti Ulangalassenzantsi na?" Wa ti, "I mina. Ngi lande abantwana bami bonke besizwe sakwiti." (Ba be tunjwe impi kalangalassenhla.) Wa ti, "Wo! Laba 'bantwana u nge ze wa ba landa: abami. Ku za wa b' ezwa."

On the morning of the third day Ulangalassenzantsi went out of the house. And Ulangalassenhla went out and said, "Whence comes this fellow? Who is he? Is he not like Ulangalassenzantsi?" He said, "It is I. I am come to fetch all the children of our nation." (They had been taken captive by Ulangalassenhla's army.) He said, "Wo! You shall never take away the children: they are mine. You shall never gain possession of them."²³

Ulangalassenhla summons his soldiers, and orders them to kill Ulangalassenzantsi.

Wa biza umfana, wa ti, "Memeza impi yami, i ze 'kuzwa. Nantsi indaba i fikile." Ya fika impi yake. Wa ti, "Mu bulale ni Ulangalassenzantsi. Ngi y'ala

He called a boy, and said, "Summon my soldiers, that they may come and hear. There has arisen a matter of great importance." His soldiers came. He said, "Kill Ulangalassenzantsi. I

²³ Ku za wa b' ezwa, i.e., a ku sa yi 'kuze wa b' ezwa, "You shall never feel them,"—that is, lay hand on them, so as to possess them. This is said when a dispute has arisen about children, and implies either a threat to kill the person to whom it is addressed; or merely an assurance that he will lose his case. If he gains the case, as he is walking off with the children, he may say in derision to his opponent, "I ba pi o te a ngi 'uze nga b' ezwa na? A si bo labo na?" Where are those whom you said I should never lay hand on? Are they not these?

nabantwana." Ba m ponsa bonke ngemikonto. Ya t' imikonto a ya fika kuye; ya hlaba nje kodwa. Wa i buta yonke; wa ba nikela yona. Ba pinda ba ponsa. A i fikanga; 'emi nje yena; a ya fika futi imikonto yabo. Wa ti, "Ngi n' ahlulile ke kaloku. Leti ni ke abantwana bonke." Wa vuma Ulangalasenhle. Wa ti, "Yebo, u s' ahlulile." Wa ba buta bonke, wa ti, "Mu nike ni abantwana bakubo." Ba butana ke bonke. Wa ti, "Nampa ke abantwana bakini. Hamba ke." Wa hamba ke.

refuse to give up the children." All hurled their spears at him. The spears did not reach him; they merely fell on the ground. He collected them all, and gave them to the soldiers. Again they hurled their spears. They did not reach him; he remained standing; their spears did not reach him the second time. He said, "So I have conquered you now. Bring me then all my children." Ulangalasenhle agreed. He said, "Yes, you have now conquered us." He collected them all, and said, "Give him all the children of his people." So they all came together. He said, "Behold the children of your people. So go in peace." So he went on his way.

Ulangalasenhle sends his army after Ulangalasezantsi.

Kwa ti emuva Ulangalasenhle wa landelisa impi yake yonke. Wa ku, "Hamba ni ke. Ku lungile. Ni m kgedel' enhle kanye nabantwana bake; ni buye ke nina, banta bami." Ya hamba ke impi. Ya haniba ke, a ya fika; kwa u loku i hamba nje i nga fiki.

It came to pass afterwards that Ulangalasenhle made all his army pursue him. He said, "Go. You can kill them now.²⁴ Put an end to him in the wilderness, together with his children; and then do you come back, my people." So the army set out. It did not come up with him; though it went diligently, it did not come up with him.

They come to a flooded river, which divides, and allows them to pass.

Ba za ba ya ba fika emfuleni o 'manzi abomvu; omkulu kakulu; be u funyana u gwele kakulu. Ulangalasezantsi wa pakamisa intonga yake yobukosi; wa i pakamisa, umfula wa ngamuka, ba wela bonke. Ba hlala ke, ba y' etula imitwalo yabo, ba jabula, ba dhlala, ba peka nokupeka.

Ulangalasezantsi and his children at length came to a river whose waters were red; it was very great: they found it very much flooded. Ulangalasezantsi raised his royal rod; he raised it, and the river was stayed, and they all passed over. Then they sat down, and took off their loads, and rejoiced and ate; they cooked a large quantity of food.

²⁴ *Ku lungile.*—It is right,—that is, they have got into such a position that we can readily kill them. If a man is pursuing another, and he sees that he has placed himself in such a position, as by running towards an impassable precipice, he shouts, *Wa lunga!* "You are all right!"

The soldiers arrive at the river ; it divides : they enter ; it closes, and overwhelms them.

Ya fika impi pezu kwomfula. Ya memeza, ya ti, "Ni wele pi na?" Ba ti, "Si wele kona lapo. Wela ni, ni ze 'ku si bulala." Ba ti bona, "Kgabo! A ni welanga lapo. Si tshele ni?" Wa tata intonga yake Ulangalasenzantsi; wa i pakamisa; umfula wa ngamuka. Wa ti, "Wela ni ke manje." Ba ngena bonke. Umfula ubanzi. Ba te be pelele emfuleni, wa i beka intonga yake; umfula wa ba zibekela bonke.

The army reached the bank of the river. They shouted and said, "Where did you cross over?" They said, "In this very place. Do you cross over, and come and kill us." They said, "No indeed! You did not cross here. Tell us." Ulangalasenzantsi took his rod, and raised it, and the river was stayed. He said, "Cross over now then." They all entered. The river was wide. When they were all in the river, he dropped his rod, and the river overwhelmed them all.

Ulangalasenzantsi and his children rejoice.

Ba tokoza; ba dlala abantwana bake Ulangalasenzantsi; ba jabula kakulu. Wa ti yena, "A ni boni ke na? Ba pelile abe be za 'ku si bulala." Wa ti, "Twala ni ke, ni hambe, ni ye kwiti." Ba twala ke, ba hamba ke.

They rejoiced; the children of Ulangalasenzantsi played; they rejoiced exceedingly. He said, "Do you not see then? They are come to an end, who were coming to kill us." He said, "Take up your loads, and let us go to our people." So they took up their burdens, and set out.

Ulangalasenzantsi and many others die in the way; a few reach their home.

Wa fa endhleleni Ulangalasenzantsi. Ba hamba bodwa ke kaloku. Kwa vela umfo wabo owa be e kona kubo abantwana; wa hamba nabo. Kwa vela ukufa, kwa ba bulala abadala; ba sala abancane, ba sala nendoda yanye. Ba hamba ke njalo, ba za ba ya ba fika ezweni lakubo. Kwa kalwa kakulu. Kwa tiwa, "U pi umfo wenu?" Wa ti, "U fele ezindhleleni." Kwa tiwa, "U fele pi

Ulangalasenzantsi died in the way. The people now went by themselves. His brother, who had been with the children, came, and went with them. Death came, and killed the old men. The young remained; they remained with only one man. And so they journeyed, and at length came to the country of their people. There was a great lamentation. They said, "Where is your brother?" He replied, "He died in the way." They said, "Where did he die?"

na?" Wa ti, "Nami a ngi bona-
nga lap' e fele kona. Nomunye
nomunye umfo wetu a ngi m
bonanga, a ngi ba lahlanga nje;
ba fa, ngi nga ba boni. Sa hamba
kabi; sa hamba pakati kwezita.
A ng' azi nokuba ba bulawa izita
ini na."

Ba hlala ke; b' aka ke; ba
jabula ke; ba za ba buya b' anda.

Le 'nsumansumane indaba en-
dala pakati kwakiti. Ku tiwa
insumansumane, ngokuba labo aba
be i kuluma kade ba dlulula ka-
kulu; a ku s' aziwa uma i vela pi.
Kepa ku tiwa insumansumane
endala, ku nga ka fiki nabam'lope
kulo 'm'lababa.

UMPONDO KAMBULE (AARON).

He replied, "Neither did I see
where he died. And another and
another of our brethren, I did not
see them, I did not bury them;
they died without my seeing them.
We journeyed with difficulty
through the midst of enemies. I
do not know even that they were
killed by the enemy."

So they remained, and built
houses, and rejoiced, and at length
again became a great people.

This legend is an old tale
amongst our people. It is called
a myth, because they who used to
tell it passed away a very long
time ago; and it is no longer
known whence it was derived.
But it is said that it was an old
legend, even before the white men
came to this country.²⁵

²⁵ Whatever may have been the origin of this tale, there are few who will
not at once refer it to the history of Moses and Pharaoh. Vasco de Gama dis-
covered Natal in 1497. In 1600 the Dutch trading vessels began to touch at the
Cape, and in 1650 they formed a settlement there. A crew of a wrecked Eng-
lish ship passed through Natal to Capetown in 1683. (*Holden's History of
Natal*, p. 36.) Kolben says:—"The *Caffres* traffick with the Rovers of the
Red Sea, who bring 'em Manufactures of Silk for Elephants' Teeth. These
Manufactures the *Caffres* exchange, as Ships from *Europe* touch at *de Natal*, for
European commodities; often for Tar, Anchors, and Cordage; which they ex-
change again with the Rovers of the *Red Sea*. The Silk they put not off to the
Europeans, they dispose of to the *Monomotapos*. The *Portuguese* of *Mozam-
bique* trade not a little with 'em." (*Kolben. Op. cit. Vol. I., p. 82.*) It is
certain, therefore, that for many years the natives of Natal have had abundant
opportunities of receiving from others the substance of this tale, which they
may have worked up into a tale of their own. For whencesoever derived, it is
now essentially Zulu in its character and accessories. At the same time, we
cannot deny that it may be a tradition of the sojourn of the Israelites in Egypt
and their deliverance from bondage, handed down from generation to generation,
gradually becoming more and more corrupted, until the natives scarcely recog-
nise of themselves any resemblance between it and the Scripture narrative,
which they now have an opportunity of hearing from the missionaries, or read-
ing for themselves. In another tale the sea divides at the word of Usitunguso-
bentle, when she is flying from the country by whose people she had been
taken captive. And in the Hottentot fables, in like manner, Heitsi Eibip when
pursued by an enemy prays, and the water divides, and he and his people pass
through; and the enemy, attempting to follow, are destroyed. These facts
show the wide-spread existence of such a tradition, and would appear to suggest
some common origin. Dr. Bleek has shown that the Hottentot language belongs
to the class of languages spoken in North Africa; and it may be regarded as an
established fact that the Hottentots came from the north, having been separated
from the northern tribes by the intrusion of another people, speaking a lan-
guage of another class—the alliterative or Kafir language. (*Bleek's Comparative*

U B A B U Z E . 26

Ubabuze obtains his father's permission to visit a maiden.

Kw' esukela, inkosi igama layo Ubabuze; kepa ya i tsandza ukuya entombini. Uyise wa y alela, abatali bayo; wa tai, "Musa ni 'kuya kuleyo 'ntombi, ngobane a ku yi, lu buya ko." Kepa inkosi Ubabuze wa tsi, "Ndi ya tsandza ukuya lapo." Kepa uyise wa m vumela manje, wa m nika itinkomo etiningi; wa tsi, a k' a kambe ke. Wa m nika abantu²⁷ futs' boku-kamba naye.

It happened that there was a king, whose name was Ubabuze; and he was wishing to visit a damsel. His father and mother objected; the father said, "Do not go to see that damsel, for no one goes there and comes back again." But the king Ubabuze said, "I wish to go there." Then the father assented, and gave him many cattle, and bid him good bye. He gave him also men to accompany him.

Ubabuze sets out with his people: he goes by the wrong road.

Wa kamba ke; abantu wa ba butsa bonke, wa kamba ke. Wa m tshena k' uyise ukutsi, "Mntwanami, u nga kambi ngaleyo 'ndhilela ey enyuka entsabeni; a u bo kamba ngendhilela yentsambeka." Wa kamba ke. Kepa kwa tsi ekwahlukaneni kwendhilela tombini, wa i yeka Ubabuze lowo leyo 'ndhilela uyise a b' e tsi, a t' a kambe ngayo; wa kamba ngaleyo 'ndhilela uyise a b' e tsi, a t' a nga kambi ngayo.

So he set out; he assembled his men, and set out. His father told him, saying, "My child, do not go by that road which goes up the mountain; but go by the road which runs round it." So he set out. But it came to pass that, at the separation of the two roads, Ubabuze left the road by which his father had told him to go; and went by that road by which his father told him not to go.

Grammar, p. viii.—Prof. Max Müller's Lectures. Second Series, p. 11.) It may not, therefore, be unreasonably surmised that they brought this tradition with them from their former home; and have imparted it to the Kafirs. It is worth noticing that in one of the Scotch legends, the daughter of a magician helps a lad, with whom she has fallen in love, to perform the difficult tasks appointed him by her father, and among other things "she strikes the sea with a rod, and makes a way to the island, where the nest was," which he had been commanded to fetch. (*Campbell. Op. cit. Vol. I., p. 51.*) So in "The Three Musicians," the dwarf is possessed of a magical rod, with which he struck the waters, "and immediately they divided, and left a passage, across which they passed with dry feet." (*Bechstein's Old Story-Teller, p. 136.*)

²⁶ This tale was told by a woman of the Amabaka, and it is printed in their dialect.

²⁷ *Abantu*.—I have not attempted to represent by orthography the sound the Amabaka give to *t* in this and in many other words, when followed by certain vowels. It is difficult to say whether the *t* is followed by a slender *f*, *v*, *u*, or *w* sound.

Ubabuze gets into trouble, and loses all his cattle and men.

Kwa tsi pambili wa fukana itilwanyana etiningi ; ta m bona e sa vela, ta m memeta e se kudze, ta tsi, "Babuze, babuze bankosi !" Wa tsi ke Ubabuze, "Ubawo u be ngi tshena, e tai, te ndi nga kambi ngale 'ndhlela ; wa tsi indhlela' imbi, i namadzhamtela." Ngaloku 'kutsho kwawo wa wa nika inkomo taningi. A buya a pindzha futs', a tsi, "Babuze bankosi !" Wa w engeta futs', wa wa nika inkomo, ukudhla kwamadzhamtela. A ti kgedza ke, inkomo ta pela manje. A buya a kcela futs', a ts', "Babuze bankosi !" Wa wa pa abantu manje. A buya a pindzha futs', a ts', "Babuze bankosi !" Wa ba kgedza manje abantu. A kcela futs' amadzhamtela. Wa kohlwa manje, ngobane abantu se be pelile. Wa kamba e se yedvwa manje.

It came to pass that, on going forward, he fell in with many wild beasts ; they saw him as soon as he appeared, and shouted to him when he was still at a distance, and said, "Ubabuze, Ubabuze, son of the king !" Ubabuze said, "My father told me not to go by this road ; he said it was a bad road, and infested by hyenas." At the saying of the hyenas he gave them many cattle. They said again, "Ubabuze, son of the king !" He again gave some more cattle in addition to the first, the food for the hyenas. At length the cattle were all gone. The hyenas again asked, and said, "Ubabuze, son of the king !" Now he gave them men. Again they said, "Ubabuze, son of the king !" He now gave them all his people. The hyenas again asked. He did not know what to do, for the men were all gone. He went on his journey alone now.

Ubabuze is helped by a mouse.

A buya a kcela futs', a ts', "Babuze bankosi !" Wa gijima, wa fukana imbiba pambili. Ya ts' imbiba, "Ng' obule, u patse isikumba sami." Wa y obula kamsinya, ngokubane nanka amadzhamtela e se ta 'kudhla, e se kedute. Wa si tata isikumba ke, sa m fuleula manje ke, e se fika e funa uku mu dhla ; sa m pakamisela etulu emafwini ; a kamba pansi ke amadzhamtela. A buyela eava amadzhamtela.

The hyenas again asked, saying, "Ubabuze, son of the king !" He ran, and fell in with a striped mouse in front. The mouse said, "Skin me, and carry my skin in your hand." He skinned it immediately, for there were the hyenas coming to eat him, they being now near at hand. So he took the skin, and it now bore him aloft when the hyenas came, wishing to eat him ; it lifted him on high to the clouds ; the hyenas went on the ground. The hyenas turned back again.

Ubabuze is conveyed through the air to his destination.

Sa m kambisa ke isikumba emafwini; sa m beka ekcaleni kwomuti, lapo ku kona intombi a i tsanzako. Wa ngena ke ekaya, e se e kamba pansi manje. U kamba naso ke isikumb' esi, e si bopele etintongeni take. Ba hlaba umkosi ke ekayangokujabula okukulu, ngokutsi, "Wa fika umyeni wenkosatana."

The skin bore him in the clouds, and put him down at the side of the kraal where was the damsel which he loved. He went into the house, he now walking on the ground. He took with him the skin, having bound it to his rods. They celebrated a festival at the kraal with great joy, saying, "A husband has come for the princess."

Ubabuze remains there a year, and then sets out with the wedding party.

Wa hlatsiswa inkomo. Wa hlala ke. Wa ta wa pela lo 'nyaka a ye ngawo, e sa hleli kona. Uyise wentombi kwa ts' uba ku pele unyaka wa mema umtsimba omkulu wokuba u yotshatisa intombi yake. Ba ba ningi abantu abakambako.

They killed cattle for him, and he staid there. At the end of the year in which he went, he was still staying there. The damsel's father, when the year was ended, assembled a large marriage party, that it might go to the wedding of his daughter. Very many people of that place went.

Ubabuze takes many cattle with him.

Wa tsi, "Ngi nike ni futsi inkomo etiningi, ngobane ku kona amadzhamtela endhleleni; ngobane nami lapa nda ndi te nesive esiningi, nda ndi si nikwe ubawo, sa dhlwa amadzhamtela endhleleni." Wa m nika ke inkomo etiningi. Wa kamba ke nayo intombi ke nenkomo nabantu.

Ubabuze said, "Give me also many cattle, for there are hyenas in the way; for I, when I was coming with many men, which my father gave me, the hyenas ate the whole of them in the way." So he gave him many cattle. And he set out with the damsel, and the cattle, and the people.

Ubabuze restores to the mouse its skin, and kills an ox for it.

Wa fika ke lapo amadzhamtela a m beka kona; wa fukana inyama yembiba, wa si beka ke isikumba enyameni yembiba; wa i hlabela ke imbiba inkabi, wa i shiya ke yonke leyo 'nyama, ya sa i dhlwa imbiba.

He came to the place where the hyenas left him; he found the flesh of the striped mouse, and put its skin on it; and then killed an ox for it, and left the whole of its flesh, and the mouse ate it.

Ubabuze's party exterminate the hyenas.

Wa fika emadzhamteleni ; a buya a kcela futs' a ts' , " Babuze bankos' ! " A ka wa nikanga luto. Umne wabo intombi wa li gwaza elinye idzhamtela, eli inkosi yawo ; a f' onke amadzhamtela.

He came to the hyenas ; they begged again, saying, " Ubabuze, child of the king ! " He did not give them anything. The brother of the damsel killed one of the hyenas, which was their chief ; and all the hyenas died.

Ubabuze reaches home with his bride, and there is great rejoicing.

Ba kamba ka/le ke manje. Ba vela ke ekaya kubo, kwa kalwa, ubane ku bonwe inkosi i sa buya, lo kwa ku tsiwa, I ya 'kufa. Ya fika ke ekaya ke ; kwa hlatahwa inkomo ke etiningi ; kwa hlatsihsa umtsimba nayo inkosi indodzana yabo. Ba tshata ke. Wa inkosikati ke. Abane wabo a ba be be sa buyela ekaya. Wonke umtsimba w' aka kona.

And so they now travelled prosperously. They came to their home. They made a funeral lamentation when they saw the king return, for they thought he would die. So he came to his home ; and many oxen were killed ; they killed for the marriage party, and for the king, their child. They were married, and she became the queen. Her brothers never went home again. The whole marriage party lived there.

UNYAOSE KCIYA,
(SOPHIA, UMKAJOSEFA.)

UMUNTU NENYONI.

(THE MAN AND THE BIRD.)

A woman goes to labour in the field : her labour is rendered useless by a wagtail.

Ba ti kambe, ab' az' insumansu-mané, kwa ku kona kukqala indhlala enkulu, ku nge ko izinkomo futi. Kwa ti umfazi wa ya 'kulima ensimini ; kwa ti kwa fika inyoni, ibizo layo unvemve. Umfazi wa lima, wa buya, wa y' ekaya. Kwa ti kusasa wa buya wa ya futi ukuya 'kulima. Kwa ti indima e be i lime izolo, ka bi

THEY say who are acquainted with old wives' tales, that there was formerly a great famine, and, besides, there were not any cattle. A woman went to dig in the garden ; and there came a bird, which is called unvemve.²⁸ The woman dug, and went home again. In the morning she went again to dig. The new ground, which she

²⁸ The wagtail.

sa i bona; wa fika, se ku njengo-tshani nje. Wa ti, "Indima e ngi i lime izolo i pi na?" e kulumama yedwa. Wa pinda wa lima futi, e se pinda okobubili. Kwa ti e sa lima, kw' eza inyoni, ya hlala pezu kwomuti ebusweni bake, ya ti, "Tshiyo, tshiyo, tshiyo! Umhlaba kababa lo, e ngi ti ng' ala nawo. U b' u ngi pikelele. Zidinjana, mbembe! Bewana, sakasaka! Mpinyana, pokqopokqo! Gejana, ntshi!"

had dug yesterday, she could no longer see; she arrived at the place, and it was just like the grass. She said, "The ground I dug yesterday, where is it?" speaking to herself. She dug again the second time. As she was digging there came the bird, and sat on a tree in front of her, and said, "Tshiyo, tshiyo, tshiyo! That is the land of my father, which I have always refused to allow to be cultivated. You have acted in opposition to ma. Little clods, turn back again! Little seeds, be scattered in all directions! Little pick-handle, snap to pieces! Little pick, fly off!"²⁹

The woman again tries, but the wagtail, as before, renders her labour vain.

Kwa ti wa ya 'kulima futi; umfazi wa fika; indima e be i lime izolo, futi e nga sa i boni; so ku njengaloku be ku njalo: ngokuba izidinjana za ti mbembe; nembeu ya ti sakasaka; nompini wa puka; negejo la ti ntshi. Wa pinda wa lima futi. Ya fika inyoni, ya ti, "Tshiyo, tshiyo, tshiyo! Umhlaba kababa lo, e ngi ti ng' ala nawo. U b' u ngi pikelele. Zidinjana, mbembe! Bewana, sakasaka! Mpinyana, pokqopokqo! Gejana, ntshi!" Kwa se ku ba njengokutaho kwayo. Izidinjana za ti mbembe; nembeu ya ti sakasaka; nompini wa puka; negejo la ti ntshi.

The woman went to dig again; she came; a second time she could no longer see the ground she had dug on the day before; it was now as it used to be: for the little clods had turned back; the seed was scattered; and the handle was broken; and the pick was off. Again she dug. The bird came, and said, "Tshiyo, tshiyo, tshiyo! That is my father's land, which I have always refused to have cultivated. You have acted in opposition to me. Little clods, turn back again! Little seeds, be scattered! Little pick-handle, snap to pieces! Little pick, fly off!" And so it was in accordance with its saying. The little clods turned back; and the seed was scattered; and the handle was broken; and the pick flew off.

²⁹ These diminutives are to be understood as spoken in contempt, and not to refer to size.

She goes home and tells her husband of the wonderful bird.

Wa buya futi umfazi ukuya ekaya, wa ya 'kutshela indoda yake; wa ti kuyo, "I kona inyoni e ngi ti lapa ngi limayo, i fike, i ti kwimi, 'Umhlaba kababa lo, e ngi ti ng'ala nawo. U b' u ngi pikelele. Zidinjana, mbembe! Bewana, sakasaka! Mpinyana, pokqopokqo! Gejana, ntshi!" Se ku njengoku-tsho kwayo."

The woman went home again to tell her husband; she said to him, "When I am digging, there is a bird which comes and says to me, 'That is my father's land, which I have always refused to have cultivated. You have acted in opposition to me. Little clods, turn back! Little seed, be scattered! Little handle, snap to pieces! Little pick, fly off!' And it is as it says."

The husband catches the bird, and obtains a feast, which he eats alone.

Kwa ti kusasa kwa puma umfazi kukqala, wa ya 'kulima, se be keebe ikcebo lokuti, "Uma se ngi lima, wo fika, wena ndoda, u ze kubona oku tahiwoyo inyoni." Ya landela indoda, ya hlala eduze nomfazi, ya kcatsha. Kwa ti umfazi e lima, ya fika inyoni futi, ya pinda ya tsho njalo. Indoda ya se i zwa, ya vumbuluka pantsi, ya pakama, ya i bona inyoni e kulumayo: ya i sukela, ya i kcatsha; ya baleka inyoni, nendoda nayo futi. Inyoni ya tshona ngalukalo, indoda ya tshona ngalukalo futi; ya i kcatsha njalo; ya za ya dinwa inyoni; ya i bamba. Ya ti inyoni, "A k' u ngi yeke; ngi za 'ku kwenzela umlazana." Indoda ya ti, "Ake w enze ke, ngi bone." Y' enza, ya kam' umlaza, ya ti k'la. Ya puza indoda. Ya ti futi, "Ake w enz' isanggondwane." Ya ti puhlu, puhlu, puhlu.

In the morning the woman went out to dig first, they having devised a plan, to wit, "When I am digging, you shall come, husband, to see what the bird says." The husband followed, and sat near the woman, in concealment. As the woman was digging, the bird came again, and said the same as before. The husband heard it, and came up from under the bush on the ground, and raised himself, and saw the speaking bird: he sprang at it, and drove it away; the bird fled, and the man also ran after it. The bird passed over the hill, the man passed over also; he drove it without ceasing; at length the bird was tired, and the man caught it. The bird said, "Leave me alone, and I will make you some whey." The man said, "Just make it then, that I may see." The bird made it, and strained the whey; it gurgled.³⁰ The man drank. He said also, "Just make curds too." It made a flopping noise.³⁰ The man ate, and was

³⁰ *K'la, Puhlu.*—These are onomatopoeic words, and are intended to imitate the sound occasioned respectively by taking out the stopper of the calabash for the purpose of pouring out whey, and that occasioned by pouring out the thick curds.

Ya dlla indoda, y' esuta, loku kad' i lambile; i jabula, ya ti, i tole inkomo. Ya hamba nayo, ya fika endhlini kwayo, ya i faka embizeni, ya i nameka, ukuba abantwana nomfazi wayo ba nga i boni, ku be isisulu sayo yodwa; ngokuba ya ku zuza yodwa.

satisfied, for he had been a long time hungry; and said, rejoicing, that he had found a cow.³¹ He went home with it, and put it in a pot in his hut, and luted it down, that his wife and children might not see it; that it might be his own private titbit; for he got it by himself.

The husband again feasts alone, by night, when the rest are asleep.

Kwa ti umfazi wa ya 'kulima, nendoda ya ya 'kulima; ba buya bobabili futi; indoda ya fika, kwa hlwa; ba lala bonke; yona kodwa a ya ze ya lala: ya ya embizeni, ya zibukula. Wa fika, inyoni i s' i te koka pezulu: wa i bamba ngesandhla; wa ka amasi, wa kela esitsheni sake; wa buya, wa i faka embizeni, wa i nameka. Wa dlla amasi yedwa, se be lele bonke abantwana nonina.

The wife went to dig, and the husband went to dig; both came back again; the husband returned when it was dark; they all lay down to sleep; but the man did not sleep: he went to the pot, and uncovered it. The bird was sitting on the top: he held it in his hand; he poured out the amasi³² into his vessel; and again put the bird into the pot, and luted it down. He ate the amasi alone, all the children and their mother being asleep.

One of the children, having seen the father feasting, reveals the discovery to the other.

Kwa ti kusasa indoda y' emuka, ya ya 'kugaula izibonda; umfazi wayo wa ya 'kulima; kwa sala abantwana bodwa. Kanti omunye umntwana u m bonile uyise e dlla amasi yedwa, wa ba tshela abanye kusasa, wa ti, "Ngi m bonile ubaba; ku kona e be ku dlla ku-sahlwa, se si lele sonke; u zibukule embizeni; nga bona e ka amasi kona; nga tula nje, nga ti, i kona e ya 'kuti a nga hamba a

In the morning the man went to cut poles, and his wife went to dig; and the children remained alone. But one of the children had seen his father eating the amasi alone, and said to the other children, "I saw father; there was something which he was eating in the night, when we were all asleep; he took the cover off the pot; I saw him pour out amasi from it; I was silent, and said, there is something which will take him to a distance; and then

³¹ This wonderful bird was only a little inferior to Mick Purcell's Bottle, which he purchased of one of the "Good People" with his last cow, from which proceeded at suitable times "two tiny little fellows," who spread his table with the best of food, on gold and silver dishes, which they left behind; very considerably remembering that Mick and his family required other things besides food! (*Croker's Fairy Tales*. "Legend of Bottle Hill," p. 33.)

³² Amasi.—Sour milk, but properly prepared, not what we should understand by sour milk. The native name is therefore retained.

ye kude, si sale, si wa dhlle amasi, loku e si ncitshayo." Ba sala, ba ya 'kuzibukula embizeni; ba i fumana inyoni i s' i te kcoka pezulu kwamasi; ba i bamba; ba dhlle, ba dhlle, ba dhlle, ba dhlle, ba za b'esuta. Ba sibekela futi. Wa ti uyise, "Banta bami, ni dhlle ni na, ni suti kangaka nje na?" Ba ti, "A si suti 'luto," be m kohlisa.

we will eat amasi, for he begrudges us." Then they went to uncover the pot; they found the bird sitting on the top of the amasi; they held it; they ate, they ate, they ate, they ate, until they were satisfied. They covered it up again. The father said, "My children, what have you been eating, to be so stuffed out?" They said, "We are not stuffed out with anything," deceiving him.

All the children watch their father at his solitary nocturnal feast.

Kwa hlwa indoda y' enza njalo futi, se be lele bonke futi. Kanti omunye u ba tshelile ikcebo, ukuba ba ze ba nga lali, ba ke ba bheke ukuba uyise wabo u ya 'kwenza njani na. Lapa se be lele bonke, y' enza njalo ke indoda; ya zibukula, ya dhlle, ya dhlle; ya buya, ya sibekela. Kanti se be m bonile abantwana bake, ukuba u ya ba ncitsha ukudhlle. Ba ti, "Ku ya 'kusa kusasa, si ya 'kubona ukuba ka yi 'kumuka ini na."

In the night the husband did the same again, when they were all again lying down. But one of them told them a plan, that they should not sleep, but just see what their father would do. When they had all lain down, the man did as before; he opened the pot, and ate, and ate; and then covered it up again. But his children had seen him, and knew that he begrudged them food. They said, "The morning will come, and we shall see if he will not go out."

During the feast of the children, the bird escapes.

Kwa ti kusasa y' emuka indoda. Ba ya ba zibukula; ba fika, inyoni i s' i te kcoka pezulu; ba i susa; ba dhlle, ba dhlle. Wa ti o i peteyo ya m punyuka, ya baleka, ya ti dri; ya hlala emnyango. Omunye umntwana, Udemazane ibizo lake, wa ti, "Demane, nansi inyoni kababa i muka bo!" Udemane wa ti, "Ake w enze kahle, mnta kababa, ngi sa funda 'mtanyana." Y' esuka inyoni emnyango, ya ti dri; ya hlala pandhlle ebaleni. Wa

In the morning the man departed. The children went and uncovered the pot; when they came, the bird was sitting on the top; they took it out, and ate, and ate. The bird slipped from him who held it, and flew away with a whirl, and stopped at the doorway. One of the boys, Udemazane by name, said, "Udemane, see father's bird is going away then!" Udemane said, "Wait a bit, child of my father, I am in the act of filling my mouth." The bird quitted the doorway with a whirl, and stopped outside in the open space.

ti Udemazane futi, "Demane, nansi inyoni kababa i muka bo!" Wa ti Udemane, "Ake w.enze ka/le, mnta kababa, ngi sa funda 'mtanyana." Y' esuka inyoni ebaleni, ya ti dri; ya hlala pezu kwotango. Wa pinda wa tsho njalo Udemazane. Inyoni ya ze ya ndiza, ya hamba, y' emuka. Kwa ku pela.

Udemazane said again, "Udemane, see father's bird is going away then!" Udemane said, "Just wait a bit, child of my father, I am in the act of filling my mouth." The bird quitted the open space with a whirl, and pitched on the fence. Udemazane said the same words again. The bird at length flew away and departed. That was the end.

The father, finding the bird gone, mourns in vain for his titbit.

Wa buya uyise. Kwa ti kusi-
hlwa, e ti u se za 'kutola isisulu
sake, ka be sa i bona inyoni, amasi
futi e nga se nga nani. Wa
mangala, wa biza abantwana bake,
wa ti, "Ku pi o be ku lapa em-
bizeni na?" Ba ti abantwana,
"A si kw azi." Omunye wa ti,
"Kqabo! Ba ya ku kohlisa,
baba. Inyoni yako ba i yekile;
y' emuka; namasi futi si wa
dhlile." Wa ba tshaya kakulu, e
mangalele isisulu sake, e ti u se za
'kufa indhlala. Kwa so ku ba
'kupela ke.

The father returned. At night,
when he thought he was going to
get his titbit, he no longer saw the
bird, and there was no longer
much amasi left.³³ He won-
dered, and called his children,
and asked, "What has been here
at the pot?" The children said,
"We don't know." But one said,
"No, then! They are deceiving
you, father. They have let go
your bird, and it has gone away;
and we have eaten the amasi also."
He beat them very much, punish-
ing them for the loss of his titbit,³⁴
thinking he should now die of
famine. So that was the end.³⁵

ULUTULI DHLADHLA (USETEMBA.)

³³ Lit., Was no longer as big as anything.

³⁴ Lit., charging them with having taken away his titbit.

³⁵ The reader will find the power of rendering labour vain, ascribed to a bird in the above tale, ascribed to all beasts, in a legend of Central America:—
"When the two princes Hunahpu and Xbalanque set themselves one day to till the ground, the axe cut down the trees and the mattock cleared away the underwood, while the masters amused themselves with shooting. But the next day when they came back, they found the trees and creepers and brambles back in their places. So they cleared the ground again, and hid themselves to watch, and at midnight all the beasts came, small and great, saying in their language, 'Trees, arise; creepers, arise!' and the trees returned to their places."
(Tylor's *Early History of Mankind*, p. 356.) Compare also Note 52, p. 51.

UKCOMBEKCANTSINI

The wives of a certain king give birth to crows. His queen has no child.

<p>KWA ku kona inkosi etile ku-leso 'sizwe; ya i zala abantwana aba amagwababa, i nga m zali umntwana o umuntu; kuzo zonke izindlu i zala amagwababa. Kepa</p>	<p>THERE was a certain king of a certain country; he used to have children who were crows,³⁶ he had not one child that was a human being; in all his houses³⁷ his children were crows. But his queen</p>
--	--

³⁶ There are among the natives legends of women giving birth to crows, and to beings resembling horses and elephants. Such legends probably had their origin in monstrous births, which bore a real or fancied resemblance to such animals. This notion of human females giving birth to animals is common among other people. In the Prose Edda we read of the woman Gefjon, who had four sons by a giant, who were oxen. (*Mallet. Northern Antiquities, p. 396.*) And of the hag, Járnavid, who was the mother of gigantic sons, who were shaped like wolves. (*Id., p. 408.*) Loki gave birth to the eight-legged horse, Sleipnir. (*Id., p. 434.*) In the *Pentamerone* we read of a woman who brought forth a myrtle, which turned out to be a fairy, who ultimately married a prince. ("The Myrtle.") Pasiphae gave birth to the monstrous Minotaur; and Leda to two eggs, from each of which sprang twins. And in a recent number of *All the Year Round* we read of a Mary Loft, living during the last century, who succeeded in persuading many men of science, that she had become the mother of sixteen rabbits!

But this giving birth to animals is almost always, in these tales, spoken of as a disgrace to the human being, and is felt to be a reproach. In some tales a charge of giving birth to animals is made against a queen by malice for the purpose of taking away the king's affection. And the term *Igwababa* (crow) is an epithet of contempt; it is not clear in some of the tales whether we are to understand it in this way or literally. It is evident, however, in the tale of Ukcombekcantsini, that we are to understand the word literally. All the children of the king were crows. It is amusing to see how the people appear to think that giving birth to such animals is better than sterility. We alluded above to the notion of marriage with animals as possibly intimating a sympathy with the lower world of animal life. But clearly it is not such a sympathy as would allow, or scarcely even suggest, the possibility of overleaping the natural antipathy which exists between the human and all other animal species. This is evident from the repugnance which is frequently expressed for the bridegroom whilst under the animal form; and which is overcome only, when under that form he manifests the dispositions of man; the sympathy is with the human spirit even when manifesting itself under the form of a lower animal; the love is for the human being which the animal form conceals; and whilst that form is ascribed to the wicked influence of magic, love often becomes the immediate means of delivering the spell-bound being from his degradation. Such tales, therefore, really become parables in which the power of love over brute nature, to exalt and elevate it, receives illustration. The invariably much greater repugnance expressed for giving birth to animals, on the other hand, may be a kind of protest against degeneration. Many such legends were originally, no doubt, metaphorical, or alluded to some real fact misunderstood and misexplained.

³⁷ Each wife of a polygamist has her own dwelling and establishment; each such separate establishment is called a house.

inkosikazi yaye ya i nge namntwana, kwa ku tiwa inyumba; ya hlala isikati eside i nga zali. Be i hleka bonke nabesifazana labo bona aba zala amagwababa, be ti, "Kanti tina si ya zala namagwababa odwa lawa, kepa wena a u zali luto. Kepa u ti u umuntu wokwenza ni na?" A kale, a ti, "Kepa nga zenza ini na? loku nani ni ya zala ngokuba kwa tiwa, Zala ni."

had no child; it was said she was barren; she remained a long time without having any child. All used to jeer her, and even the very women who gave birth to crows, saying, "We indeed do give birth only to crows; but you give birth to nothing. Of what use then do you say you are?" She cried, saying, "But did I make myself? For even you are mothers, because it was said, 'Be ye mothers.'"³⁸

The childless queen receives assistance from some pigeons.

Wa ze w' emuka wa ya 'ulima; ngesikati sokulima, kwa ti lapa insimu e se za 'u i kgeda, kwa fika amavukutu emabili; a fika kuyena e hlezi pansi, e kala. La ti elinye kwelinye, la ti, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni na, u nga buzi uma u kalela ni na?" Wa ti, "Ngi ya kala ngokuba ngi nga zali. Abanye abafazi benkosi ba ya zala amagwababa, kepa mina a ngi zali luto." La ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga buzi ukuti uma si m zalisa a nga si nika ni?" Wa ti, "Ngi nga ni nika konke e ngi nako." La ti, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga buzi ukuti ukudhla kuni a nga si nika kona na?" Wa ti, "Ngi nga ni nika amabel' ami." La ti, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, loku si nga wa dhli amabele?" Wa ti, "Ngi ya 'u ni nika amadumbi." La ti, "Vukutu." La ti elinye, "U ti

At length she went to dig; when she was digging, and the garden was now nearly finished, two pigeons came to her as she was sitting on the ground and weeping. One said to the other, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not ask why she is crying?" She said, "I am crying because I have no child. The other wives of the king give birth to crows; but I give birth to nothing." One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not ask her what she will give us, if we give her power to have a child?" She replied, "I could give all I possess." One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not ask what food she will give us?" She said, "I would give you my amabele."³⁹ One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' since we do not eat amabele?" She said, "I will give you amadumbi."⁴⁰ One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say

³⁸ *Kwa tina, Zala ni.*—This saying is worthy of note. It is common among the natives. They say it is a reference to the word which Unkulunkulu, when he broke off all things from Uthlangu in the beginning, uttered, determining by an ordinance all future events.

³⁹ *Amabele*, Native corn.

⁴⁰ *Amadumbi*, a kind of arum, the tubers of which are used as food.

'Vukutu' ni, u nga ti, a si wa tandi amadumbi." Wa bala konke ukudhla a nako. A kw ala. Wa ze wa ti, "'Kupela kokudhla e ngi nako." La ti, "Vukutu : u nawo amabele ; kepa tina si funa inhlakuva." Wa ti, "O, ngi nazo inhlakuva, makosi ami." La ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga ti a ka tshetshe masinya, a ye ekaya a yo'utata inhlakuva?"

'Vukutu,' and not tell her we do not like amadumbi?" She mentioned all the kinds of food she had. They refused it all. At length she said, "That is all the food I have." The pigeon said, "Vukutu : you have amabele ; but for our part we like castor-oil seeds." She said, "O, I have castor-oil seeds, sir." One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not tell her to make haste home at once, and fetch the castor-oil seeds?"⁴¹

The queen fetches castor-oil seeds for the pigeons.

W' esuka masinyane umfazi, wa gijima, wa ya ekaya ; wa fika wa zi tata inhlakuva, zi sempandeni, wa zi tululela ekgomeni ; wa zi twala, wa ya nazo ensimini. Wa fika, la ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga ti, a ka tele pansi?" Wa zi tela pansi inhlakuva. A kcotsha amavukutu, a kgeda.

The woman ran home at once ; on her arrival she took the castor-oil seeds which were in a pot,⁴² and poured them into a basket, placed them on her head, and went with them to the garden. On her arrival one said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not tell her to pour the seeds on the ground?" She poured the castor-oil seeds on the ground. The pigeons picked them all up.

The pigeons draw blood from her, and tell her what to do with the clot.

A ti e se kgedile, la ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga buzi uma u ze nalo upondo nenhlanga na?" Wa ti, "Kga." La ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga buzi uma u ze nalo upondo nenhlanga na?"

When they had eaten them all, one said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not ask her if she has brought a horn and a lancet?"⁴³ She said, "No." One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say

⁴¹ Compare the conversation between the Ravens in the tale of "The Faithful Johan." (*Grimm. Op. cit., p. 29.*) And that between the gold and the silver pigeons in "The Battle of the Birds." (*Campbell. Op. cit. Vol. I., p. 37.*)

⁴² *Umpanda* is an earthen pot which is cracked, and no longer of any use but for holding seed, &c.

⁴³ *Inhlanga* is a term applied both to the small knife with which the natives scarify, and to the scarifications.

kutu' ni na, u nga ti, ka hambe a lande upondo nen'langa?" Wa gijima, wa fika ekaya, wa tata upondo nen'langa, wa buya masinyane. Wa fika, la ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga ti, ka fulatele?" Wa fulatela. La ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga m gcabi esingeni na?" La m gcaba. Kepa uma se li kgedile uku m gcaba, la tata upondo, la tela kona ihlule. La ti elinye, "Vukutu." La ti elinye, "U ti 'Vukutu' ni, u nga ti uma e se fikile ekaya, a ka ze a fune isitsha esikulu, a tele pakati kwaso, ku ze ku fe inyanga ezimbili, k' and' uma a zibukule esitsheni?" Wa buya, wa fika, w' enza njalo.

'Vukutu,' and not tell her to go and fetch a horn and a lancet?" She ran home, and fetched a horn and a lancet, and came back immediately. On her arrival one said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not tell her to turn her back to us?" She turned her back to them. One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not scarify her on the loins?" The pigeon cupped her; but when he had finished cupping her, he took the horn, and poured the clotted blood into it. One said, "Vukutu." The other said, "Why do you say 'Vukutu,' and not tell her on reaching home to find a large vessel, and pour the clotted blood into it, until two moons die; and then uncover the vessel?" She went home and did so.

She finds two children in the clot at the end of four months.

Wa hlala inyanga za za za ba mbili. Kwa ti uma so ku twasa eyesitatu inyanga, wa funyanisa abantwana be babili. Wa ba kipa kuleso 'sitsha. Wa buya wa ba

She remained two months : when the third new moon appeared, she found two children;⁴⁴ she took them out of the vessel; and placed them again in another

⁴⁴ In Stephens' *Incidents of Travel in Central America* there is a curious legend, which may be compared with this. An old woman mourned that she was childless. She took an egg, covered it with cloth, and laid it in a safe place. She examined it daily, and at length was gladdened by finding it hatched, and a baby born. The baby thus obtained had many characteristics in common with Uthlakanyana. In the Polynesian mythology, Maui is represented as having been prematurely born as his mother was walking on the sea shore; she wrapped the abortion up in a tuft of her hair, and threw it into the foam of the surf; it became enfolded in sea-weed, and the soft jelly-fish rolled themselves around it to protect it. His great ancestor, Tama-nui-ki-te-Rangi, attracted by the flies, "stripped off the encircling jelly-fish, and behold within there lay a human being." And Maui became the Great Hero. In the same legends the origin of Whakatau, the great magician, is still more remarkable:—"One day Apakura went down upon the sea-coast, and took off a little apron which she wore in front as a covering, and threw it into the ocean, and a god named Rongotakawiu took it and shaped it, and gave it form and being, and Whakatau sprang into life, and his ancestor Rongotakawiu taught him magic and the use of enchantments of every kind." (*Grey. Op. cit., pp. 18, 19, and p. 116.*)—Compare also the Highland legend of the birth of Gili-doir Maghrevollich, or The Black Child, Son to the Bones. (*Scott's Lady of the Lake. Note on the*

faka kwenye imbiza. Wa hlala kwa ba izinyanga ezintatu e nga bheki kona. Wa ti lapa e se bhaka ngeyesine inyanga, wa funyana se be bakulu, se be hleka ; wa jabula kakulu.

large pot. She remained three moons⁴⁵ without looking into it. When she looked on the fourth moon, she found them now large, and laughing. She greatly rejoiced.

She conceals the children, and feeds them by night.

Wa puma e ya 'ulima. Wa fika enhle, wa hlala pansi, la ze la tshona, e ti, "Umakazi ba nga sinda ini abanta bami? loku ngi hlekwa abanye abafazi ; ingani nabo a ba zali 'bantu, ba zala amagwababa." Kwa ze kwa ti ntambama wa buya wa fika ekaya. Kwa ti kusihlwa, lapa e se za 'ulala, a vale emnyango ngesivalo na ngesi/landhla, e ti, kona ku ya 'kuti noma umuntu e dhlula emnyango a nga boni 'luto. Wa hlala. Kwa ti lapa e se bona ukuti abantu a ba sa nyakazi pakati kwomuzi, w' esuka, wa ba

She went to dig. When she reached the garden, she sat down till the sun went down, saying, "Can it be that my children can live? For I am jeered by the other women ; and even they, forsooth, do not give birth to human beings ; they give birth to crows." In the afternoon she would return home. When it was evening, and she was about to lie down, she shut up the doorway with the wicker door, and with a mat, saying, "Then, although any one pass by the door, he will see nothing." She waited, and when she saw that the people no longer went up and down in the village, she took her

line, "Of Brian's birth strange tales were told.") But the production of a "fetcher," as recorded in the Icelandic legends, is still more remarkable. A woman steals a dead man's rib, over which she performs certain incantations, and lays it on her breast ; three times she goes to Communion, but uses the wine to inject into the extremities of the bone ; on the third time the "fetcher" has acquired his full life and strength." When she can no longer bear him on her breast, she makes a wound in her thigh and places him to it, and he draws from thence his nourishment for the rest of his existence. The "fetcher" becomes a kind of familiar to his mother, who employs him for the purpose of sucking the cows of other people, the milk of which he brings home, and discharges into his mother's churn.—To the same class of eccentric thought may be referred the origin of the good old Raymond's steed,

"Which, Aquilino for his swiftness hight,"

was bred by the Tagus. His dam

"When first on trees bourgeon the blossoms soft,
Prick'd forward with the sting of fertile kind,
Against the air casts up her head aloft,
And gathereth seed so from the fruitful wind ;
And thus conceiving of the gentle blast,
(A wonder strange and rare), she foals at last !

"And had you seen the beast you would have said
The light and subtle wind his father was ;
For if his course upon the sands he made,
No sign was left what way the beast did pass."

—Tasso's *Jerusalem Recovered*. Fairfax. B. vii., LXXV—LXXVII.

⁴⁵ That is, three months from the time of putting the clot into the first vessel ; one from the time she placed it in the second.

tata abantwana, wa ba beka okcasini, wa tata ubisi, wa ba nika; omunye o umfana wa lu puza, intombazana ya lwala. Kwa ti lapa e se kade e hlezi nabo, wa buye wa ba buyisela endaweni yabo; wa lala.

children, and placed them on a mat, and took milk and gave them; the boy drank it, but the little girl refused it. When she had remained with them a long time, she put them back again into their place; and slept.

The crows trouble the queen.

Kwa ti ukukula kwabo, ba kula masinyane bobabili; ba ze ba kasa be nga bonwa 'muntu; ba ze ba hamba, unina e ba fihla kubantu. Ba hlala, be nga pumeli pandhle, unina 'ala, e ti, uma be pumile ba ya pandhle, ba ya 'ubonwa amagwababa, a ba bulale, ngokuba a e m hlupa na sendhlini. Ku ti uma e vukile kusasa wa ya 'kuka amanzi, wa hamba wa ya 'ulima, ku ti e se buya ntambama a funyanise amanzi e se kctiwe indhlu yonke nomlota so u kitshiwe eziko, so ku mhlape endhlini. A ti, "Loku ku ng' enza ngokuba ngi nga zali namagwababa odwa lawa; ngokuba nami uma ngi ya zala, nga ku nga ng' enzi loku 'kwenza; ngokuba se nga hlupaka kangaka, na sendodeni eya ngi zekayo i nga sa ng' enzi 'muntu ngokuba ngi nga zali."

As regards their growth, both grew very fast; at length they crawled on the ground, not having been seen by any one; at length they walked, their mother concealing them from the people. They remained in the house, not going out, their mother not allowing them, saying, if they went out they would be seen by the crows, and they would kill them; for they used to vex her in her very house. For it was so that when she had risen in the morning, and fetched water and then went out to dig, when she returned in the afternoon, she found the water spilt over the whole house, and the ashes taken out of the fireplace, and the whole house white with the ashes. She said, "This is done to me because I do not give birth even to these crows; for if I too gave birth, I should not be treated thus; for I have now been afflicted for a long time in this way; and even with my husband who married me it is the same; he no longer regards me as a human being, because I have no child."

The queen gives the girl a name.

Ba kula ke abantwana bobabili, ba ze ba ba bakulu. Ya ti intombazana ya ze ya ba ikqikiza; nomfana wa ba insizwa. Wa ti

Both grew until they were great children; the little girl was at length a grown-up maiden, and the boy a young man. The mother

unina, "Loku se ni ngaka nobabili, banta bami, kepa a ni nawo amabizo," wa ti kowentombazana, "Wena, igama lako Ukcombekantsini." Wa ti umfana, "Mina, u nga ngi ti igama, ngokuba nami igama lobudoda ngi ya 'u li tiwa ubaba, se ngi kulile; a ngi tandi ukutiwa igama manje." Wa vuma ke unina.

said to them, "Since you are now so big, my children, but have no name,—" she said to the girl, "As for you, your name is Ukcombekantsini."⁴⁶ The boy said, "For my part, do not give me a name; for I too will receive my name of manhood, when I have grown up, from my father; I do not wish to have a name now." So the mother agreed.

The boy and girl go out when their mother is absent, and make some acquaintances.

Kwa ti emini unina e nge ko, wa ti owentombazana, "A si hambesi ye 'kuka amanzi, loku amagwababa e wa keitile amanzi kama." Wa ti umfana, "Angiti umame wa s' alela ukuba si hambe pandile na?" Wa ti owentombazana, "Si za 'ube si bonwa ubani na, loku abantu bonke ba yo'ulima na?" Wa vuma ke umfana. Ya tata imbiza yamanzi intombazana, ya hamba ya ya emfuleni, be hamba bobabili. Kepa lona umfana insimbi yake wa e mlope; kepa intombazana ya i kazimula kakulu. Ba hamba ke, ba fika emfuleni, ba ka amanzi. A ti uma e se gwele embizeni, ya ti kowumfana, "Ngi twese." Wa ti lapa e se za 'u m twesa, ba bona udwendwe lwabantu abaningi b' eza emfuleni. Ba fika ba ti, "Si puzise." Wa wa ka amanzi ngen-debe, wa nika o pambili. Kwa pinda kwa tsho omunye futi, wa ti, "Ngi puzise." Wa wa ka, wa m puzisa. Ba tsho bonke, wa ze wa ba kqeda e ba puzisa.

It happened at noon when the mother was not there, the girl said, "Let us go and fetch water, since the crows have spilt the water of our mother." The boy said, "Did not mother forbid us to go outside?" The girl said, "By whom shall we be seen, since all the people have gone to dig?" The boy agreed. The girl took a water-vessel; she went to the river, both going together. But as for the boy, his peculiarity was that he was white; but the girl was very shining. So they went, and reached the river, and dipped water. When she had filled the vessel, she said to the boy, "Put it on my head." When he was just about to put it on her head, they saw a line of many people coming to them. When they came to the river, they said, "Give us to drink." He dipped water with a cup, and gave the first. The second asked also, saying, "Give me to drink." He gave him to drink. All asked in like manner, until he had given them all to drink.

⁴⁶ Ukcombekantsini, The-mat-marker.

They tell their new acquaintances something about themselves, and learn something about their acquaintances.

Ba ti, "N' aba kumu p' umuzi na?" Ba ti, "S' aba kulo o ngapezulu." Ba ti, "Ku kona 'muntu kona na?" Ba ti, "Kga; a ku ko 'muntu." Ba ti, "N' aba kui p' ind/lu na?" Ba ti, "S' aba kule e geine esangweni." Ba ti, "Inkosikazi i i pi na?" Ba ti, "Inkosikazi kwa ku yena uma; kepa kwa ti ngokuba e nga zali ya kitshwa ind/lu yakwake, ya bekwa esangweni." Ba buza ba ti, "Po, nina n' aba kusi pi isizwe na?" Ba ti, "Tina si vela le, si hamba si funa intombi en/le kakulu, ngokuba ku za 'uzeka inkosi yakwiti." Ba ti, "U kona i za 'ukqala ukuzeka ini na?" Ba vuma. Ba ti, "Ni u/lobo lu ni na?" Ba ti, "Tina s' Abahhwebu." Ya ti intombi, "Nenkosi yakwini Umhwebu na?" Ba ti, "Kga; umuntu nje; i tina sodwa es' Abahhwebu. Nati a si baningi; si ibuto linye nje." Ba hamba ke Abahhwebu.

They said, "To what village do you belong?" They replied, "To that one on the hill." They said, "Is there any one at home?" They said, "No; there is no one." They said, "To which house do you belong?" They said, "To that which is last near the main entrance." They said, "Which is the queen?" They replied, "The queen was our own mother; but it happened that, because she had no child, her house was removed, and placed near the entrance." The children enquired of them, "And you, to what nation do you belong?" They replied, "We came from yonder. We are looking for a very beautiful damsel; for the king of our nation is going to be married." They said, "Is he then about to take his first wife?" They assented. They asked, "Of what nation are you?" They said, "We are Abahhwebu." The girl said, "And the king of your nation, is he an Umhwebu?" They replied, "No; he is not of the same race as ourselves; we only are Abahhwebu. And we are not many; we are but one troop." So the Abahhwebu departed.

The queen is displeased.

Wa y etwesa ke imbiza yamanzi, ba kupuka ba fika ekaya, ba hlala. Kwa ti ntambama wa fika unina, e vela 'ulima; wa ti, "Amanzi a kiwe ubani na?" Ba ti, "A kiwe i tina." Wa ti, "Angiti ng' ala ukuba ni pumele pand/le? Kepa ni tshelwe ubani ukuti, Hamba ni

The boy put the water-vessel on her head. They went up the hill to their home, and sat down. In the afternoon when the mother returned from digging, she asked, "By whom was this water fetched?" They said, "By us." She said, "Did I not forbid you to go outside? By whom, then, were

ni yokuka 'manzi na?' Wa ti umfana, "Be ng' ala mina, kepa wa ti Ukcombekantsini, 'A si hambe si yokuka 'manzi.'" Wa ti unina, "A ni bonwanga 'muntu ini na?" Ba ti, "Si boniwe Abahhwebu, be udwendwe olukulu. Ba ti, 'N' abakabani na?' Sa ti, 'S' aba kona kulo 'muzi.'" Ba binda ke. Ba hlala izinsuku ezingi. Kodwa kubo ba be ng' aziwa namunye umuntu; ba b' aziwa Abahhwebu bodwa.

you told to go and fetch water?' The boy said, "I refused for my part, but Ukcombekantsini said, 'Let us go and fetch water.'" The mother said, "Did no man see you?" They replied, "We were seen by some Abahhwebu, who formed a very long line. They asked us whose children we were; we said we belonged to this village." They were then silent. They remained for many days. But they were unknown to any one of their own village; they were known by the Abahhwebu only.

A large company come to the royal kraal, with cattle, to ask the king's daughter in marriage.

Kwa ti ngesikati esinye kwa fika izinkomo ezingi ntambama, zi hamba nabantu abaningi. Ba ti bonke abantu lapo ekaya, "Impi; i vela 'ku zi dila pi lezi 'n-komo ezingaka na?" Ba bona abantu abaningi b' eza ekaya; ba zi shiya ngapandile kwomuzi ezi-nye inkomo, b' eza nezinye ekaya. Ba fika, ba zi ngenisa esibayeni; b' enyuka ba ya ngasenila; ba fika b' ema; ba kuleka ngokukcela intombi kuyise. Kwa tula nje bonke abantu ekaya, be tula ngokumangala, be ti, "U kona ini umuntu o ng' eza 'kukgoma amagwababa na? Loku a i ko intombi e umuntu lapa ekaya." Kepa ba kuleka ngokungati ba ya y azi intombi. Ba ze ba ti abesifazana, "Uma ku zo'ukgonywa, i pi intombi kulezi zetu na? U ya ujabula umfazi intombi yake e ya 'ukgonywa ngalezi 'nkomo ezingi kangaka."

It came to pass on another occasion there came very many cattle in the afternoon with very many people. All the people of the village said, "It is an army; into what place has it made a foray, and taken so many cattle as these?" They saw many men coming to their village; they left many of the cattle outside; they entered with others into the very village. On their arrival they drove them into the cattle-pen, and went to the upper part, and stood there and respectfully asked his daughter from the father. All the people of the village were silent, being silent from wonder, saying, "Is there a man who could come and select from among cows one to be his bride? For there is not a girl who is a human being in this village." But the men asked as though they knew the damsel. At length the women said, "If you are come to select a bride, which is the damsel among all these of ours? That mother will be glad whose daughter shall be selected with so many cattle as these."

The mothers of the crows jeer the queen.

Ba puma ke bonke ekaya besi-fazana, b'ema pand'le; abanye ba gijima be ya esangweni, be ti, "Ye, ye! u ya dela umfazi o nga zalanga uma abakabani laba abayeni na?" be tsho ngokubing'ona lona o nge naye umntwana, ngokuba ba be ng'azi ukuba u yena o nentombi impela; ngokuba bona ba be zala amagwababa nje. A puma ngokutukutela amadoda noyise wamagwababa, e ba futa abesifazana, e ti, "Suka ni; suka ni! ni hlaba 'mikosi ngazi pi intombi zenu na, loku ni ze le amagwababa nje na? U kona umuntu o nga kcita inkomo zake ezingaka e lobola igwababa na?" Ba ti, "Tshetsha ni, ni ngene ezindhlini, ni yeke lowo 'msindo."

All the women went out of the houses and stood outside; some ran to the entrance, saying, "Ye, ye! is the woman who has no child satisfied as to whose are these bridegroom's men?" saying thus for the purpose of jeering the childless one, for they did not know that it was she who really had a girl; for they had given birth to crows only. The men went out in anger together with the father of the crows, he being in a rage with the women, and saying, "Away with you; away with you! For which girls of yours do you make this huzzahing? since you have given birth only to crows. Who would cast away so many cattle as these for a crow's dowry?" The men said, "Make haste into your houses, and cease this noise."

The king tells them he has no daughter; but they persist in asking his daughter in marriage.

Wa ya kubayeni umnikazimuzi, e ti, "Mina a ngi nantombi. Nga zala amagwababa odwa nje. Tata ni inkomo zenu, ni goduke, ni ye kwini." Ba ti, "Si ya ku ncenga, si ti, musa uku s'ala; ngokuba si y'azi ukuba i kona intombi lapa ekaya, e umuntu." W'efunga nokufunga umnikazimuzi, e ti, "A i ko intombi lapa ekaya." Ba ze ba bhekana abayeni, be funa, be funa ukubuza kulabo Abahhwebu bona ba be zile kuk'ala; ba ti, "Imbala na i bona intombi lapa

The owner of the village went to the bridegroom's men, and said, "As for me, I have no girl. I am the father of mere crows, and of nothing else. Take your cattle, and go home with them to your people." They replied, "We beseech thee not to refuse us; for we know that there is a damsel at this place which is a human being." The head of the village swore solemnly that there was no damsel at his home. At length the bridegroom's people looked at each other, being desirous of enquiring of the Abahhwebu who had come there at first; they asked them, "Did you in truth see a damsel at

ekaya na?" Ba ti Abahhwebu, "Sa i bona lapa ekaya: si nga i komba indhlu e ya ngena kuyona." Ba ti, "I i pi na?" Ba ti, "I leya e landela e sekugcineni." Ba ti, "Tina, munumuzana, si ya yazi impela intombi yako; si nga i komba nendhlu e kuyona." Wa ti umnikazimuzi, e tsho ngokutukutela, wa ti, "Imbala laba 'bantu ba hlakanipile nje na! Loku ngi yani tshela mina 'yise wabantwana, ngi ti, a i ko intombi e umuntu lapa ekaya. Kepa ni ngi pikela inkani ngokuba ni ze 'ku ngi hleka ngokuba ngi nga zalanga 'muntu. Leya indhlu e ni i kombayo, umnikaziyo a ka zalanga negwababa lodwa leli."

this place?" The Abahhwebu replied, "We did see one at this place: we can point out the house into which she entered." They enquired which it was. They said, "It is that which is the last but one." They said, "O chief of this village, we are indeed acquainted with your daughter; we can even point out the house in which she is." The chief of the village replied, speaking in anger, "Are these men then truly so very wise? For I the father of the children tell you, there is not a girl in this place that is a human being. But you dispute the matter with me, because you have come to laugh at me, because I am not a father of human beings. That house to which you point, the occupier of it has not given birth to so much as a crow."

The queen salutes the strangers.

Wa ti owesifazana waleyo 'ndhlu ngokuzwa izwi lendoda li tsho njalo, wa puma endhlini e ti, "Nampa abayeni bakadade! Ngena ni endhlini, ni hlatshiswe, bakwenyana bami. Ngokuba mina noma ngi nga zalanga, kepa nina ni ngi bonile uma nga zala."

The woman of that house, when she heard her husband saying thus, left her house, saying, "Behold the bridegroom's people of our princess!⁴⁷ Come into the house, and have cattle killed for you, my sons-in-law. For though I have had no child, yet you have seen that I have a child."

She presents her children to the king.

Y' esuka indoda yake, ya ya kona endhlini; ya fika, ya ti, "Loku ngi be ngi ti wena a u namntwana. Kepa uma u pume u hlabe umkosi, u naye ini umntwana na?" Wa ti, "Loku ngi nga zali umntwana, ngi m tate pi na?"

Her husband went to the house and said, "I thought you had no child; but, since you have come out and shouted, have you a child?" She replied, "Since I do not have children, where could I get a child?" He said, "I ask

⁴⁷ Dade is equivalent to *Nkosazana*, "Princess." But *Dade wetu* would mean "Our sister." The bride calls the Imbulu by this name, *Dade*, "Princess," as a mark of deference.

Wa ti, "Ngi ya buza, mntanami, ngi tshele uma umkosi u u hlabele ku pi na?" Wa ti, "Ng' u hlabele abantwana bami oku nge si bo abendoda, abami nje." Ya ti indoda, "Ba pi na?" Wa ti, "Puma ni, a ni bone." Ba puma umfana nentombazana. Wa ti ngoku ba bona kwake uyise, wa wela pezu kwomfana, wa m bamba e kala, e ti, "Hau! hau! Kanti abafazi ba nesibindi esingaka na? Ku ngani ukuba u fihle abantwana ba ze ba be ngaka, be ng' aziwa 'muntu na?" Wa ti, "Wa ba tata pi laba 'bantwana na?" Wa ti, "Nga ba nikwa amavukutu, a ngi gcaba esingeni. Kwa puma ihlule, la telwa esitsheni, kwa ze kwa ba abantu, ngi b' ondhlala; nga ngi nga tandi uku ni tshela, ngokuba amagwababa a e nga ba bulala."

thee, my child, tell me for what have you shouted?" She replied, "I have shouted for my children, who are not the children of a man, but mine only." Her husband said, "Where are they?" She said, "Come out, that he may see you." The boy and girl came out. When the father saw them, he fell on the boy, and embraced him, crying and saying, "Hau! hau! Have women indeed so great courage? How is it that you have hidden the children till they are so big as this, they being unknown to any one?" He said, "Where did you get these children?" She replied, "The pigeons gave them to me. They scarified me on the loins; there came out a clot; it was placed in a vessel; at length it became human beings; I nourished them; I did not like to tell you, for the crows might have killed them."

They order an ox to be slaughtered for the strangers.

Wa vuma ke uyise, wa ti, "Ba za 'u'hlathiswa 'nkomo ni na, loku izimbuzi ba ng' eze ba hlathiswa yona; ku fanele ukuba ba hlabe itole lenkabi." Wa vuma ke unina. Wa ya wa puma endhlini, wa fika kubayeni e se hleka, e jabula, e ti, "Puma ni, ngi ni kombise inkomo yenu." Wa puma umyeni, wa ba munye; wa m kombisa itole lenkabi. La hlathiswa, la dhlwa.

The father agreed and said, "Which bullock shall be slaughtered for them? For as for the goats, they must not have a mere goat killed; it is proper that they kill a young ox." So the mother agreed. She went out of the house, and came to the bridegroom, now laughing and happy, and saying, "Come out, that I may point out to you your bullock." The bridegroom went out alone; she pointed out to him the young ox. It was killed and eaten.

The bridegroom is accepted.

Kwa ti ngangomso wa ti uyise, "Ku fanele ukuba a hlathiswe umntwana naye kanye nenkomo e

On the morrow the father said, "It is proper that the girl too have a bullock killed for her toge-

za 'ukela abayeni bake." Wa vuma ke unina. Ya hlatsywa inkomo. Wa puma uyise, wa ti, "Ku fanele ukuba i kgedwe yonke imikuba yalo 'mntwana, ngokuba ngi ya tanda ukuba abayeni bake b' emuke naye umhlana b' emukayo, ngokuba amagwababa a nga m bulala." Kw' enziwa yonke imikuba yake neyokuhlatshiswa izimbuzi, ngokuba umhlana e tombayo a ka hlatshiswanga, ngokuba wa e ng' aziwa 'muntu. Wa kela abayeni, kwa hlatsywa inkomo, kwa dhlwa inyama.

ther with that with which she is about to dance⁴⁸ before her bridegroom's people." So the mother agreed. The father arose and said, "It is proper that all the customs of this child be fully carried out, for it is my wish that her bridegroom's party take her with them on the day of their departure, for the crows may kill her." So all her customs were completed by having goats killed for her, for when she came to puberty she had nothing killed for her, because no one knew of her. She danced for the bridegroom's party; the cattle were killed, and the flesh eaten.

The king advises them to set out on the morrow.

Wa ti uyise, "Esinye isito a no si beka, banta bami, ni ze ni hambe ni dlla endheleni nomfazi wenu." Ba ti abayeni, "Yebo, baba; nati se si tanda ukuhamba kusasa." Ba vumelana kahle.

The father said, "Do you set aside a leg, my children, that you and your wife may have food on your journey." They replied, "Yes, father; and we are desirous of going in the morning." They were entirely of one heart.

The queen forewarns them.

Wa ti unina kubayeni, "Uma se ni hambile, no bona inyamazane eluhlaza endheleni; i ya 'uvela enkanjala; ni nga i kzotshi; a no i yeka nje, kona ku ya 'ulunga ukwenda komntanami."

The mother said to the bridegroom's party, "When you have set out on your journey, you will see a green animal in the path; it will make its appearance on the high land; do not pursue it, just leave it alone; then the marriage of my child will be fortunate."⁴⁹

⁴⁸ This ceremony is for the purpose of openly acknowledging the bridegroom by the bride. A mat is placed on the ground in the middle of the cattle-pen; the bridegroom and his party sit at the upper end of the enclosure; the bride and her maids pass, dancing, from the entrance to where they are sitting; one then takes the bridegroom by the hand, and leads him down to the mat, and leaves him standing on it. The mat is not afterwards touched by the bride's party, because the bridegroom's feet have stood on it; it is *hlonipa'd*, that is, respected by them; but it is taken away by someone belonging to him.

⁴⁹ *Insimango*, a large kind of baboon, is possibly here meant. It is said to be green; its skin is valuable, being used only for the ornaments of chiefs and great men. Its colour is grey with a greenish tint.

The bridal party sets out together ; but are separated in the way.

Kwa sa ke kusasa ba hamba. Kepa umyeni nomakoti wake ba be ketelwe izinkabi ezimbili ezinkulu, be kwele pezu kwazo bobabili, amabuto e hamba pambili onke, kepa bona be hamba emuva bodwa nezintombi eziningi eza zi menywe esizweni sikayise, zi hamba nabo emuva. Ba ze ba fika enkangala ; ba i bona ke leyo 'nyamazane unina a ba yala ngayo, wa ti, a ba ze ba nga i bulali. Amabuto a gijima onke, a i kzo-tsha inyamazane. Wa ti umakoti, "B' alele, ba nga i kzo-tshi inyamazane. Angiti uma u ni tshelile, wa ti, 'Ni nga i kzo-tshi inyamazane' na ?" Wa ti, "O, u ti ku za 'uba nani, wena, na ? A ba i kzo-tshe nje ; a i nakcala." B' e-na isikati eside lapo umakoti nomyeni nezintombi zakubo kama-koti. Wa ze wa ti umyeni, "O, se si katele ukuma elangeni ; ake ngi hambe masinyane, ngi yoku ba buyisa, si hambe. So ku semini." Wa hamba ke.

On the following morning they set out. But two large oxen were selected for the bridegroom and his bride, and they were placed upon them, their soldiers going before them, and they following alone with many damsels which had been summoned from her father's tribe. At length they reached the high land ; and then they saw that animal respecting which the mother had warned them, telling them not to kill it. All the soldiers ran and pursued the animal. The bride said, "Forbid them to pursue the animal. Did not my mother tell you not to pursue it ?" The bridegroom answered, "O, of what consequence do you say it will be ? Just let them pursue it ; it is no matter." The bride and bridegroom, and the bride's damsels, remained there a long time. At length the bridegroom said, "O, we are now tired with standing here in the sun. Let me go at once and bring back the men, that we may go on our way. It is now noon." So he departed.

An Imbulu accosts the bride, and deceives her.

Ba sale, ba hlala isikati eside, be nga m boni umyeni ; wa ze wa ti umakoti kwezinye intombi, "Se ngi katele ukuma, se ng' omile na amanzi." Kwa ti e sa kuluma loko, kwa fika kubona Imbulu, ya ti, "Sa ni bona, makosazana amahle." Ba vuma. Ya ti Imbulu,

After that they remained a long time, without seeing the bridegroom ; at length the bride said to the other damsels, "I am now tired with waiting ; and I am longing for water." As she was speaking these words, an Imbulu⁵⁰ came to them, and said, "Good day, beautiful princesses." They acknowledged the salutation. The

⁵⁰ The Imbulu is a large land lizard, living mostly in forests. It is a stupid harmless animal. The natives say it is very fond of milk, and that it sucks the cows when they are in the open country. It is not uncommon for boys who have robbed their fathers of the milk of the cows whilst herding them, to lay the blame on the Imbulu.

"Ake w ehlake, ngi bone uma si nga ngi fanela ini isikaka sako na?" Wa ti, "A ngi tandi ukwehlaka." Ya ti Imbulu, "Hau! Ake w ehlake; u zo'ubuye u kwelele." Wa ze w ehlaka umakoti. Ya tata isikaka, ya bina Imbulu, ya ti, "Kwa ngi fanafanela!" Ya ti, "A u lete nolembu lwako lolo, ke ngi bone uma nalo lu nga ngi fanela ini na?" W' ala, wa ti, "Ngi ya l' esaba ilanga mina, dada." Ya ti, "Ngi tsheleke, ngi za'u ku nika masinyane." Wa i nika. Ya lu faka ulembu, ya ti, "Ake ngi kwele enkabini yako lapa, ngi bone uma nami ku nga ngi fanela ini na?" Wa ti, "Kwela, u buye w ehlake masinyane." Ya kwela ke Imbulu, ya ti, "Ncinci! Kwa ngi fanafanela!" Wa ti, "Sa w ehlaka ke." Ya ti, "A ngi tandi; a ngi ze ng' ehlaka." Wa ti, "Ye hlika, ngi kwele." Ya ti Imbulu, "U ke wa vumelane ukuba ngi kwele; a ngi sa yi 'kwehlaka mina."

Imbulu said, "Just come down, that I may see if your dress is suitable for me." She replied, "I do not wish to come down." The Imbulu said, "Hau! Just come down; you will get up again at once." At length the bride descended. The Imbulu took her dress, and girded it on, and said, "O! how well it fits me!" The Imbulu said, "Bring me your veil,⁵¹ that I may see if it too would become me." The bride refused, saying, "I am afraid of the sun, princess." The Imbulu said, "Lend it to me; I will return it to you immediately." She gave her the veil. The Imbulu put on the veil, and said, "Just let me get on your ox, that I may see if that too would become me." She said, "Get up, but come down again immediately." So the Imbulu mounted, and said, "Ncinci! How admirably it suits me!" She said, "Come down now then." The Imbulu said, "I do not wish to come down; I shall never come down." The bride said, "Get down, that I may mount." The Imbulu replied, "You gave me permission to get up; I shall never come down again, for my part."

The brides and her maids are turned into birds.

Z' esuka ke izintombi zonke kanye nomakoti; za gukuka intaka. Wa ti umakoti yena wa ba uluve. Ba ya e latini, ba hlala kona, se be inyoni.

Then the bridesmaids and the bride departed; they turned into finches, and the bride turned into an uluve.⁵² They went to the forest, and remained there, being now birds.

⁵¹ *Ulembu*.—The veil is now no longer used among the natives; it is known only in nursery tales. It is said to have been an ancient custom for the bride to veil her face. She now partially conceals it with a prepared skin.

⁵² *Uluve*, a bird, a kind of finch.

The bridegroom is uneasy.

Ba fika abayeni nesikumba senyamazane, se be i Mlinzile. Ba hamba pambili. Ba ti be se kude nentombi, wa ti umyeni, "Hau! hau! Band'ala! ni ya bona umakoti u se njani nje na, ukuba a be mncane kangaka, a fipale? w e-nziwa ini na? nentombi zi pi na?" Ba ti, "O, nkosi, kumbe intombi zi diniwe ukuhlala elangeni, za ze za buyela ekaya kubo; si ya bona o kw enze umakoti ilanga, ngokuba u be nga hlali elangeni." Wa ti, "Noma ku njalo, nga ku bonakala okwelanga; umzimba wami se u jambile, kungati a ku se yena umakoti wami lo." Ba fika pambi kwake, ba ti, "Zi pi intombi na?" Wa kuluma umakoti ngokungati ulimi lwake lu botshiwe, e tshwatshwaza, e ti, "Zi buyile za ya ekaya."

The bridegroom's men arrived with the skin of the animal which they had skinned. They went in front. When they were still at a distance from the damsels, the bridegroom said, "Hau! hau! My men! do you see the bride, how small she is become, and that she no longer shines? what has happened to her? and where are the bridesmaids?" They replied, "O, sir, perhaps the girls were tired with sitting in the sun, until they went back to their own homes; we see what the sun has done to the bride, for she was not accustomed to sit in the sun." He replied, "And if it is so, that which is done by the sun would be evident. My body is weak;⁵³ it seems to me that this is not my bride." They came in front of her, and said, "Where are the damsels?" The bride answered as though her tongue was tied, speaking rapidly and thickly, saying, "They have gone home."⁵⁴

⁵³ If a man feels his body weak and languid without being able to account for it, he considers it an omen of approaching evil. When the Troll had put her own daughter in the place of the young queen, the queen's "little dog, Locke, was never cheerful afterwards; the little infant wept uninterruptedly, and a weight lay on the king's mind." (*Thorpe's Yule-tide Stories*. "The Princess that came out of the water," p. 61.)

⁵⁴ Roland leaves his bride to go home to prepare the marriage festival, but falls into the toils of new enchantments, and forgets his betrothed and his faith. When his marriage with another is about to be celebrated she joins the bridal party, and when it comes to her turn to sing, her voice is recognised by Roland. Between the time of being forsaken and again recognised, like Ukombekeansini and her damsels, she occupies herself in secretly doing all the work in a shepherd's cottage, who had plucked her in the form of a flower into which she had transformed herself, and taken her to his home. She assumed the human form during the absence of the shepherd. (*Grimm*. "Roland and his Bride," p. 222.) One of the fisherman's "golden children," through pursuing a fine stag, is led into enchantments, by which he is lost to his bride, till released by his brother. (*Id.* "The Golden Children," p. 326.) The king's son leaves the giant's daughter, who had helped him to perform the laborious tasks imposed on him by her father, and finally to escape from him; and through allowing himself to be kissed by a dog, loses all recollection of her, till reminded of her, when he was about to be married to another, by a conversation between two pigeons. (*Campbell. Op. cit. Vol. I., p. 251.*) See also several such tales in *Thorpe's Yule-tide Stories*, pp. 202, 216, 447.

The birds jeer Ukakaka.

Ba hamba ke, amabuto e hamba pambili; naye umyeni wa hamba pambili namabuto ake; wa sala emuva umakoti, e hamba nenkabi yedwa. Kwa ti uma se be kude naleyo 'ndawo, ba bona inyoni ezingi zi hlala ngapambili kwabo, esikungweni, zi ti, "Ukakaka wenkosi wa hamba nesilwane!" Za ti, "Yiya, u gada nembulu!" Wa ti, "Hau! bandla! ni y' e-zwa oku kulunywa i lezi 'nyoni; zi ti ni na? Na ke na zi zwa inyoni zi kuluma na?" Ba ti, "O, nkosi, ukuma kwazo inyoni zehlaze; zi ya kuluma." Wa binda ke. Ba hamba.

Kwa ti ngapambili futi za ya ngapambili kwabo, za ti, "Ukakaka, Ukakaka wenkosi wa hamba nesilo! Yiya, u gada nembulu!" Kepa loko Ukakaka kwa ku m hlupa kakulu enhliziyweni yake. Kwa ti lapa se be ya ngasekaya, za buyela emuva izinyoni, za hlala ehladini; ba ngena ekaya, be hamba pambili bonke, umakoti be m shiya yedwa emuva.

So they went forward, the soldiers going in front, and the bridegroom himself went in front with his soldiers; the bride⁵⁵ remained behind, going alone with the ox. When they were at some distance from that place, they saw many birds pitched on the grass in front of them, saying, "Ukakaka the king's child gone off with an animal!" They said, "Out upon him, he is running off with an Imbulu!" He said, "Hau! my men! You hear what these birds say: what do they say? Did you ever hear birds speak?" They said, "O, sir, the manner of birds of the thorn country; they speak."⁵⁶ So he was silent. They went forward.

In front also the birds went before them, and said, "Ukakaka, Ukakaka, the king's child gone off with an animal! Out upon him, he runs off with an Imbulu." But that troubled the heart of Ukakaka very much. When they were near home, the birds turned back and remained in the forest. They entered their home, all the men going in front, leaving the bride alone behind them.

The king is dissatisfied with the bride.

Esibayeni kwa ku kona amadoda amaningi e hlezi nenkosi, uyise kakakaka. Wa ngena umakoti e

In the cattle-pen there were many men sitting with the king, Ukakaka's father. The bride en-

⁵⁵ That is, the Imbulu, the false bride.

⁵⁶ In one of the versions of "The Little Gold Shoe," a bird exposes the deceit which they are practising on the prince, by crying

"Chop heel and clip toe!

In the oven is she whom fits the gold shoe."

"What was that?" inquired the prince, wondering. "Oh," answered the queen, "it was nothing; it was only the song of a bird." (*Thorpe's Yule-tide Stories*, p. 125.) See Appendix at the end of this tale.

hamba yedwa ; w' enyuka wa ya ngasen'la. Ba ti abantu bonke aba seibayeni, "Ini yona le e fika nomntwana wenkosi na?" Ya tsho inkosi ngokutukutela i m biza i ti, "Mina lapa, wena mfana." Wa ya Ukakaka ngokwesaba, ngokuba wa e bona ukuba uyise u tukutele kakulu. Wa fika, wa ti, "Ini lena o fika nayo na? Intombi a ba ti Abahhwebu in'le i yona lena na?" Wa ti, "Tshe-tsha u ba bize bonke, b' eze lapa kumina ; Abahhwebu ba za 'ubulawa bonke, loku be kqamba amanga, ba ti ba i bonile intombi en'le." Wa ti Ukakaka, "Kga, nkosi baba, nami nga i bona intombi ; ya in'le kakulu ; Abahhwebu ba be kqinisile, ngokuba nami nga i bona, uma in'le kakulu." Wa ti uyise, "Kepa se i nani po na?" Wa ti, "A ng'azi. Kwa ku tiwe ekaya kubo, a si ze si nga i bulali inyamazane. Kepa tina sa i bulala ; si te se si fika si vela 'ubulala inyamazane, sa fika intombi se i nje. Zi nga se ko zakubo intombi. Si ya hamba, nani ngi ya bona ukuba a ku se yona intombi e ngi pume nayo ekaya."

tered, going alone ; she went up to the upper part of the enclosure. All the men who were in the enclosure said, "What is that which has come with the prince?" The king spoke in anger, calling his son, saying, "Come here, you boy." Ukakaka went in fear, because he saw that his father was very angry. On coming to him he said, "What is that with which you have come? Is that thing the damsel which the Abahhwebu said was beautiful?" He said, "Make haste, and call them all to come here to me ; all the Abahhwebu shall be killed ; for they have lied in saying they had seen a beautiful damsel." Ukakaka said, "No, king, my father ; I too saw the damsel ; she was very beautiful ; the Abahhwebu spoke the truth, for I too saw her, when she was very beautiful." The father replied, "What then is the matter with her now?" He said, "I do not know. We were told at her home on no account to kill a certain animal. But we killed it, and when we returned from killing it, on our arrival the damsel was as she is. And the damsels of her people were no longer there. As we went along I too saw that it is not the damsel with whom I left her home."

Ukakaka is also dissatisfied.

Wa binda ke uyise. Ba hlala kwa ba izinsukwana. Kepa Ukakaka wa e nga vumi ukuba ku tiwe umakoti wake, e ti, ka ka zeki. U kona e ya 'uzeka intombi en'le. Kepa abantu bonke be mangala ngaleyo 'ntombi, be ti, "Kungati a ku si 'muntu lo."

So the father was silent. They tarried a few days. But Ukakaka would not allow her to be called his wife, saying, he had not a wife yet. The time would come when he should marry a beautiful girl. And all the people wondered at the girl, and said she was not like a human being.

The bride and her maids assume their own forms, and visit the bridegroom's kraal.

Kepa kwa ku kona isalukazi ekaya kulowo 'muzi, sa si ngenazo izito, sa si nemikono yodwa, si hlala nje ekaya, igama laso kwa ku tiwa Uthlese; ku tshiwo ngokuba ukuhamba kwaso sa si gingeika ngomzimba nje. Ku mukwe ku yiwe ekulimeni, zi sale zi fike izintombi se zi gukukile abantu, zi fike ekaya, zi ye kuyena Uthlese, zi ti, "Konje u ya 'kutsho u ti, u ke wa bona izintombi lapa ekaya na?" A ti Uthlese, "O, kga, banta bami, ngi ya 'kuti ngi be ngi ba bona pi abantu lapa na, loku ngi Uthlese nje na?" Za puma; za tata izimbiza zonke zomuzi zohlangoti lwawo umuzi, za ye za ka amanzi. Za fika nawo, za kqazula utshwala umuzi wonke, za kelela amanzi, za fudumezela amanzi; za ka amanzi, za sinda ezindhlini zomuzi wonke; za hamba za ye za teza za beka izinkuni umuzi wonke. Za ya ku'lese, za

But there was an old woman who lived at that village; she had no legs, but only arms; she remained at home doing nothing; her name was Uthlese;⁵⁷ she was so called because in walking she rolled along with her body only. The people had gone to dig; when they were gone, the damsels again turned into human beings,⁵⁸ and came to that place; they went to Uthlese, and said, "Will you then say that you have seen any girls here at home?" Uthlese replied, "O, no, my children. I will say, how could I see people here since I am but Uthlese?" They went out, and took all the vessels from one side of the village, and went to fetch water. They came with the water: they crushed mealies for making beer for the whole village; they fetched water again and again, and boiled it for the beer; they fetched water, and smeared⁵⁹ the floors of the houses of the whole village; they went and fetched firewood, and placed it in the whole kraal. They went to Uthlese, and said,

⁵⁷ *Uthlese*.—*Ukuli hlese*, to shuffle along in walking. *Uthlese*, Shuffler.

⁵⁸ Twelve brothers were changed into twelve ravens because their sister plucked the white lilies, in which her brothers' destiny was in some way wrapped up. (*Grimm*. "The Twelve Brothers," p. 44.) In the tale of the Hoodie, the bridegroom is a man by day and a hoodie by night. (*Campbell*. *Op. cit.* Vol. I., p. 63.) The six princes who were changed into swans by their step-mother's enchantments, resumed their human form for a quarter of an hour every evening. (*Grimm*. "The Six Swans," p. 190.) In Hans Christian Andersen's beautiful tale of the Wild Swans, the princes were swans as long as the sun was above the horizon, and resumed their human form from sunset to sunrise. In the tale of "The Beautiful Palace," we read of "three fair damsels" who could put off and resume the plumage of doves at pleasure. (*Thorpe*. *Yule-tide Stories*, p. 159.) And the white bear threw off his beast shape at night. (*Dasent*. *Popular Tales from the Norse*, p. 27.) In Snend's *Exploits* we read of a Troll who "in the daytime transformed himself into a dragon, and his twelve sons flew about as crows; but every night they became men again." (*Thorpe's Yule-tide Stories*, p. 340.)

⁵⁹ The natives smear the floors of their houses with cow-dung or goat-dung, to keep them free from insects and dust.

ti, "Hlese, u ya 'kuti kw enziwe ubani konke loku na?" Wa ti, "Ngi ya 'kuti, kw enziwe u mina." Za hamba ke, za ya endhle; za fike za penduka inyoni futi.

"Uthlese, who will you say has done all this?" She said, "I will say I did it." They went to the open country, and on their arrival again became birds.

The women wonder at the work done by unknown hands.

Kwa ti ntambama ba fika abantu, ba ti bonke ekaya besifazana, "Hau! be ku sinda 'bani ekaya lapa na! no ke amanzi? no teze izinkuni na? no kqazulile utshwala? wa fudumezela na?" Ba ya bonke kuHlese, be buza, be ti, "Kw enziwe ubani loku na?" Wa ti, "U mina. Ngi te, nga Hlese, nga Hlese, nga ye nga ka amanzi; nga Hlese, nga Hlese, nga ye, nga teza; nga Hlese, nga Hlese, nga ye, nga kqazula; nga Hlese, nga Hlese, nga fudumezela." Ba ti, "Hau! kw enziwe u we konke loku, Hlese, na?" Wa ti, "Ehe." Ba Hleka, be jabula, be ti, "Wa si siza Uthlese ukwenzela utshwala umuzi wonke." Ba lala.

In the afternoon when the people returned, all the women of the village said, "Hau! Who has been smearing the floors here at home? And who has fetched water? and firewood? and crushed mealies for beer? and heated the water?" All went to Uthlese, and asked her by whom it was done. She said, "It was done by me. I shuffled and shuffled along, and went and fetched water; I shuffled and shuffled along, and went and fetched firewood; I shuffled and shuffled along, and crushed the mealies; I shuffled and shuffled along, and heated the water." They said, "Hau! was all this done by you, Uthlese?" She said, "Yes." They laughed and were glad, saying, "Uthlese has helped us by making beer for the whole village." They retired to rest.

The bride and her maids pay a second visit.

Kwa sa kusasa, b' emuka ba ya 'ulima. Za fika izintombi zonke, zi twele izinkuni. Wa ti Uthlese, "Ye, ye, ye! nampa omalokazana bakababa. KuHle umtimba u ngena ekaya." Ba zi beka izinkuni umuzi wonke; ba gaya, be bukeza utshwala; ba peka umuzi wonke; ba ye ba ka amanzi; ba gaya imi-

On the following morning they went to dig. All the damsels came, carrying firewood. Uthlese said, "Ye, ye, ye! behold the daughters-in-law of my father. It is well that the wedding party should come home." They placed firewood for the whole kraal; they ground the mealies which they crushed the day before for the beer; they made beer in every house in the kraal; they fetched water; they ground malt, being

tombo, b' eza 'kwenza umlumiso; ba vubela. Ba ya ku'lese, ba ti, "Sala kahle, salukazi setu." Wa ti, "Yebo, mtimba kanomama." Ba hamba ke. Kwa ti ntambama ba fika abesifazana bonke ekaya, ba buye ba ya ku'lese, be ti, "Ku bukeze 'bani na? kwa peka 'bani na?" Wa ti Uthlese, "Ngi te, nga hlese, nga hlese, nga ye nga teza; nga hlese, nga hlese, nga gaya; nga hlese, nga peka; nga hlese, nga ya 'kuka amanzi; nga hlese, nga hlese, nga gaya imitombo; nga hlese, nga vubela; nga hlese, nga ti ng' eza lapa endhlini, nga hlala." Ba hleka be ti, "Manje si zuze isalukazi soku si sebenzela." Ba hlala; ba lala.

about to make umlumiso;⁶⁰ they mixed the malt with the mealie-mash. They went to Uthlese, and said, "Good bye, our grandmother." She replied, "Yes, bridal party of my mother's mother." So they departed. In the afternoon all the women came home, and again went to Uthlese, and said, "Who has ground the mash? who has cooked?" Uthlese said, "I shuffled and shuffled, and went and fetched wood; I shuffled and shuffled, and ground the mash; I shuffled, and boiled water; I shuffled, and fetched water; I shuffled and shuffled, and ground malt; I shuffled, and mixed it with the mealie-mash; I shuffled, and came back here to the house, and sat down." They laughed, saying, "Now we have got an old woman who will work for us." They sat down; they retired to rest.

They pay a third visit.

Kwa sa kusasa za fika izintombi, be nga se ko abantu bonke; kepa Uthlese wa e hlezi pandhle. Za ya kuyena, za ti, "U muhle wena, hlese, ngokuba u nga tsheli 'untu." Za ngena ezindhlini, za gaya imitombo, za vubela isijingi, za vova utshwala e be zi bu lumisile izolo, za tela amahhabulo esijingini e be zi si vubela, z'enzela ukuze bu tshetshe ukubila. Za butela ezingcazini lobo e be zi bu vova; za tata enye ingcazi, za ya nabo ku'lese obu ngengcazi. Za

On the following day the damsels arrived, when no one was there; but Uthlese was sitting outside. They went to her, and said, "You are a good creature, Uthlese, because you do not tell any one." They went into the houses, they ground malt, they mixed the mash, they strained the beer they had set to ferment rapidly on the day before, they poured the grains⁶¹ into the mash they had mixed, that it might quickly ferment. They collected into large earthen vessels that which they had strained; they took another vessel, and went with the beer that was in the vessel to Uthlese. On coming to her they

⁶⁰ *Umlumiso*, beer, generally a small quantity, the fermentation of which is pressed onward, that it may be soon ready for drinking.

⁶¹ *Amahhabulo* differ from *izinsipo*. The *amahhabulo* are the sediments of beer whilst actively fermenting, and which are used to excite fermentation in new beer. The *izinsipo* are the refuse sediment, when the beer is fit for use.

fika za puza, zi pa Uthlese e hleka e jabula, e ti, "A ngi 'uze nga ni tsho nina; no ze n' enze njengoku-bona kwenu."

drank, and gave also to Uthlese; she laughed, and was joyful, and said, "I will never tell, for my part; you shall do just as you like."

The women look out for something wonderful.

Ba buya b' emuka ba ya 'kuhlala endhle, se be penduka inyoni. Kwa ti ntambama, ba fika abafazi bonke ba bona ukuba sonke isi-jingi si vutshelwe. Ba ti, "O, u se katele Uthlese i tina si m buza si ti, 'Kw enziwe ubani?' A si binde nje. Ku kona umhlola o ya 'uze, u vele lapa ekaya."

Again they departed and went into the open country, again turning into birds. In the afternoon all the women came and saw that all the mash was mixed. They said, "O, Uthlese is wearied with us for asking her by whom it was done. Let us just say nothing. There is something wonderful which is about to happen here at home."

Ukakaka learns the secret from Uthlese.

Kepa kwa ti kusihlwa Ukakaka wa ya kuhlese, wa m ncenga wa m ncenga, e ti, "Hau! kulu, ngi tshele uma loku kw enziwa ini na?" E se ti Uthlese, "U mina, mtanemntanami." E se ti, "Hau! kulu. A u kw azi ukwenza loku. Ngi tshele uma kw enziwe ubani na?" E se ti, "Emini ni muka ni ti nya, ku sale ku fike intombi eziningi; kepa pakati kwazo ku kona intombi enhle kakulu; umzimba wayo u ya kazimula; i zona ke ez enza utshwala lapa ekaya." Wa ti Ukakaka, "Wo! kulu. A zi tshongo ini ukuti zi ya 'kuza ngomso na?" Wa ti Uthlese, "O, zi ya 'kuza." Wa ti Ukakaka, "Ngi ya 'kuza nami emini kakulu, ngi ze ngi zi bone lezo 'ntombi." Wa ti, "Kodwa u nga zi tsheli, kulu." Wa ti, "Kga; a ngi yi 'ku zi tshela." Ba lala ke.

But in the evening Ukakaka went to Uthlese and earnestly besought her, saying, "Hau! grandmother, tell me by what means this is done?" Uthlese replied, "By me, child of my child." He said, "Hau! grandmother. You could not do it. Tell me by whom it has been done?" She said, "At noon, when every one of you are gone, there come many damsels; but among them there is one most beautiful; her body is glistening; it is they who make beer here at home." Ukakaka said, "Oh! grandmother. Did they not say they would come tomorrow?" Uthlese replied, "O, they will come." Ukakaka said, "I too will come at noon, and see the damsels." He said, "But do not tell them, grandmother." She replied, "No, I will not tell them." So they retired to rest.

The bride and her maids pay a fourth visit.

Kwa sa kussaa, b' emuka abantu bonke, be ya 'kulima. Za sale za fika izintombi; za ngena ezind/lini, za vova utshwala umuzi wonke. Za ti uma se zi kqedile ukuvova, za bu gwalisa ngezimbiza umuzi wonke; za tata ingcazi enkulu kakulu, za bu tela ngayo, zi bu Alanganisela bomuzi wonke ngenkamba. Ya gwala leyo 'ngcazi. Za puma nayo, za ya ku/lese; za fike za bu beka; za tata ubulongwe, za sinda umuzi wonke; za tshayela wonke umuzi; za teza izinkuni, za beka emabaleni omuzi wonke; za ngena end/lini lapa ku kona U/lese; za tata izinkamba, za puza utshwala.

On the following day all the people departed, going to dig. Then the girls came; they went into the houses; they strained the beer in the whole kraal. When they had strained it all, they poured it into vessels in the whole kraal; they took a very large earthen vessel, and poured into it, collecting the beer of the whole kraal with a vessel. They filled the earthen vessel. They went out with it, and went to Uthlese; on their arrival they set it on the ground; they took cowdung, and smeared the floors of the whole kraal; they swept the whole kraal; they fetched firewood, and put it in the courts of the whole kraal; they went into the house in which was Uthlese; they took vessels and drank beer.

Ukakaka surprises them.

Ku te lapa se zi puzile kakulu utshwala, wa ngena Ukakaka; za m bona, z' esuka za ya emnyango, zi ti zi ya puma, kona zi za 'kubaleka, a ze a nga zi boni. Wa vimba emnyango, e ti, "Hau! mnta kababa, kcombekansini; ng' enze ni kuwe na kangaka na, loku u ngi /lupe kangaka na?" Wa /leka Ukcombekansini, e ti, "Eh, eh. Yeka ni Ukakaka! Angiti u wena owa ngi kipa emzini kababa; wa fike wa ngi shiya enkangala; wa hamba nembulu

When they had drank a great deal of beer, Ukakaka entered the kraal; when they saw him, they went to the doorway, thinking to go out, and then escape without his seeing them. But he blocked up the doorway, saying, "Hau! child of my father, Ukcombekansini, what great evil have I done you, that you have troubled me to this degree?" Ukcombekansini laughed, saying, "Eh, eh. Out upon Ukakaka! Was it not you who took me from my father's kraal, and left me on the high lands, and went away with an Imbulu?"⁶³ He replied, "I saw it

⁶³ The king's son is brought to the recollection of Messeria, by the little dove chiding her mate by saying,

"Out upon thee!
Thou hast served me
As the king's son served Messeria."

(Thorpe's *Yule-tide Stories*, p. 203.)

na?" Wa ti, "Nga ngi bona ukuba a ku si wa. Kepa ngokuba ngi nga sa ku boni, nga kohlwa uma w enze njani na?" Ba hlala ke, Ukakaka e jabula nokujabula e ti, "Nga ngi ti, 'Ngi ya 'kuze ngi fe,' ngi nga sa ku bonanga."

was not you. And because I no longer saw you, I did not know what you had done." So they remained, Ukakaka rejoicing greatly and saying, "I said, 'I shall soon die,' when I no longer saw you."

Ukakaka tells the king that the true bride has come.

Kwa ti lapa se ku ntambama ba fika abantu. Wa puma Ukakaka wa ya kuyise e mamwateka ngokujabula, e ti, "Namhla nje ke, baba, i fikile intombi eya ngi lahlelela enkangala." Wa tsho e hleka uyise ngokujabula, e ti, "I pi na?" Wa ti, "Nansiya endhlini."

When it was afternoon the people came. Ukakaka went out to his father, smiling with joy, and saying, "To-day then, my father, the damsel has come, who was lost to me on the high lands." His father asked, laughing for joy, "Where is she?" He said, "Yonder in the house."

They prepare a punishment for the false bride.

Wa ti uyise, "Tahela abantu bonke lapa ekaya, u ti, a ku suke amadoda 'embe umgodini masinya lapa esibayeni; u ti kwabesifazana a ba peke amanzi ngamakanzi onke." Wa ba tshela ke. Kwa ti so kw enziwe konke loko kwa tiwa, a ku pume abafazi bonke, b' eze 'kwekga lowo 'mgodi o mbiwe esibayeni; kwa se ku bekiwe ubisi pakati emgodini; wa bizwa nomakoti lowo; kwa tiwa, "Woza nawa, u ye esibayeni; ku ya 'kwekgiwa umgodini abantu bonke besifazana." Loko kwa kw enziwa ngokuba ku tiwa uma imbulu i bona ubisi i ya 'uziponsa, i ye 'kudhla ubisi. Kwa yiwa ke esibayeni. Wa ti umakoti, "Ngi y' e-saba ukuya esibayeni sasemizini." Ba ti, "Hamba; a ku nakala." Wa hamba ke; wa fika esibayeni. B' ekga abanye besifazana. Kwa tiwa naye a k' ekga. Wa ti lapa

His father said, "Tell all the people here at home, that all the men are to dig a pit immediately here in the cattle enclosure; and tell the women to boil water in all the pots." So he told them. When all that was done, all the women were ordered to come and leap over the pit which had been dug in the cattle enclosure; some milk had been put in the pit; and the bride⁶³ too was called; it was said, "Do you too go to the cattle enclosure; all the women are going to jump over the pit." This was done because it was said, when the Imbulu sees the milk, it will throw itself in and go to eat the milk. They went to the kraal. The bride said, "I am afraid to go into the cattle-pen of strangers." They said, "Go; it is no matter." So she went, and came to the cattle-pen. The other women leapt. She was told to leap too. When she was about to leap, she

⁶³ That is, the false bride.

e ti u y' ekqa, wa e se bona ubisi, umsila wa se u sombuluka, wa ziponaa pakati emgodini, e bona ubisi. Kwa se ku suka abantu bonke be gijima, be tata amanzi a bilayo ngamakanzi, b' eza nawo, be wa tela emgodini. Ya fa imbulu.

saw the milk,⁶⁴ her tail unfolded, and she threw herself into the pit, on seeing the milk. Then all the people ran and took the boiling water, and came with it and poured it into the hola. The Imbulu died.⁶⁵

The nation is called to the royal wedding.

Kwa se ku tshelwa abantu bonke, be ti, "Namuhla u fikile umakoti." Kwa jabulwa; kwa tonywa abantu, kwa tiwa a ba hambe isizwe sonke, be tshela abantu, be ti, a ku butane iketo, inkosi i ganiwa. Kwa sa kusasa. Kwa butana amadoda nezinsizwa nezintombi nabafazi; ku ketwa; umakoti naye e se sina, nentombi zakubo; kwa hlatahwa inkomo eziningi, kwa se ku dliwa kwa ti ngensukwana.

All the people were told that the true bride had come. They rejoiced; and men were sent and told to go to the whole nation and tell the people to assemble for a dance, for the prince had been accepted by a damsel. On the following day men and youths, and maidens and women, assembled; they danced; and the bride and her maidens also danced; many cattle were killed; and they ate meat for several days.

⁶⁴ The cat which fell in love with a young man, and was by Venus changed into a beautiful girl and became his bride, retained the cat's disposition under the human form, and quitted her husband's side to catch a mouse which was playing in their chamber. "What is bred in the bone will never out of the flesh."

IN connection with the monstrous serpent mentioned in the foregoing tale, we insert the following, which may be regarded as a recent "myth of observation." The immigration of the Dutch to Natal began in 1836. All it requires as its historical basis are a large water snake, or eel, and firearms; imagination and frequent narration would readily supply the rest. The man who related it first mentioned this snake in connection with the rainbow, which some imagine is a large snake, and enquired whether this snake which the Dutchman killed was not a rainbow, which lived in the river? The native notion respecting the rainbow is added.

Kwa ti lapa ngi umfana, ng' ezwa amadoda, ngesikati sokufika kwamabunu, e ti, "I kona inyoka, e puma emanzini, e nomlilo; i ya gijima, i gijima kakulu; umuntu a nge i shiye, e hamba pansi; i z' i shiwe abamahashi."

Ya fika; kwa vela abasemangwaneni; ba i lalala; i puma esizibeni, ba i ngamula en'lokweni; wa buyela umzimba wenyoka pakati esizibeni; sa tsha isiziba, a ngamuka amanzi ukupuma esizibeni. Ba buza abantu, ba ti, "Amanzi lawa a ngamulwa ini na?" Ba ti abanye, "Izolo si i bulele inyoka kona lapa." Ku tsho basemangwaneni. Ba ti, "Ni bulele inyoka; i njani na?" Ba ti, "Si bulele inyoka; i b' i nomlilo en'loko." Ba ti, "Si funyanise i nelitshe lekcoba." Kwa ti wa, "Ake ni ye emabunwini, ni bone uba a ya 'ku y azi le 'nyoka

It came to pass, when I was a boy, I heard men say, at the time of the arrival of the Dutch, there is a fiery serpent, which comes out of the water; it runs very fast; a man cannot run away from it, if he goes on foot; horsemen can leave it behind.

It happened thus about this serpent: There came some of the Amangwane; they lay in wait for it; when it was coming out of the pool, they cut off its head; the body of the serpent went back again into the pool; the pool dried up, and the water ceased to flow from the pool.⁴² Some of the men asked, "Why has this water ceased?" The others said, "Yesterday we killed a serpent at this place." They of the Amangwane said this. They said, "You killed a snake: what was it like?" They said, "We killed a serpent; it had a fiery head." They said, "We found in it a soft stone."⁴³ They said, "Just go to the Dutch, and see if they will

⁴² This notion is similar to a superstition existing among the Bechuana:—"In the fountains in this country, there is a species of large water-snake. The Bechuanas consider these creatures sacred, and believe that if one of them is killed, the fountain will be dried up." (*Philip's Researches in South Africa. Vol. II., p. 117.*)

⁴³ A soft stone, probably alluding to some kind of bezoar, or intestinal concretion.

na?" Kwa fika Amabunu, e ti, "Le inyoka ni i bulele nje; ni i bulele kabi; inyoka e nga bulawa. Le inyoka, tina 'mabunu si ti si i bulala, ku be se ku vele enye, ukuze si nga tshi isiziba; ngokuba ka si i bulali nza i vele i yodwa; ngokuba no za ni bone, nina 'bantu abamnyama; loku ni bulala inyoka i yodwa, ku ya 'kuze ku tshe amanzi, ngokuba i ya 'ku wa viruba, a nga b' e sa puma; ngokuba nina, 'bantu abamnyama, na ku tshelwa ubani, ukuba inyoka leyo i ya bulawa na?" Ba ze 'kuti abamnyama, "Tina si bona isilwane, si puma, s' alukela ngapand'le kwamanzi." A ti Amabunu, "Kona nga si bonwa isilwane njalo, a s' enziwa 'luto, nza si ng' oni 'luto." Ba ze 'kuti abamnyama, "Tina ngokwakiti, a si kw azi, nza si bona isilwane, si si yeke." "Ku zo'vela," Amabunu a ti; "isilwane si nga bo si bulala emini. Ni ya 'kubona e ni nga bonanze⁴⁴ ni ku bone." Ba ze 'kubuza abamnyama, ba ti, "Into ni na e si nga bonanze si i bona na?" A ze 'kuti Amabunu, "Ni ya 'kubona! Isingamu lesi sen'loko ni si se ngapi na?" Ba ze 'kuti abamnyama, "Tina si be si zifunela umuti nje wokuzelapela." A buza Amabunu, a ti, "Ni ze n' enze njani ngalowo 'muti, loku ni bulele isilwane nje, e ni nga s' aziko na?" Ba ze 'kuti abamnyama, "Tina si bulala nje uba ku isilwane si nga bonanga si si bona; si ya 'u si klanganisa nemiti eminye yetu." A ze 'kuti, "A

know the serpent." The Dutch came, and said, "You have killed this serpent indeed; you killed it wrongly; it is a serpent which ought not to be killed. We Dutch kill this serpent, only when another comes with it, in order that the pool may not dry up; for we do not kill it if it comes alone. For you black men will see something; since you killed a serpent which was alone, the water will immediately dry up, for it will obstruct the water, and it will no longer flow. For, you black men, who told you that it is proper to kill that serpent?" The black men answered at once, "We see an animal coming out of the water, and feeding outside." The Dutch answered, "Although an animal should be seen again and again, nothing is done to it, if it does no harm." The black men said, "As for us, if we see an animal, we do not know how to leave it alone." "Something will happen," said the Dutch; "we must not kill the animal by day. You will see what you never saw before." The black men immediately asked, "What is that which we have never seen before?" The Dutch answered, "You will see! The head, with the piece attached to it, what have you done with it?" The black men answered, "We were wanting medicine to doctor ourselves." The Dutch said, "What then will you do with that medicine, since you killed an animal with which you are not acquainted?" The black men answered, "For our part, we just killed it because it is an animal which we never saw before; we shall mix it with other of our medicines." The Dutch said,

⁴⁴ For bonanga.

no 'nza ka^hle. A ku bonanga ku ze kw elape loko, loku nani ni ti a ni kw azi."

A ya ukuba a buye kubantu abamnyama, e ya ngamashashi; a fika ebusuku esizibeni, a hlala, a ti, "Si za 'ubona ukupuma kwa-yo." A t' uba a hlale, a hlale, ya puma inyoka; za puma zambili; enye ya puma ngenzansi, nenye ya puma ngen^hla. Ya t' i sa puma e ngenzansi, ya puma ku vuta umlilo. Ba t' ukwenza kwabo, ba i bona ba ti, be sa i bona, ba i tshaya ngezibamu; ba i tshaya, ba i tshaya; a ba i tshaya lapa i za 'kufa kona. Ya puma, ya puma, ya ba kzo^htsha; ba kwela emahashini, ba baleka; ba baleka, amashashi e tobangalolunye. Ba t' u^hna ba baleke, ya k^hgoma amashashi amabili a pakati. A t' amashashi a pambana kabili; amanye a bheka en^hla nomfula, amanye a bheka enzansi nomfula. A t' amashashi amabili, la za la kcatsha elinye; inyoka ya za ya tshaywa Ibunu. La i tshaya k^hgede, la penduka ihashi e be li pambili; la penduka k^hgede, la se li buza, li ti, "I ye ngapi?" Uba se li bona ihashi, li zwe ukukala-kwesibamu, ilangabi li nga sa li boni. La penduka, la ti, "U ti, ku sa i boni nje; u ti lowa umlilo u baswe ini?" La ti, "Hamba, si hambe ke, si yo'bheka." Wa ti, "Kga. A pi amanye na? Kepa wena u tsholo ni ukuti, 'Ake si yo'ubheka' into e kade i si katazile na? Ba pi abanye na?" Li vele elinye Ibunu, li ti, "A si yo'funa abanye; se si li bonile ilangabi, lapa li vuta kona." A ti omunye, "Si za 'u ba funa ngani na?" A ti omunye, "Si za 'u ba funa ngezibamu; si za 'udubula pezu kwentaba uba si

"Take care. No one ever used that as a medicine, for you too say you are ignorant of it."

They went away from the black men on horseback; they came by night to the pool; they waited, saying, "We shall soon see it come out." When they had waited and waited, the snake came out; two came out, one at the bottom and the other at the top of the pool. As soon as the one at the bottom came out, there blazed up a fire. They did thus when they saw it. As soon as they saw it, they hit it with their guns; they hit it again and again; they did not hit it in a mortal spot. It came out, and pursued them. They mounted their horses, and fled. They fled, there being nine horses. When they fled, the serpent selected two horses which were in the middle. The horses divided into two parties; some went up the river, and others went down. At length one of the two horses hid away, and the Dutchman at last hit the snake. As soon as he hit it, the horse which was in front turned back; as soon as he came back, the Dutchman asked where it was gone. When he saw the horse, and heard the report of the gun, he no longer saw the flame. The other replied, "Do you say, you no longer see it; what do you say the fire yonder was kindled by?" He said, "Let us go and look." He said, "No. Where are the others? And why do you say, 'Just let us go and look' at a thing which has just troubled us? Where are the others?" The other Dutchman said, "Let us go and find the others; we have now seen the place where the flame is burning." The other said, "How shall we find them?" He said, "We will find them by our guns; we will fire them on the hill, when

pumele." Ba t' uba ba pumele, ba dubula, ba /langana namabunu a shiyangalombili. A buza, a ti, "N' enze njani? Ni sindile ini na?" Ba ti, "Si sindile. Ku ze eliyue ihashi la kcatsha; la lamulwa elinye; sa i dubula ngei-bamu. Nakwa lapa i fele kona, ku vuta." Ba ti, "Hamba ni, si hambe, ke si yo'bheka lapa i fele kona, uba i file na?" Ba kamba. Ba t' uba ba fike, ba funyanisa se ku tunya intutu yodwa. Ba fika, ba funyanisa inyoka, inkulu; se ku vuza amafuta. Ba ti, i ngangomuntu, ubukulu bayo; ubude, inde impela, i nga i fike lapaya kwakcitwa. Ba buya, ba ti, "A ku yo'tatwa inqwelo, si zo'wolela le 'nyoka e ngangomuntu."

UJOJO SOSIBO.

we get out." When they got out, they fired, and met with eight Dutchmen. They enquired, saying, "What have you done? Are you safe?" They replied, "We are safe. At length one horse hid; it was helped by the other; we fired at the snake with the gun. And where it died, a fire was kindled." They said, "Go on, and we will go, and just see the place where it died, if it be really dead." They went. When they arrived, they saw nothing but smoke. They came, and saw the snake; it was great, and its fat was running out. They said, it was as big as a man, as to its size; as to its length, it was very long, perhaps it would reach from here to Ukicitwa's.⁴⁵ They went back, saying, "Let us go and fetch the wagon; we will carry away this snake which is as big as a man."

UTINGO LWENKOSIKAZI.

(THE QUEEN'S BOW.)

UMA izulu li suke li na, ku bonakala utingo lwenkosikazi. Be se be t' abantu, "Li za kusa; ngokula ku bonakala uti lwenkosikazi, utingo;" li se: noma izulu li na kakulu, ku bonakala utingo, li se; li nga be li sa na, li se; no-

WHEN the heaven happens to rain, on the appearance of the rainbow men say, "It is going to clear up; for the rod of the queen, the bow, is seen;" and it clears up: even though it rains much, on the appearance of the bow, it clears up; it rains no more, but clears up; even though it has rained two

⁴⁵ A distance of more than 500 yards! But this is a very modest exaggeration, compared with the Scotchman's eel:—"An old man in Lorn used to tell that he went one summer morning to fish on a rock; he was not long there when he saw the head of an eel pass. He continued fishing for an hour, and the eel was still passing. He went home, worked in the field all day, and having returned to the same rock in the evening, the eel was still passing, and about dusk he saw her tail disappearing behind the rock on which he stood fishing." (*Campbell's West Highland Tales. Vol. II., p. 370.*) We may also not unaptly compare the Mussulman's exaggeration of the size and characteristics of Moses' serpent:—"Moses flung his staff on the ground, and instantly it was changed into a serpent as huge as the largest camel. He glanced at Pharaoh with fire-darting eyes, and raised Pharaoh's throne aloft to the ceiling, and opening his jaws, cried, 'If it pleased Allah, I could not only swallow up thy throne, with thee and all that are here present, but even thy palace and all that it contains, without any one perceiving the slightest change in me.'" (*Weir's Biblical Legends of the Mussulmans, p. 116.*)

ma li n' insuku zombili, ku bona-kala utingo, li se.

Ba ti lu umnyama o hlala esizibeni, o fana neuvu. Ba ti, lapo u hlabe kona, u suke u puze esizibeni. Isiziba esikulu abantu ba y' esaba ukugeza kuso, ba ti, si nomnyama; uma umuntu e ngena kuso, a banjwe umnyama, u mu dlele. Kodwa ba ti, esizibeni esi nomnyama ku ngena isanusi es' etasayo, si hlale nomnyama esizibeni, umnyama u nga si dleli, u si kcombe ngombala; si ti si puma esizibeni, se si pambe ngezinyoka emzimbeni waso, si ye nazo ekaya. Isanusi izindaba e si zi kulumayo, abantu ba kolwa i zo.

UGUAISE WASEMADUNGENI.

days, on the appearance of the rainbow, it clears up.

The people say the bow is an umnyama, which dwells in a pool, and is like a sheep. They say, that where it touches the earth, it is drinking at a pool. Men are afraid to wash in a large pool; they say there is an umnyama in it; and if a man goes in, it catches and eats him. But they say that a man who is being prepared to be a diviner goes into a pool which has an umnyama in it, and the umnyama does not eat him, but bedaubes him with coloured clay; and he comes out of the pool with snakes entwined about his body, and goes home with them. Men believe in the tales they talk about the diviner.

UTSHINTSHA NOMNYAMA.

(UTSHINTSHA AND THE RAINBOW.)

NGA ngi lindile ngi linde ensimini, izulu li na. La t' uba li se, kw' e-hla umnyama, ow' ehlela emfuleni. Wa puma emfuleni, wa ngena ensimini. Nga baleka, mina tshintsha, umninisimu, ngi bona umnyama u s' u fika pansi kwami, se ku beje emehlweni ami; wa ngi kzopa ngombala obomvu. Nga baleka, nga pumela ngapand'le kwensimu. Nga baleka ngokwesaba, ngokuti, "Ukufa loku; ini uba ku ze kumina na?" Abantu bati, "Umnyama ukufa; u ng' eze wa hlala kumuntu." Ngoba ke umnyama ngemva kwawo wa ngi kzotsha ensimini, umzimba wami wa nje, ukuti, wa nesihlungu. Se

I HAD been watching in the garden when it was raining. When it cleared up, there descended into the river a rainbow. It went out of the river, and came into the garden. I, Utshintsha, the owner of the garden, ran away when I saw the rainbow now coming near me, and dazzling in my eyes; it struck me in the eyes with a red colour. I ran away out of the garden. I ran away because I was afraid, and said, "This is disease;⁴⁶ why does it come to me?" Men say, "The rainbow is disease. If it rests on a man, something will happen to him." So, then, after the rainbow drove me from the garden, my body became as it is now, that is, it was affected with swellings.⁴⁷ And now I consider,

⁴⁶ Or death, that is, a cause of death or disease.

⁴⁷ He was suffering from a scaly eruption over the whole body.

ngi kcabanga ngokuti, "Ngu wo ini na?" Ba ti, "U ya mu d/la kambe umuntu, a penduke umbala o nge wake."

Ba ti umnyama lo utingo lwen-d/lu 'nkulu olu vela pezulu, ub' i-zulu li nile; ku ti ku nga vela lona, li buye li se. Ukuzwa kwami kambe, ba ya tsho, u hamba nenyoka, ukuti lapa u kona, nenyoka i kona. Kepa mina a ngi i bonanga. Nabatshoyo ukuti u hamba nemvu. A ngi i bonanga. Ba ti izanusi, ukutasa kwazo, zi ngena emanziini esizibeni; zi pume se zi kcombe udaka, lapa ku ngena umnyama; zi pume ke se zi tasile ke, uba se zi izinyanga ke.

UTSHINTSHA MOUNI.

saying, "Is it the rainbow" [which causes the disease]? They say, it injures a man, and his body assumes a colour which is not natural to him.

Men say the rainbow is one of the rods of the great house, which appears in the heaven when the heaven rains; when it appears, it again becomes fine. As to what I have heard, they say it lives with a snake, that is, where the rainbow is, there also is a snake.⁴⁸ But, for my part, I did not see any snake. And others say, it lives with a sheep. But I did not see any sheep. They say that diviners, when they begin, enter into a deep pool of water; they come out bedaubed with red earth, from the place where the rainbow enters; so they come out, being now fully prepared to be diviners.

U M N Y A M A .

(THE RAINBOW.)

UMUNYAMA nami uma ngi zwa ngabantu abadala, umnyama u imvu, o puma ezizibeni ezikulu. U suk' u suka esizibeni, u hlale ngapand/le ematsheni; u puma nza izulu li suka li hloma; ukuze ke umnyama u pume, u puma njalo. Ku ze ku fike umuntu o puma kusasa; a t' ub' e zokufika, u m sole; ba ze 'kuti abantu, "Lo 'muntu u nezilonda nje; w enziwe umnyama." Ku zo'utiwa, "Nga e funelwa inyanga yomnyama, i m elape; u soliwe."

UJOJO SOSIBO.

As regards the rainbow, I too hear old men speaking about it, and they say, the rainbow is a sheep, which comes out of great pools. It comes out of the pool, and rests outside on the rocks; it comes out when the sky is clouded; when, then, the rainbow comes out, it comes out under these circumstances. And there comes a man, who goes out in the morning; when he has arrived, it poisons him; and men say, "This man has an eruption; he has been poisoned by the rainbow." And then it will be said, "A rainbow-doctor must be found for him, to treat him; he has been poisoned."

⁴⁸ It is worthy of note that among the Dahomans, the word Danh is a snake or rainbow, which is an object of worship. Burton says:—"Aydo-whe-do—commonly called Danh, the Heavenly Snake, which makes Popo beads and confers wealth upon man—is the rainbow." (*Mission to Gelele. Vol. II., p. 148.*) And there is a pool near the capital called Danh-to-men, Snake or Rainbow-water-in. (*Id., p. 242.*)

UNTOMBI-YAPANSI.

The chief's three children.

Kwa ku kona inkosi etile; ya i lime insimu enkulu. Be ku ti ngesikati abantu abaningi ba ye 'kulima leyo 'nsimu. Kepa leyo 'nkosi ya i nabantwana abatatu nje; omkulu ku Usilwane; omunye ku Usilwanekazana; omunye ku Untombi-yapansi. Kepa ba be tandana Usilwane nosilwanekazana.

THERE was a certain chief who had dug a large field. At the proper season many men went to dig the garden. That chief had only three children; the eldest was called Usilwane;⁴⁹ the second Usilwanekazana;⁵⁰ and the other Untombi-yapansi.⁵¹ But Usilwane and Usilwanekazana loved each other.

The chief's son tames a leopard.

Kwa ti ngesinye isikati w' emuka Usilwane, wa ya 'uzingela; wa buya e pete isilo; wa ti, "Inja yami le; ni ze ni i pe amasi, ni vube ngenkobe zamabele, n' enze isitubi,"⁵² ku ti lapa so ku polile ni i nika, i dle; ngokuba i ya 'kufa uma ni i nika ku tshisa." B' enza njalo njengokutsho kwake.

It happened at a certain time that Usilwane went to hunt; he returned carrying in his hand a leopard; he said, "This is my dog; give it milk; mix it with boiled corn, and make porridge; and give it its food cold, that it may eat; for it will die if you give it hot." They did as he directed them.

The people suspect him.

Ya ze ya kula, kwa bainja enkulu; kepa abantu b' esaba kakulu ngokuba ku isilo, be ti, "Si za 'kudla abantu." Abantu be ti, "U za 'kuba umtakati Usilwane." Ba ti, "Ini ukuba a fuye isilo, a tiinja yake na?"

At length the leopard grew; it was a great dog; and the people were very much afraid because it was a leopard, saying, "It will devour the people. Usilwane will become an umtakati."⁵³ Why does he domesticate a leopard and call it his dog?

⁴⁹ *Usilwane*, The beast-man.

⁵⁰ *Usilwanekazana*, The little-beast-woman. *Usilwanekazi*, The beast-woman. *Usilwanekazana*, the diminutive.—There is another version of this tale in which the names are different. Usilwane is called Unkoiya; Usilwanekazana, Ulukozazana.—Little-hen-eagle; and Untombi-yapansi, Umabeleman, —Four-breasts. Other differences will be mentioned in their proper place.

⁵¹ *Untombi-yapansi*, The damsel-of-beneath, or of-the-earth. It may have reference to three things:—1. To poverty or distress; 2. To origin,—from the earth; 3. To her having travelled underground.

⁵² *Isitubi*, porridge made with milk.

⁵³ A wizard,—secret poisoner.

Kepa Usilwanekazana, e hlupaka ngokuba e zwa abantu be ti umnta kwabo u za 'kuba umtakati, wa kcamanga e ti, "Konje ngi si bulala ngani lesi 'silo na?"

But Usilwanekazana being troubled because she heard the people say that a child of her family would become an umtakati, said, "With what can I kill this leopard?"

His sister kills the leopard.

Kwa ti ngolunye usuku kw' emuka abantu bonke ba ya 'kuvuna insimu yenkosi. Kwa ti Usilwane yena wa ya ezintombini; Usilwanekazana wa sala yedwa. Kwa ti kusasa wa peka ubisi, lwa za lwa bila; wa tela umkaba, wa i nikainja kasilwane. Ya dhlala ya dhlala; ya ti lapa se i kqedile ya fa, ngokuba kwa ku tshisa.

It came to pass on another day that all the people went to harvest in the garden of the chief; and Usilwane for his part he had gone to visit the damsels; and Usilwanekazana remained alone. In the morning she cooked milk till it boiled, and added to it some pounded corn, and gave it to the dog of Usilwane. It ate and ate; when it had finished it died, because the food was hot.

Usilwane kills his sister.

Kwa ti emini wa fika Usilwane, wa bonainja yake i file. Wa ti, "Silwanekazana, inja yami i bulewe ini na?" Wa ti, "I dhlale ku tshisa, ya fa." Wa ti Usilwane, "Ini u bulala inja yami na? loku kade nga ni tshela nga ti, 'Ni nga i niki ku tshisa, i ya 'kufa.' U i bulele ngamabomu inja yami." Wa tata umkonto Usilwane, wa ti kusilwanekazana, "Pakamisa umkono, ngi ku gwaze." Wa ti Usilwanekazana, "Ngoba ng' enze ni na?" Wa ti, "U bulele inja yami." Wa ti Usilwanekazana, "Ngi i bulele ngokuba abantu be ti, 'U za 'utakata ngayo!'" Wa ti Usilwane, "Kga! u i bulele nje ngokuba u nga i tandi." Wa ti, "Tabetsha, u pakamisa umkono, ngi ku gwaze." Kepa Usilwanekazana e hleka e ti Usilwane u ya laula nje; kepa Usilwane e tuku tele kakulu, wa m bamba, wa m pakamisa umkono, wa m gwazapansi kwekwapa.

Usilwane returned at noon, and saw his dog dead. He said, "Usilwanekazana, what has killed my dog?" She replied, "It ate food whilst still hot, and died." Usilwane said, "Why do you kill my dog? for long ago I told you not to give it hot food, for it would die. You have killed my dog on purpose." Usilwane took an assegai, and said to Usilwanekazana, "Raise your arm, that I may stab you." Usilwanekazana replied, "For what evil that I have done?" He said, "You have killed my dog." Usilwanekazana said, "I killed it because the people said you would practise witchcraft by it." Usilwane said, "No! you killed it because you did not love it. Make haste, raise your arm, that I may stab you." But Usilwanekazana laughed, thinking that Usilwane was merely jesting; but he, being very angry, laid hold of her, raised her arm, and stabbed her below the armpit.

He lays her out in an attitude of sleep.

Wa tata Usilwane ukamba, wa tela kona ububende bukasilwane-kazana. Wa buya wa m esula ka/le, wa m geza, wa m lalisa okcansini lwake; wa tata isikcamelo sake, wa m kcamelisa ngaso; wa m lungisa ekanda, e m tela ngamaka, e m kqelisa; wa m ggiza ezand/leni na sezinyaweni; wa m gcoba ngamafuta, wa m embesa ingubo yake. Kwa nga ti u lele nje.

Usilwane took a pot, and put in it the blood of Usilwanekazana. He then wiped her carefully, and washed her, and laid her on her mat; he took a pillow and placed it under her head; he set in order her head, putting scents on it, and placing a fillet on her brow; he put armlets on her arms, and anklets on her legs; he anointed her with fat, and covered her with a blanket. It was just as though she was asleep.

He mixes his sister's blood with sheep's blood, and cooks it.

W' emuka Usilwane wa ya 'ku-tata imvu yake; wa buya nayo, wa i hlaba; wa tela ububende bayo okambeni lapa ku kona obukasilwanekazana; wa bu klanganisa 'ndawo nye. Wa klinza imvu, wa sika ipapu nen/hliziyo nesibindi; wa kqobela 'ndawo nye namatumbu nomhlwehlwe; wa peka 'ndawo nye kona loko; kwa vutwa, wa beka enzansi kweziko; wa geza, wa hlala.

He then went out and took one of his sheep, and brought it home and killed it; he poured its blood into the vessel which contained that of Usilwanekazana, and mixed it together; he skinned the sheep, and cut out the lungs, the heart, and the liver, and chopped them up, with the entrails and the caul; he cooked it together; when it was done, he placed it at the lower side of the fireplace; and washed himself and sat down.

He offers it as food to Untombi-yapansi.

Ku ti lapa ilanga se li muka wa fika Untombi-yapansi. Wa ngena end/lini kwabo, wa funyana Usilwane e /lezi; Usilwanekazana e lele. Wa ti Usilwane, "Tata, nampo ububende,⁵⁴ untombi-yapansi, u d/le." Wa ti Untombi-yapansi, "Usilwanekazana u lalele ni na?" Wa ti Usilwane, "A ng' azi. U lele nje." Wa ti Untombi-yapansi, "O, ububende lobu bu vela pi na?" Wa ti Usilwane, "A u i boni imvu leyo

When the sun was declining, Untombi-yapansi came. She entered her mother's house, and found Usilwane sitting, and Usilwanekazana lying down. Usilwane said, "Take; there is food, Untombi-yapansi, and eat." Untombi-yapansi said, "Why is Usilwanekazana sleeping?" Usilwane said, "I do not know. She is merely sleeping." Untombi-yapansi said, "O, whence did this food come?" Usilwane replied, "Do you not see that sheep?"

⁵⁴ *Ububende* here means the food made of blood, and viscera; it is something like "sausage meat" or "black-pudding."

na?" Wa ti Untombi-yapansi, "I hlatshele ni na?" Wa ti Usilwane, "I hlatsiwe nje."

Untombi-yapansi said, "Why was it killed?" Usilwane replied, "It was merely killed."

She is prevented from eating it by a fly.

Wa puma ke Usilwane, wa ya elawini lake, wa ya 'ku/lala kona. Wa tata Untombi-yapansi ububende; wa ti lapa e za 'kudhla, kwa fika kuyena impukane enkulu, ya banga umsindo, i ti, "Bu! bu! ngi pe, ngi ku tshela." A i kape ngesandhla. A ti, lapa e za 'kudhla, i fike masinyane, i ti, "Bu! bu! ngi pe, ngi ku tshela." Kwa ti lapa i pinda ngokwesitatu Untombi-yapansi wa memeza wa ti, "We, silwane! We, silwane! Nansi impukane i ti, 'Bu! bu!' a ngi i pe, i ngi tshela." Wa ti Usilwane, "I bulale; i ya ku kohlisa; u nga i pi."

Then Usilwane went to his own house, to wait there. Untombi-yapansi took some food; when she was about to eat, there came a large fly to her and made a great noise and said, "Boo! boo! give me, and I will tell you." She drove it away with her hand. When she was again about to eat, the fly came immediately and said, "Boo! boo! give me, and I will tell you." When it did thus the third time, Untombi-yapansi shouted, saying, "Here, Usilwane! Here, Usilwane! There is a fly which says 'Boo! boo!' and asks me to give it, and it will tell me." Usilwane replied, "Kill it; it is deceiving you; do not give it."

She gives the fly food, and it tells her of the murder of her sister.

Wa pinda futi Untombi-yapansi wa ka ububende; ya banga umsindo omkulu impukane, i ti, "Bu! bu! ngi pe, ngi ku tshela." Wa i kapa ngesandhla. Ya buya ya pinda futi, ya ti, "Bu! bu! ngi pe, ngi ku tshela." Kwa ti lapa i pinda futi okwesitatu, wa i pa; ya kota, ya ti, "Bheka; u nga bu dhlalo lobo 'ububende, ngokuba Usilwane u bulele Usilwanekazana. Wa ti, 'U be dhlalo ngesilo sake.' Bheka, Usilwanekazana u file; ububende bako lobo; nesilo si file."

Again Untombi-yapansi took some of the food; the fly made a great noise, saying, "Boo! boo! give me, and I will tell you." She drove it away with her hand. Again it said, "Boo! boo! give me, and I will tell you." When it did so the third time, she gave it; it licked the food and said, "Take care; do not eat this food, for Usilwane has killed Usilwanekazana. He said, she killed his leopard without cause. See, Usilwanekazana is dead; this is her blood; and the leopard is dead."

She runs away, and is pursued by Usilwane.

Wa suka masinyane Untombi-yapansi; wa tata ingubo ey embetwe Usilwanekazana, wa m embula; wa bona igazi li puma pansa

Untombi-yapansi at once arose; she took off the blanket with which Usilwanekazana was covered, and saw the blood flowing from

kwekwapa. Wa puma ngamandhla Untombi-yapansi, wa gijima e ya lapa ku kona aoyise naonina. Ku te lapa e senhla kwomuzi, wa puma Usilwane endhlini, wa bona Untombi-yapansi enhla kwomuzi. Wa memeza Usilwane e ti, "Mina lapa, ntombi-yapansi! u ya ngapi na?" Wa baleka ngamandhla Untombi-yapansi. Wa mlandela Usilwane e pete umkonto, e ti lapo e ya 'ku m bamba kona, u ya 'u m gwaza ngomkonto.

beneath the armpit. Untombi-yapansi rushed out, and ran away to her fathers and mothers.⁵⁵ When she was at the upper part of the village, Usilwane left his house and saw her. He called her, saying, "Here, attend to me, Untombi-yapansi, where are you going?" Untombi-yapansi fled with haste. Usilwane pursued her, taking an assegai in his hand, thinking when he should catch her, he would stab her with it.

Untombi-yapansi escapes.

Wa ti lapa e seduze kakulu Usilwane, Untombi-yapansi wa ti, "Dabuka, mhlaba, ngi ngene, ngokuba ngi za 'kufa namuhla." Wa dabuka umhlaba, wa ngena Untombi-yapansi. Wa ti lapo Usilwane e se fika lapo, wa funa, e nga m boni lapo e tshone kona Untombi-yapansi; wa ti Usilwane, "Hau! hau! u tshone pi, loku ngi te ngi lapaya wa e lapa na?" A ka be e sa m bona. Wa buyela emva Usilwane.

When Usilwane was very near her, Untombi-yapansi said, "Open, earth, that I may enter,"⁵⁶ for I am about to die this day." The earth opened, and Untombi-yapansi entered. When Usilwane came there, he sought, but could not see where Untombi-yapansi had descended; he said, "Hau! hau! where did she descend! for I thought when I was yonder, she was here." He was no longer able to see her. He went back again.

She goes near the chief's garden and gives an alarm.

Wa hamba Untombi-yapansi; kwa ti lapa so ku hlwile wa lala, e nga pumanga pansi. Kwa ti kusasa wa vuka futi, wa hamba. Kwa ti lapa se ku semini kakulu wa puma pansi, wa ye w'ema egangeni, wa memeza e ti, "U so ya yiyayiya⁵⁷ yedwa kwela nonyaka;

Untombi-yapansi went on; when it was evening she slept, not having come out from the earth. In the morning she awoke, and again went on. When it was midday she came out of the earth, and went and stood on a small elevation, and shouted, saying, "There will be nothing but weeping this summer."⁵⁸ Usilwanekaza-

⁵⁵ The brothers of the father are called fathers; and the father's polygamic wives, mothers.

⁵⁶ See Appendix.

⁵⁷ Yiyayiya for lilalila; in Isikqwabe dialect.

⁵⁸ The u here does not refer to any particular person, but to the people of the chief in general. The natives say on such occasions, "U ya 'kuba Umayemaye kwela nonyaka," "There will come Umayemaye this summer," Umayemaye being a name personifying mourning. "The woe-woe-man will come this summer."

Usilwanekazana u bulewe Usilwane ; u ti, u be dhlala ngengomende yenkosi." Sa ti isalukazi esi lapo embutisweni, "Kungati ku kona oku lengezayo, ku ti Usilwanekazana u bulewe Usilwane ; u be dhlala ngengomende yenkosi." Ya ti inkosi, "Si tate ni, ni si ponse emnceleni." Ba si tata, ba si bulala, ba si ponsa emnceleni ; ngokuba be ti, "Si hlolala umntwana wenkosi."

na has been murdered by Usilwane ; he says, she has killed the prince's leopard⁵⁹ without cause." An old woman which was in the royal garden said, "It sounds as though some one was shouting afar off, saying, 'Usilwanekazana has been killed by Usilwane ; she has killed the prince's leopard without cause.' " The king said, "Seize her, and cast her outside the garden." They seized her, and killed her, and cast her outside the garden ; for they said she was prophesying evil against the king's child.

She goes to another place and shouts again.

Wa pinda wa dhlula lapo Untombi-yapansi, wa fika kwelinye iganga, wa ti, "U so ya yiyayi yedwa kwela nonyaka. Usilwanekazana u bulewe Usilwane ; u be dhlala ngengomende yenkosi." La ti ikzeku, "Ku kona oku lengezayo ; ku nga ti ku ti, 'U so yiyayi yedwa kwela nonyaka. Usilwanekazana u bulewe Usilwane ; u ti, u be dhlala ngengomende yenkosi.'" Ya ti inkosi, "Li tate ni, ni li ponse ngapandle kwomncela." Ba li tata, ba li ponsa emnceleni.

Again Untombi-yapansi passed onward from that place, and went to another small elevation, and cried, "There will be nothing but weeping this summer. Usilwanekazana has been murdered by Usilwane ; he says, she has killed the prince's leopard without cause. An old man said, 'There is some one shouting afar off ; it is as if it was said, 'There will be nothing but weeping this summer. Usilwanekazana has been killed by Usilwane ; he says she has killed the prince's leopard without cause.' " The chief said, "Seize him, and cast him outside the garden." They seized him, and cast him out.

All the people run to her when she shouts the third time.

Kwa ti, lapo w' esuka futi Untombi-yapansi, wa ya eduze nabo, wa memeza e ti, "U so ya yiya yedwa kwela nonyaka. Usilwanekazana u bulewe Usilwane ; u

Untombi-yapansi then again departed and went near them, and shouted, saying, "There will be nothing but weeping this summer. Usilwanekazana has been killed by Usilwane ; he says she

⁵⁹ *Ingom'-ende*, the name here given to the leopard, means a long wedding song.

ti, u be dhlala ngengomende yenkosi." Kwa ti lapo bonke abantu b' ezwa ukutsho kwake, ba kala bonke, ba baleka, ba ya kuyena, ba ti, "U ti ni na?" Wa ti, "Usilwanekazana u bulewe Usilwane; u ti, u be dhlala ngengomende yenkosi."

has killed the prince's leopard without cause." When all the people heard that, they all cried, and ran towards her, and said, "What do you say?" She replied, "Usilwanekazana has been killed by Usilwane; she has killed the prince's leopard without cause."

Usilwane is seized and bound.

Ba buya abantu bonke, ba ya ekaya. Ba fika, wa baleka Usilwane; ba m biza, ba ti, "Buya wena; u s' u ti ku kona abantu aba fa bonke na?"⁶⁰ Wena u se z' ubulawa."⁶¹ Wa buya Usilwane, wa ngena endklini. Ba m bamba, ba m bopa, ba ti, "U za 'kwenziwa njani na?" Ya ti inkosi, "Vala ni emnyango, ni tshise indklu, ku ze ku tshe tina sobatatu. Kepa wena, ntombi-yapansi, hamba u ye kodade wenu, u ye 'kuhlala kona; ngokuba mina nonyoko si za 'kutsha nendklu; ngokuba a si tandi ukuhamba, ngokuba Usilwanekazana u file, nati si za 'kufa kanye naye."

All the men went home. When they arrived, Usilwane fled; they called him, saying, "Come back; do you think that there is any reason why all the people should be killed? You are not about to be killed." Usilwane came back, and went into the house. They laid hold of him, and bound him, and said, "What is to be done with him?" The king said, "Close the door, and set fire to the house, that we three may be burnt."⁶² But you, Untombi-yapansi, go to your sister,⁶³ and live with her; for I and your mother shall be burnt⁶⁴ with the house; for we do not wish to live, because Usilwanekazana is dead, and we too will die with her."

Usilwane pleads in vain.

Wa ti Usilwane, "Mina; musa ni uku ngi tshisa nendklu; ngi gwaze ni ngomkonto." Ya ti inkosi, "Kga, mntanami; ngi za 'ku

Usilwane said, "Attend to me; do not burn me with the house; stab me with an assegai." The chief said, "No, my child; I will

⁶⁰ U s' u ti ku kona abantu aba ka ba fa ngako bonke na!—This would be the full form of the sentence. It is meant by the question to say, that he need not imagine that one murder—namely, his own—will be added to the murder already committed.

⁶¹ Wena, u se z' ubulawa, for, a ku se z' ubulawa.

⁶² We three—namely, himself, wife, and Usilwane.

⁶³ The name of this sister in the other tale is given. It is Umkindinkomo, —Cow-hip-dress; because the hip-dress she wore was made of a cowhide.

⁶⁴ In the other version the father is represented as arming and fighting with Unkoiya, who also arms. Unkoiya first hurls his lance, but it falls short; the father pierces Unkoiya with a fatal wound. But subsequently, without any reason being given, the father, mother, and village are burnt.

ku zwise ubu/lungu obukulu kakulu, ngokuba u wena o bulele umntanami."

cause you to feel very great pain, for it is you who have murdered my child."

The chief sends Untombi-yapansi to her sister.

Wa ti Untombi-yapansi, "Ngi za 'kuhamba nobani na?" Wa ti uyise, "Tata inkabi yakwenu, u kwele pezu kwayo, u hambe. Kwo ti lapo u pezulu okalweni u ya 'kuzwa ukuduma okukulu kwokutsha kwomuzi; u nga bheki ngasemuva, u hambe nje."

Untombi-yapansi said, "With whom shall I go?" Her father replied, "Take your ox, mount it and go. When you are on the top of the hill, you will hear the great roaring of the burning village; do not look back, but go on."

She meets with an imbulu, who deceives her.

Wa hamba e kwele enkabini. Kwa ti lapa e sokalweni w' ezwa ukuduma kwomlilo. Wa kala, e ti, "Konje lolo 'ludumo olungako ku tsha uma nobaba." Wa hamba wa ye wa fika emfuleni omkulu. Wa fika lapo, kwa vela imbulu; ya ti, "Dade, ntombi-yapansi, ake w eklike lapa enkabini yako, ngi kwele, ngi bone uma ku nga ngi fanela ini na?" Wa ti, "Kga; a ngi tandi ukwehlika." Ya ti, "Ku nani na?" Kapa Untombi-yapansi wa e kw azi ngapambili ukuba imbulu i za 'uvela lapo; ngokuba unina wa e m tshelile, wa ti, "Uma inkabi i nyatele pezu kwelitshe, imbulu i ya 'upuma kona." Ngalo ke w' esaba ukwehlika enkabini. Wa ti lapo, "Suka, ngi dhlule." Ya ti imbulu, "Hau! Ngi tshleke, ngi bone uma ku ya 'u ngi fanela ini na?" W' eklika. Ya ti, "Leti izinto zako, ngi fake, ngi bone uma

She went, riding on the ox. When she was on the hill, she heard the roaring of the fire. She wept, saying, "So then I hear this great roaring; my mother and father are burning." She went on, and came to a great river. When she came to it, there appeared an imbulu, and said, "Princess, Untombi-yapansi, just come down here from your ox, that I may get up, and see if it becomes me or not?" She replied, "No; I do not wish to dismount." The imbulu said, "What is the matter?" But Untombi-yapansi knew⁶⁵ beforehand that an imbulu would appear at that place; for her mother had told her, saying, "If the ox treads on a stone, an imbulu will come out at that place." She was therefore afraid to dismount from the ox. So she said, "Get out of the way, and let me pass on." The imbulu said, "Hau! Lend me the ox, that I may see if it is suitable for me?" She dismounted. The imbulu said, "Hand me your things, that I may put

⁶⁵ The words with which she is warned before setting out are given in the other version:—"Ba ti, a nga li tinti itshe eli sendhleleni." "They told her not to tread on a certain stone which was in the path." This is much more precise, and gives us the idea not distinctly brought out in the above, that there was a certain stone known as being the haunt of some magical evil power.

ku ya 'u ngi fanela ini na?" Wa i nika zonke izinto. Ya binca imbulu, ya kwela enkabini, ya ti, "We, kwa ngi fanela!"

them on and see if they are suitable for me?" She gave the imbulu all her things. The imbulu put them on, and mounted the ox, and said, "Oh, how they become me!"

The imbulu gives her a new name.

Wa ti Untombi-yapansi, "Ye-
Mlika ke, u lete izinto zami, ngi kwele." Ya ti, "A ngi tandi. U ngi tshelekele ni na?" Wa ti, "Ku tsho wena, ukuti, a ngi ku tsheleke." Ya ti imbulu, "A ngi tandi." Ya ti imbulu, "A s' ekqe lapa ematsheni, si bone o ya 'kuba nenyawo ezi 'manzi." Y' ekqa imbulu; kepa yena Untombi-yapansi wa hamba emanzini, ngokuba a ka kweli ndawo.

Untombi-yapansi said, "Dis-
mount now, and give me my things, that I may get up." The imbulu said, "I do not wish to get down. Why did you lend it to me?" She replied, "You asked me to lend it to you." The imbulu said, "I do not wish to get down. Let us leap here on the stones, and see which will have wet feet." The imbulu leapt; but Untombi-yapansi walked in the water, because she was not mounted on any thing."

Kwa ti lapa se be welile ya ti imbulu, "Ezako inyawo zi 'manzi; manje wena igama lako Umsila-wezinja. U mina manje Untombi-yapansi." Kepa Untombi-yapansi a ka pendulanga 'luto, wa tula nje. Ya hamba imbulu, i kwele enkabini, 'eza ngeniva Untombi-yapansi.

When they had passed across, the imbulu said, "It is your feet that are wet; now your name is Umsila-wezinja.⁶⁶ And I am now Untombi-yapansi." But Untombi-yapansi made no answer; she was silent. The imbulu went on, riding on the ox, and Untombi-yapansi coming after on foot.

They reach the sister's village.

Ba ya ba fika lapo w' endela udade wabo kantombi-yapansi. Ba ngena ekaya, b' enyuka, ba ya ngasen/la. Ya fika ya ngena imbulu, naye Untombi-yapansi wa ngena. Ya ti imbulu, "Musa ukungena. Bamba inkabi yami." Wa i bamba Untombi-yapansi; ya Mlala imbulu.

They went on, and came to the place where the sister of Untombi-yapansi was married. They entered the village, and went to the upper part of it. The imbulu went into a house, and Untombi-yapansi also went in. The imbulu said, "Don't come in. Hold my ox." Untombi-yapansi held the ox; the imbulu sat down.

⁶⁶ Umsila-wezinja, Dogs'-tail.

The imbulu deceives her.

Wa buza udade wabo kantombi-yapansi, wa ti, "U ubani na?" Ya ti imbulu, "U mina, mnta-kwetu. Hau! a u ngi boni ini na?" Wa ti, "Kga; a ngi ku boni; ngokuba owakwetu umntwana nga m shiya emncinane; ngi ya l' azi kodwa igama lake. Kapa futi umzimba wake wa u kazimula, ngokuba wa u itusi." Ya ti imbulu, "Mina nga gula kakulu. Igama lami ng' Untombi-yapansi. Umzimba wami so wa pela lowo o itusi." Wa kala udade wabo, e ti, "Hau! Kanti umnta-kwetu lona na?"

Wa ti udade wabo, "Kapa lona o semnyango u vela pi yena na?" Ya ti, "Into nje; nga i tola lapa emfuleni, i hamba pansa nje." Wa ti, "Ngi ku pe ukudhla na?" Ya ti, "Yebo; ngi lambile." Wa i pa isijingi. Ya dhla. Wa ti, "Biza umuntu wako lowa, ngi mu pe; nangu umlaza." Ya ti, "Mu nika kona emnyango lapaya." Wa ti umyeni wake, "Kga, musa uku mu pa umuntu pandhle; u m ngenise endhlini, a dhlele kona." Wa m biza, wa ti, "Ubani igama lake na?" Ya ti imbulu, "Umsila-wezinja." Wa ti udade wabo, "Ngena, u zokudhla, msila-wezinja."

The sister of Untombi-yapansi asked, "Who are you?" The imbulu replied, "It is I, child of our house. Hau! do you not recognise me?" She said, "No; I do not recognise you; for the child of our house I left when she was still young; I know nothing but her name. But, besides, her body glistened, for she was like brass." The imbulu said, "I was very ill. I am Untombi-yapansi. I no longer have that body of mine which was like brass." Her sister wept, saying, "Hau! Forsooth is this the child of our house?"

Her sister said, "And she who is at the doorway, whence does she come?" The imbulu said, "It is a mere thing. I fell in with it at the river; it was merely going on foot." She said, "May I give you food?" The imbulu replied, "Yes; I am hungry." She gave it porridge. It ate. She said, "Call your servant yonder, that I may give her; here is some whey."⁶⁷ The imbulu said, "Give it to her there in the doorway." Her husband said, "No, do not give food to the person outside; bring her into the house, that she may eat here." She called her, saying, "What is her name?" The imbulu replied, "Umsila-wezinja." Her sister said, "Come and eat, Umsila-wezinja."

Untombi-yapansi wastes the food.

Wa ngena endhlini; wa tata ukamba lwabantwana udade wabo, wa m nika ngalo umlaza. Ya ti imbulu, "Kga! kga! Musa uku

She went in; her sister took a child's vessel, and gave her some whey in it. The imbulu said, "No! no! Child of our house,

⁶⁷ The story makes it clear however that we are not to understand simple whey, but whey mixed with ground mealies. Poor people and dependents only eat ground mealies mixed with whey; superiors use amasi.

m nika okambeni lwabantabako, mnta-kwetu ; u m telele pansi nje, a d/lele kona." Wa ti umkwenya wabo, "Kga, musa uku m telele pansi umuntu, u m kangeze eza-nd/leni." Wa ka ngokezo udade wabo, wa m kangeza. Kepa Untombi-yapansi wa pa/la insika ngezand/la zake, wa m kangeza udade wabo ; ku ti lapa e se kgedile uku m kangeza, a yeke iza-nd/la, a kciteke amasi ; a tete a ti, "Ini ukuba ngi ku kangeze amasi ami, u wa kcite na ?" A ti, "Kw'enza, ngokuba ngi kangeza, ngi pa/le insika." Wa mu pa inkobe ; wa d/la. Ba lala.

do not give it to her in the vessel of your children ; pour it for her on the ground, that she may eat it there." Her brother-in-law said, "No, do not pour food for a person on the ground ; give it to her in her hands." Her sister dipped it out with a spoon, and poured it into her hands. But Untombi-yapansi put her hands round the pillar of the house, and her sister put it into her hands ; when she had finished, she separated her hands, and the amasi was spilt. Her sister scolded, saying, "How is it that I pour my amasi⁶⁸ into your hands, and you throw it away ?" She replied, "It is because, when I stretched out my hands, I placed them on each side of the pillar."⁶⁹ She gave her boiled mealies ; she ate ; and they retired to rest.

She is sent to watch the garden.

Ku te kusasa wa ti udade wabo kantombi-yapansi, "Ngi ya hlupeka ngokuba ku nge ko 'muntu o ngi lindelayo ; zi ya ngi hlupa izinyoni ensimini kwami." Ya ti imbulu, "Nangu Umsila-wezinja ; a ka hamba uaba ya 'kulinda naye, a ye 'ku ku lindela." Wa ti, "Hamba ka." Wa hamba Untombi-yapansi kanye nodalana.

In the morning the sister of Untombi-yapansi said, "I am in trouble because there is no one to watch for me ; the birds trouble me in my garden." The imbulu said, "There is Umsila-wezinja ; let her too go with those who watch, that she may watch for you." She said, "Well, go." Untombi-yapansi went with Udalana.⁷⁰

⁶⁸ The sister here magnifies her gift by calling the whey amasi. Untombi-yapansi acts thus because it was not proper for her to eat the milk belonging to her brother-in-law. See Note 95, p. 164. The Imbulu has no regard for such customs.

⁶⁹ In the other version, it is groundnuts which are given to her. She takes but one out of the vessel, and all the rest disappear. It is thus, and not by dropping whey, that she fixes attention on herself. The chief exclaims, "Lolu udodovu lwenkosikazi lu tate yanye ind/lu bu, za pela zonke esitaheni." "This skinnny one of the queen has taken one groundnut, and no more are left in the dish." She thus also manifests her magical power, which is brought out so much afterwards.

⁷⁰ Udalana, Little-old-one.

Ba fika ngapand/le kwomuzi, w' ema Untombi-yapansi, wa ti, "D/lula wena, dalana." Wa d/lula Udalana; ba hamba, ba fika emasimini. Kepa Udalana e ya kwabo insimu, ya i ngasen/la; kepa leyo e lindwa Untombi-yapansi ya i ngenzansi, amakziba e bhekene. Inyoni ziningi kakulu; kwa ti be sa fika, za fika. Wa zi ponsa Udalana, wa ti, "Nazo, msila-wezinja." Wa ti Untombi-yapansi, "Tayi, tayi, lezo 'nyoni ezi d/la insimu kadade, kona e nge 'dade ngasibili, ngoba se ngi Umsila-wezinja. Nga ngi nge 'msila-wezinja ngempela; nga ngi Untombi-yapansi." Z' esuka masinye izinyoni njengokutsho kwake. Ba hlala imini yonke izinyoni zi nge ko. Kepa Udalana wa mangala kakulu ngokuba e bona izinyoni zi nge ko, loku zi m /lupa kangaka yonke imihla.

When they came outside the village Untombi-yapansi stopped and said, "Do you go before, Udalana." Udalana went on; they reached the gardens. Udalana went to the garden belonging to her house, which was high up; and that which was watched by Untombi-yapansi was low down, and the watch-houses were opposite each other. The birds were very numerous. As they were entering the garden the birds came; Udalana threw stones at them, and said, "There they are, Umsila-wezinja." Untombi-yapansi said, "Tayi, tayi, those birds which devour my sister's garden, although she is not my sister truly, for I am now Umsila-wezinja. I was not really Umsila-wezinja; I was Untombi-yapansi." The birds went away immediately in accordance with her word. They remained the whole day without any birds coming. And Udalana wondered much when she saw that there were not any birds, since they troubled her so much every day.

She is visited by strange guests.

Wa ti Untombi-yapansi lapa se ku semini kakulu, wa ti, "U ze u ngi ponsele, dalana; ngi sa ya 'kugeza." Wa hamba wa ya emfuleni; wa fika wa ngena pakati esizibeni, wa geza; wa puma umzimba wonke wake u kanya itusi, e pete induku yake yetusi. Wa tahaya pansi, wa ti, "Puma ni nonke, bantu bakababa nenkomo zikababa, nokud/la kwami." Kwa puma abantu abaningi nenkomo eziningi, nokud/la kwake. Wa

When it was midday Untombi-yapansi said, "Do you throw stones at the birds for me, Udalana; I am now going to bathe." She went to the river; when she came to it, she went into a pool and washed; she came out with her whole body shining like brass, and holding in her hand her brass rod. She smote the ground and said, "Come out, all ye people of my father, and cattle of my father, and my food." There at once came out of the earth many people,⁷¹ and many cattle, and her food.

⁷¹ In the other version, the dead,—her father, mother, and Ulukozasana,—are among the company.

d/la. Kwa puma nenkabi yake, wa kwela pezu kwayo, wa ti,

"Enkund/leni kababa sa si ti E-a-ye;

Kwezi-matshoba am/lope sa si ti E-a-ye."

Kwa vuma abantu bonke kanye nezi/la/la, zi in vumela. Kwa ti lapa e se kgedile konke loko, w' e-/lika enkabini yake; wa tshaya ngenduku yake pausi, wa ti, "Dabuka, mhlaba, ku ngene izinto zikababa nabantu bake." Nembala umhlaba wa dabuka, kwa ngena izinto zonke nabantu.

She ate. Her own ox also came out; she mounted it and said,

"In my father's cattle-pen we used to sing E-a-ye;

Among the white-tailed cattle we used to sing E-a-ye."

All the people, together with the trees, took up the song, singing in unison with her. When she had done all this, she descended from her ox; she smote the ground with her rod, and said, "Open, earth, that my father's things and his people may enter." And truly the earth opened, and all the things and men entered.

She returns to the garden and Udalana wonders.

Wa buya wa tata umhlaba omnyama, wa zibekca ngawo emzimbeni, wa ba njengaloku e be njalo. Wa kupuka, wa ya ensimini, wa ngena ekzibeni. Wa ti, "Kade zi kona ini izinyoni na?" Wa ti Udalana, "Au! we bandhla! u bona ngoba e ngi shiye nezinyoni eziningi ngedwa na?" Ba ti be sa kuluma wa fika umhlambi omkulu wezinyoni. Wa ti Udalana, "Nazo, msila-wezinja." Wa ti Untombi-yapansi, "Tayi, tayi, leziya 'nyoni ezi d/la insimu kadade. Kona e nge 'dade ngasibili; kona se ngi Umsila-wezinja; nga ngi nge Umsila-wezinja ngasibili; nga ngi Untombi-yapansi." Z' esuka masinya izinyoni njengokutsho kwake.

Again she took some black earth and smeared her body with it, and was as she was before. She went up from the river to the garden, and went into the watch-house. She said, "Have the birds been here some time?" Udalana said, "Au! by the council! does she see because she left me alone with many birds?" As they were still speaking a large flock of birds came. Udalana said, "There they are, Umsila-wezinja." Untombi-yapansi said, "Tayi, tayi, you birds yonder which devour my sister's garden. Although she is not my sister truly; although I am now Umsila-wezinja; I was not truly Umsila-wezinja; I was Untombi-yapansi."⁷² The birds at once went away in accordance with her word.

⁷² In the other version it is very different; she does not protect the garden, but gives it up to the birds. "Za fika izinyoni, za wela ensimini. Wa ti, 'Tai, tai, tai; insimu kadade. Kona zi wa d/la, a zi wa kgedi.' A kwa sala nanza li linye. Kwa ti nya. Ba ti, 'Insimu yenkosi u i nika izinyoni.'" "The birds came, and dropped into the garden. She said, 'Tai, tai, tai; it is my sister's garden. Though they eat the corn, they do not eat it all up.' They ate it all; there did not remain one ear of corn; the garden was utterly desolate. The people said, 'She gives the king's garden to the birds.'"

Kepa Udalana e mangala kakulu u loku kutsho kwake, a ti, "U ti ni, yebuya, msila-wezinja, na?" A ti Untombi-yapansi, "A ngi ti luto." W' euka Udalana kwelake ikziba, wa ya kwelikantombi-yapansi, wa ti, "Hau! wena u dhlala pi, msila-wezinja, na?" Wa ti Untombi-yapansi, "U tsho ngani na?" Wa ti, "Ngi tsho ngoba ngi nga boni izala lako lapo u dhlala kona." Wa ti Untombi-yapansi, "Ngi ya dhlala nje."

Kwa tshona ilanga, ba buya ba ya ekaya. Ba fika, ya buza inkosi ya ti, "Be zi kona inyoni, msila-wezinja, na?" Wa ti Untombi-yapansi, "Ehe; be ziningi kakulu." Ya ti imbulu, "Ukuma kwake yena. Umsila-wezinja u za 'kuhlala pansi nje, i ze i dhlilwe izinyoni. Ku ti lapo se i pelile, u ti wahlulwe izinyoni." Ba hlala; ba lala.

But Udalana wondered much at that saying of hers, and said, "I say, Umsila-wezinja, what are you saying?" Untombi-yapansi replied, "I say nothing." Udalana descended from her watch-house, and went to that of Untombi-yapansi, and said to her, "Hau! where have you eaten, Umsila-wezinja?" Untombi-yapansi said, "Why do you ask?" She replied, "I ask because I do not see the refuse of the sugar-cane where you have eaten." Untombi-yapansi said, "I have eaten."

The sun set; they returned home. When they arrived the chief asked, saying, "Were there any birds there, Umsila-wezinja?" Untombi-yapansi replied, "Yes; there were very many indeed." The imbulu said, "This is her custom. Umsila-wezinja will just sit on the ground, until the garden is utterly destroyed by the birds. And when it is all gone, she says she has been worsted by the birds." They sat; they retired to rest.

Udalana makes a discovery.

Kwa ti kusasa ba hamba ba ya 'kulinda. Kwa ti lapa be sesangweni w' ema Untombi-yapansi, wa ti, "Dhlula." Wa ti Udalana, "Hau! wena u nani uma u dhlule na? Zonke insuku ku hamba mina pambili." Kepa Untombi-yapansi wa e saba ukudhlula ngokuba umbete u ya m esula umuti lowa a u gcoba emzimbeni ukuze itusi li nga kanyi, ba m bone abantu. Wa dhlula Udalana. Ba fika emasimini, ba hlala. Wa ti Udalana, "Nazo, msila-wezinja." Wa ti Untombi-yapansi, "Tayi, tayi, lezo 'nyoni ezi dhlala insimu kadade; kona e nge 'dade ngampela; kepa kwa ku udade."

In the morning they went to watch. When they were at the gateway Untombi-yapansi stood still and said, "Go on." Udalana replied, "Hau! what happens to you if you go first? Every day I go in front." But Untombi-yapansi was afraid to go first because the dew wiped off that with which she smeared her body, that the brass-colour may not glisten, and people recognise her. Udalana went on. They came to the garden and sat down. Udalana said, "There they are, Umsila-wezinja." Untombi-yapansi said, "Tayi, tayi those birds which devour my sister's garden; although she is not my sister truly; but she was my sister."

Wa ti, "Hlala, u bhokile wena, dalana; ngi sa hamba ngi ya 'ku-geza.'" Wa hamba. Kwa ti lapa e se hambile Untombi-yapansi, wa landela ngasemuva Udalana, wa ye wa fika emfuleni naye. Wa fika Untombi-yapansi, wa ngena esizibeni, wa puma umzimba wake u kazimula, e pete induku yake yetusi. Wa mangala Udalana ngokubona loko. Kepa Untombi-yapansi wa e nga m boni Udalana, ngokuba wa e katshile. Wa tata induku yake Untombi-yapansi, wa tshaya pansi, wa ti, "Dabuka, mhlaba, ngi bone izinto zikababa, zi pume zonke nabantu bakababa, nezinto zami nezinkomo." Kwa puma konke loko njengokutsho kwake. Kwa vela nokudhla; wa dhla. Wa tata ingubo yake i kqatshelwe ngezindondo, wa i binca, wa kwela enkabini yake, e Mlobile. Wa ti,

"Enkundleni kababa sa si ti
E-a-ye;
Kwezi-matshoba abomvu sa si ti
E-a-ye."

Ba vuma bonke kanye nezihlala ngaloko. Udalana w' esaba, wa tutumela ngokuba kwa ku nga titi nomhlaba u ya zamazama.

Kwa ti lapo Untombi-yapansi e s' ekhika enkabini, wa buya pambili Udalana, wa fika kukqala ensimini. Kepa Untombi-yapansi wa ti, "A ku tshone konke loko pansi." Kwa tshona konke. Wa zibekca ngomuti emzimbeni wake, wa buya wa ya ensimini. Wa fika wa ti, "Kade zi kona ini izinyoni, dalana, na?" Wa ti Udalana, "Kade u hlalele ni emfuleni wena na?" Wa ti Untombi-yapansi, "A u boni ini uma mina a ngi kw azi ukugeza masinya, ngoba umzimba wami mubi, umnyama kakulu na?"

She said, "Stay and watch, Udalana; I am now going to bathe." She went. When Untombi-yapansi had gone, Udalana went after her, and she too went to the river. When Untombi-yapansi came to the river she entered the pool, and came out with her body glistening, and carrying in her hand her brass rod. Udalana wondered when she saw this. But Untombi-yapansi did not see Udalana, for she had concealed herself. Untombi-yapansi took her rod and smote the ground and said, "Open, earth, that I may see the things of my father; that all may come out, and my father's people, and my things and the cattle." All these things came out in accordance with her saying. Food also came out; she ate. She took her garment which was ornamented with brass balls, she put it on, and mounted her ox, having adorned herself. She said,

"In my father's cattle-pen we used
to sing E-a-ye;
Among the red-tailed cattle we
used to sing E-a-ye."

All the people and the trees took up the song. Udalana was afraid, and trembled; for it was as if the very earth was moving.

When Untombi-yapansi was getting down from her ox, Udalana went back before her and came first to the garden. And Untombi-yapansi said, "Let it all sink into the ground." Every thing sank into the ground. She smeared her body, and returned to the garden. When she came she said, "Have the birds been long here, Udalana?" Udalana said, "Why have you staid so long at the river?" Untombi-yapansi replied, "Do you not see that I cannot wash quickly, for my body is dirty and very black?"

W' esuka Udalana wa ya ekzibeni lapa ku kona Untombi-yapani, wa hlala kuyena, e m buka emzimbeni wonke; kepa a nga boni lapo ku kona ibala eli kazi-mulayo. A mangale uma u zibe-kce ngani na.

Udalana arose and went to the watch-house where Untombi-yapani was; she sat by her, looking earnestly at the whole of her body; but she did not see any where a glistening spot. She wondered what she had smeared herself with.

The chief visits the garden.

Ya fika inkosi emasimini, ya ti, "Sa ni bona, msila-wezinja; zi kona izinyoni na?" Wa ti, "Ye-bo, nkos', zi kona." W' ehlika ekzibeni Untombi-yapani, 'esaba ngoba ku kona inkosi pezulu ekzibeni. Ya ti inkosi, "W' ehlikela ni, msila-wezinja, na?" Wa ti, "Kga; ngi y' ehlika nje, nkos'." Y' ehlika inkosi, ya hamba ya ya ekaya. Ba buya nabo ontombi-yapani. Ba fika ba hlala ba lala.

The chief came to the garden and said, "Good day, Umsila-wezinja; are there any birds here?" She said, "Yes, sir, there are." Untombi-yapani descended from the watch-house, being afraid because the chief was on it. The chief said, "Why do you get down, Umsila-wezinja?" She replied, "No, I merely get down, sir." The chief got down from the watch-house, and returned home. Untombi-yapani and Udalana also went home. On their arrival they ate and lay down.

Udalana tells the chief what she has discovered.

Kwa ti kusihlwa Udalana wa ya enkosini, wa ti, "Nkos', wo vuka kusasa kakulu, u ye 'kuhlala ekzibeni lami, kona ku ya 'kuti emini lapa Umsila-wezinja e se hambile ukuya 'kugeza, si m landele. U ya 'ubona umzimba wake u ya kazimula. A fike a pume nenduku yake yetusi pakati esizibeni, a tshaye ngayo pansi, a ti, 'Dabuka, mhlaba, ku pume izinto zikababa zonke.' Ku pume nezinkomo nabantu nokudhla nezinto zake zokuhlaba. A kwele enkabini yake, a hlabele, ku vume abantu nenkomo nemiti; konke ku m vumele." Ya ti inkosi, "Uma ngi hamba nje kusasa ngi

In the evening Udalana went to the chief and said, "O chief, wake very early in the morning, and go and stay at my watch-house; then at noon when Umsila-wezinja has gone to bathe we will follow her. You will see her with her body glistening. She comes out of the pool with her brass rod, and smites the ground with it, and says, 'Open, earth, that all the things of my father may come out.' And there come out cattle and men and food and all her ornaments. You will see her mount on an ox, and sing. And the men and the cattle and the trees take up the song, and every thing sings in unison with her." The chief said, "If I go in the morning shall I

ya 'u ku bona loko na?' Wa ti Udalana, "Yebo, nkosi, u ya 'u ku bona." Ba lala.

see that?" Udalana said, "Yes, O chief, you will see it." They retired to rest.

The chief watches in vain.

Kwa ti lapa ekuseni ya ruka inkosi, ya ya ekzibeni likadalana. Kwa ti lapa se ku sile ba hamba Odalana nontombi-yapansi. Kwa ti lapo be sesangweni wa ti Untombi-yapansi, "Dhlula, wena, dalana." Wa ti Udalana, "Ini wena u nga hambu pambili na? W e-saba ni ukuhamba pambili?" Wa dhlula Udalana, wa hamba. Wa ti Untombi-yapansi, "Hau! Ku ngani namuhla umbete u nga bi ko na?" Wa ti Udalana, "Kumbe nga be ku hamba impunzi." Wa ti Untombi-yapansi, "Kepa w ome kangaka umbete na?"

Ba hamba ba ye ba fika emasimini. Ba hlala. Za fika inyoni. Wa ti Udalana, "Nazo, msila-wezinja." Wa zi kuza njengabantu bonke; kepa a zi sukanga; za ba hlupa kakulu. Ya ti inkosi, "Ku ngani ukuba zi ni hluphe namuhla izinyoni na?" Wa ti Udalana, "Emihleni u ya zi kuza ngokunye Umsila-wezinja. Kepa namuhla a ng' azi uma u yekele ni na."

Kepa wa ti Udalana, "Ku ngani ukuba namuhla u nga yi 'kugeza na?" Wa ti, "Kga; ngi y' enge-na namuhla." Kepa Untombi-yapansi 'ezwa ukuti u kona umuntu o kona emasimini, ngokuba e bona umbete u nge ko. Kwa ze kwa tshona ilanga. Y' eklika inkosi ekzibeni, ya ya ekaya. Kwa ti ngasemuva ba buya nabo Ontombi-yapansi.

When the chief arose in the morning he went to the watch-house of Udalana. When the sun was up Udalana and Untombi-yapansi set out. When they were at the gateway Untombi-yapansi said, "Do you go on, Udalana." Udalana said, "Why do not you go first? Why are you afraid to go in front?" Udalana went on. Untombi-yapansi said, "Hau! How is it that to-day there is no dew?" Udalana said, "Perhaps a deer has passed." Untombi-yapansi said, "But why has the dew dried up so much?"

They went on and came to the garden. They sat down. The birds came. Udalana said, "There they are, Umsila-wezinja." She scared them in the same way as all other people; but they did not go away; they troubled them very much. The chief said, "How is it that the birds have troubled you so much to-day?" Udalana replied, "On other days Umsila-wezinja scares them in a different manner. But to-day I do not know why she has departed from her usual method."

Udalana went to Untombi-yapansi and said, "Why do you not go to bathe to-day?" She said, "No; I am lazy to-day." But Untombi-yapansi perceived that there was some one in the garden, because she saw that there was no dew. At length the sun set. The chief went down from the watch-house and returned home; and Untombi-yapansi and Udalana also returned after him.

Kwa ti lapo se be fike ekaya wa ti Untombi-yapansi, "Zi ya si hlupa inyoni." Wa ti udade wabo, "U zi bheke kakulu izinyoni, msila-wezinja, zi nga kgedi ana-bel' ami." Ba lala.

When they reached home Untombi-yapansi said, "The birds trouble us." Her sister said, "Watch the birds with great care, Umsila-wezinja, that they may not destroy my corn." They retired to rest.

The chief watches a second time, and hears Untombi-yapansi's charm.

Kwa ti ekuseni inkosi ya puma, ya hamba ugenye indhilela, ya ye ya fika emasimini, ya kcatsha pakati kwamabele. Kwa ti lapa se ku sile ba hamba Odalana, ba ya 'kulinda. Ba fika esangweni, wa ti Untombi-yapansi, "Dhlula." Wa ti Udalana, "Kga; a ngi tandi nami. Dhlula wena." Wa dhlula Untombi-yapansi. Kwa ti lapa be hamba Untombi-yapansi wa bheka ezitweni zake, wa bona ukuba umbete u ya kqala ukususa umuti. W'ala ukuhamba, wa ti, "Dhlula, dalana." Wa dhlula Udalana. Ba fika emasimini. Wa ti Udalana, "Na namuhla a u zokuya ini ukuya 'kugeza na?" Wa ti, "Ngi za 'kuya." W'ehluka ekzibeni Untombi-yapansi, wa ya kudalana ekzibeni; wa fika wa hlala kona. Za fika izinyoni; wa ti Udalana, "Zi kuze, msila-wezinja." Wa ti Untombi-yapansi, "Tayi, tayi, lezo 'nyoni ezi dhlala insimu kadade; kona e nge 'dade ngasibili; se nga ba Umsila-wezinja; nga ngi nge Umsila-wezinja ngampela; nga ngi Untombi-yapansi." Z'emuka izinyoni masinyane. Kepa inkosi ya mangala ngokubona loku.

In the morning the chief left home and went by another way to the garden, and hid himself in the midst of the corn. When it was light Udalana and Untombi-yapansi went to watch. When they came to the gateway Untombi-yapansi said, "Go on." Udalana replied, "No; I too do not like to go first. Do you go in front." Untombi-yapansi went first. As they went Untombi-yapansi looked at her legs, and saw that the dew was beginning to wash off that with which she had smeared herself. She refused to walk first, and said, "Go on, Udalana." Udalana went on. They came to the garden. Udalana said, "And to-day too are you not going to bathe?" She replied, "I am going." Untombi-yapansi got down from her watch-house, and went to that of Udalana; she sat down there. The birds came; Udalana said, "Scare them, Umsila-wezinja." Untombi-yapansi said, "Tayi, tayi, those birds yonder which eat my sister's garden; although she is not my sister truly; since I became Umsila-wezinja; I used not to be Umsila-wezinja indeed; I was Untombi-yapansi." The birds went away directly. And the chief wondered when he saw it.

He watches her at the river.

Kwa ti emini wa ti Untombi-yapansi, "Ngi sa ya 'kugeza ma-

At noon Untombi-yapansi said, "I am now going to bathe, Uda-

nje, dalana: u ze u ngi bhekele izinyoni ensimini." Wa hamba Untombi-yapanisi. Wa ye wa fika emfuleni. Kepa inkosi nayo ya hamba nodalana. Ba fika emfuleni, ba kcatsha esihlaleni. Wa ngena emanzini esizibeni Untombi-yapanisi; wa puma umzimba wake u kazimula itusi nenduku yake; wa tshaya ngayo pansi, wa ti, "Dabuka, mhlaba, ku pume izinto zikababa, nabantu bakababa, nenkomo zikababa, nezinto zami." Kwa puma konke loko nokudhla kwake. Wa dhla, wa binca ingubo yake, wa hloba ngezinto zake, wa kwela eukabini yake, wa ti,

"Enkundhleni kababa sa si ti
E-a-ye;
Kwezi-matshoba amhlope sa si ti
E-a-ye;
Kwezi-matshoba abomvu sa si ti
E-a-ye."

Ku vuma abantu bonke nezihlahla.

lana; do you watch the birds for me in the garden." Untombi-yapanisi departed, and went to the river. And the chief too and Udalana went to the river and hid in the underwood. Untombi-yapanisi went into the pool, and came out with her body glistening like brass, and with her brass rod; she struck the ground with it and said, "Open, earth, that my father's things may come out, and my father's people, and his cattle, and my things." Every thing came out, and her food. She ate; and put on her garments and her ornaments, and mounted the ox and said,

"In my father's cattle-pen we used to sing E-a-ye;
Among the white-tailed cattle we used to sing E-a-ye;
Among the red-tailed cattle we used to sing E-a-ye."

All the people and the trees took up the song.

He surprises Untombi-yapanisi.

Kepa inkosi ya mangala ngokubona loko. Ya ti kudalana, "Ngi za 'uvela mina, ngi m bambe, a nga be e sa zifihla futi." Wa vuma Udalana. Kwa ti lapa se ku tshone izinto zonke ya vela inkosi. Wa ti Untombi-yapanisi, lapa e bona inkosi, w' esaba kakulu. Ya ti inkosi, "Musa ukwesaba, mlamu wami. Ngokuba kade u hlupeka isikati sonke, loku wa fika lapa u zifihlile."

The chief wondered on seeing it. He said to Udalana, "I will go out and lay hold of her, that she may no longer be able to hide herself again." Udalana assented. When all those things had again sunk into the ground, the king went out. When Untombi-yapanisi saw the chief, she feared greatly. The chief said, "Do not fear, my sister-in-law. For for a long time you have been troubled without ceasing, for since you came here you have concealed yourself."

She is made known to her sister.

Ya m tata inkosi, ya buya naye nodalana, wa ya ensimini. Ya ti inkosi, "Ku ze ku ti lapa se ku hlwile kakulu, u buye naye, dala-

The chief took her and went with her and Udalana to the garden. The chief said, "When it is quite dark, come back with her,

na, u fike, u m beke endllini kwa-ko; ngi ya 'kuza mina nodade wabo lapa se ni fikile." Ya buya inkosi, ya ya ekaya. Kwa ti lapa se ku hlwile ba fika Odalana, ba ngena endllini kwake. Y' eza inkosi, ya biza udade wabo. Ba ngena endllini, ya m veza Untombi-yapansi. Wa kala udade wabo e ti, "Kade nga tsho nga ti, 'Ku ngani ukuba a nga kanyi umzimba wake na?'" Ba buza kuyena Untombi-yapansi uma ini lena na. Wa ba tshela ukuba imbulu; wa ba landisa konke ukwenzwa kwayo imbulu.

Udalana, and put her in your house; I will come with her sister when you are there." The chief went home. When it was dark Udalana and Untombi-yapansi returned and went to Udalana's house. The chief came, and called the sister of Untombi-yapansi. They went into the house, and he brought forth Untombi-yapansi to her. Her sister cried, saying, "Long ago I said, 'How is it that her body does not glisten?'" They enquired of Untombi-yapansi what that thing was. She told them it was an imbulu; and gave them a full account of what the imbulu had done.

The imbulu is destroyed.

Ya ti inkosi, "Hamba, dalana, u tshela abafana, u ti, a ba vuke kusasa, b' embe umgodi esibayeni omude; ku ti abafazi ba peke amanzi ekuseni kakulu." Wa ba tshela konke loko Udalana. Ba lala.

Kwa ti ekuseni kakulu ba vuka abafana, b' emba umgodi omude; kwa telwa ubisi okambeni; lwa ngeniswa ngomkcilo pakati emgodini. Ya ti inkosi, "Hamba ni, ni bize bonke abafazi, nomakoti 'eze lapa." Ba bizwa bonke, ba ya ba fika. Ku tiwa, "Yekqa ni lo 'mgodi nonke." Ya ti imbulu, i y' esaba ukwekqa. Ya ti inkosi, "Kqa; yekqa nawe." Y' ala imbulu. Ya futeka inkosi ngolunya, ya ti, "Yekqa, yekqa masinyane." B' ekqa abanye abafazi; kepa imbulu, kwa ti lapa i ti nayo i y' ekqa, umsila wayo wa bona amasi, ya ngena pakati, ya ziponsa ngamandhla. Kwa tiwa kubafazi, "Gijima ni, ni tate amanzi atshi-

The chief said, "Go, Udalana, and tell the boys to awake in the morning and make a deep pit in the cattle-pen; and the women to boil water early in the morning." Udalana took the message to them. They retired to rest.

Early in the morning the boys arose and dug a deep pit; they put some milk in a pot, which they let down by a cord into the hole. The king said, "Go and call all the women and the bride⁷³ to come hither." All were called and went. He said, "All of you jump across this hole." The imbulu said it was afraid to leap. The chief said, "No; do you too leap." The imbulu refused. The chief boiled over with anger and said, "Leap, leap immediately." The other women leapt; and when the imbulu too was leaping, its tail saw the milk, it went into the hole, throwing itself in with violence. The chief said to the women, "Run and fetch the boiling water

⁷³ That is, the imbulu.

sayo, ni tele pakati." Ba wa tata, ba tela pakati emgodini amanzi. Ya tsha. Ba i gqiba emgodini.

and pour it into the hole." They fetched it and poured it into the hole. The imbulu was scalded. They covered it up with earth in the hole.

The chief marries Untombi-yapansi.

Kwa ti lapo inkosi ya tshela abantu, ya ti, "Hamba ni, ni tshela isizwe sonke, ni ti, a si ze lapa; ngi ganiwe; ku fike umlamu wami." Sa tshelwa sonke isizwe, sa fika. Kwa ngena umtimba. Wa sina Untombi-yapansi nabantu bakubo. Wa hlala e jabula nodade wabo. Kwa hlalashwa izinkomo, ba dlala inyama. Ba hlala ndawo nye bonke kakhle.

Then the chief told the people, saying, "Go and tell the whole nation to come here, for I am a chosen husband; my sister-in-law has come." The whole nation was told; the people came. The marriage company entered the village. Untombi-yapansi danced together with her people. She lived in happiness with her sister. Many cattle were killed, and they ate meat. They all lived together happily.

LYDIA (UMKASETEMBA).

APPENDIX.

In several of the Zulu Tales we have allusions made to persons descending into the water, remaining there, and returning, as quite a natural thing. Water is not destructive to them. In a tradition of the origin of the Amaikakana, the tribe descended from the unkulunkulu Uzimase, they are said to have come up from below, but to have first revealed themselves to some women, whilst still in the water. In another tradition we hear of a heaven-descended unkulunkulu; and there is, so far as I know, every where, among the people of all tribes, a belief in the existence of heavenly men (abantu bezulu); and of a king of heaven, whom they suppose to be the creator of lightning, thunder, and rain. The two following tales give an account of men who descended to the lower regions, and returned to relate what they had seen, not quite after the manner of Virgil or Dante, but strictly in accordance with their own earthly imaginings. They have a notion then,—or rather the fragments of their traditions clearly show that their ancestors believed,—that not only earth, heaven, and water have their man-like inhabitants, but that also underground there are those who are still occupied with the busy cares and necessary labours of life. They are supposed to be the departed dead, and lead a very material kind of existence. A more full account of the *abapansi*—subterraneans, or underground people—will be given under the head, "AMATONGO."

Who can doubt that we find here the relics of an old belief, clothed after a new fashion, different from that to which we have been accustomed, coarse and unattractive, in accordance with the habits and unintellectual condition of the people; but of a common origin probably with that which in other countries, whose inhabitants have been in different circumstances, and had a different development, has formed the basis of more exact theologies; or of such fanciful tales as that of "Jullanar of the Sea," in the *Arabian Nights*; or of such pleasing conceits as have been clothed with so much poetical beauty by the pen of La Motte Fouqué in his *Undine*?

UMKATSHANA.

Kwa ti Umkatshana wa vuka e ya 'uzingela nezinja zake; wa vusa iza; izinja za li kzotsha; la ya la ngena emgodini, nenja za ngena, naye wa ngena. W' emuka w' emuka nalo, wa za wa fika kubantu aba ngapansi, lapa kw akiweyo. Wa bona izinkomo; wa fika ku sengwa. Wa ti, "Kanti, kw akiwe lapa." (Ngokuba ku tiwa inkomo lezi e si zi hlabako, ku tiwa ku fuyiwe zona ngapansi, zi buye zi yuke.) Kepa ba ti, "Inja yetu le i kzotshwa ubani na?" Ba ti, ukubheka, "A, nangu 'muntu." Wa e se hlangana nezake izi/hlobo. Ba ti, "Goduka! Musa ukuhlala lapa." Wa buya wa goduka ke.

Insuku za se zi dhlulile zake lapa ekaya; se be ti, "Wa ya ngapi na lo 'muntu? U file," ba m bona e fika. Ba ti ke, "U vela pi na?" Wa ti, "Ngi be ngi muke nenyamazane; ya ya ya fika pansu kwabapansi, i ngena emgodini. Nami nga ngena ke. Kanti ke i ya lapa kw akiweko." Ba buza ke ba ti, "U ti ng' abantu nje na?" Wa ti, "Yebo; nobani nobani ba kona. Ngi buyiswe i bo."

Leyo 'ndawo lapa a tshona kona kulabo 'bantu ku tiwa Usesiyelamangana, kwelasemahlutshini, ela l' akiwe Ubungane, uyise kalangalibalele, uyisemkulu. Ezimbutwini, uma e nga tsho ezimbutwini, a ti Usenhlonga. Amagama aleyo 'ndawo.

ONCE on a time Umkatshana arose in the morning to go to hunt with his dogs; he started a rheebuck; his dogs drove it; it went and entered a hole, and the dogs went in too, and he too went in. He went on and on with the buck, until he came to the people who are beneath, to the place where they dwell. He saw cattle; when he arrived the people were milking. He said, "So then there are people who live here." (For it is said that the cattle which we kill become the property of those who are beneath; they come to life again.) They said, "This dog of ours, who is driving it?" They said when they looked, "Ah, there is a man." And then he met with his own friends. They said to him, "Go home! Do not stay here." So he went home again.

The days in which he was expected to come home had already passed away; and when the people were saying, "Where has the man gone? He is dead," they saw him coming. They enquired of him, "Whence come you?" He said, "I had followed a buck; it went until it reached the people who live beneath, it going into a hole. And so I too went in. And the buck went to the place where they live." So they asked him, saying, "Do you say they are men like us?" He replied, "Yes; and So-and-so and So-and-so were there. I was sent back by them."

The place where he descended to those people is called Usesiyelamangana, in the country of the Amathlubi, where Ubungane lived, the father of Ulangalibalele, that is, his grandfather. In the Izimbutu, if it be not said Izimbutu, it is called Usenhlonga. These are names of those places.

Ku tiwa uma umuntu e file lapa emlabeni, wa ya kwabapansi, ba ti, "Musa ukukqala u hlangane nati; u sa nuka umlilo." Ba ti, ka ke a hlale kude nabo, a ke a pole umlilo.

UMPONDO KAMBULE (AARON).

It is said that when a man dies in this world, and has gone to the people who live beneath, they say to him, "Do not come near us at once; you still smell of fire." They say to him, "Just remain at a distance from us, until the smell of fire has passed off."

INDABA KANCAMA-NGAMANZI-EGUDU.

(THE TALE OF UNCAMA-NGAMANZI-EGUDU.⁷⁴)

UNCAMA wa lima insimu yombila; kwa t' uba i kgale ukuvutwa, ya ngena ingungumbane, ya zing' i i dila njalo; e zing' e vuka kusasa, a fike i dila. Wa za wa linda usuku olu amazolo. Kwa ti ngamhla e bona amazolo emakulu, wa vuka, wa ti, "Namhla nje ngi nga i landa kahle, uma i dila ensimini, ngokuba lapa i hambe kona amazolo a ya 'kuvutuluka; ngi ze ngi i fumane lapa i ngene kona." Nembala ke wa tata izikali zake, wa puma, wa fika ensimini; i dila; wa i landa ngomkondo, u sobala lapa i hambe kona, amazolo e vutulukile. Wa hamba wa hamba, wa za wa i ngenisela emgodini. Naye ke wa ngena, ka b' e sa buza, ukuti, "Loku i ngene lapa nje, ngi nge nanja, ngi za 'kwenze njani na?" Ngokutukutela ukuba i kgede ukudhla kwake, wa hamba pakati, e ti, "Ngo ya ngi fike lapa i kona, ngi i bulale." Wa ngena nezikali zake. Wa hamba wa hamba, wa za wa fika ekcibini; wa ti, isiziba;

UNCAMA dug a mealie garden; when the mealies had begun to get ripe, a porcupine entered it, and continually wasted it; and he continually rose early, and arrived when the porcupine had devoured his mealies. At length he waited for a day on which there was abundance of dew. On the day he saw much dew he arose and said, "To-day then I can follow it well, if it has eaten in the garden, for where it has gone the dew will be brushed off. At length I may discover where it has gone into its hole." Sure enough then he took his weapons, and went out to the garden; it had eaten his mealies; he followed it by the trail, it being evident where it had gone, the dew being brushed off. He went on and on, until he saw where it had gone into a hole. And he too went in, without enquiring a moment, saying, "Since it has gone in here, and I have no dog, what can I do?" Because he was angry that the porcupine had wasted his food, he went in, saying, "I will go till I reach it, and kill it." He went in with his weapons. He went on and on, till he came to a pool; he thought

⁷⁴ He prepares for his journey by smoking *insangu*. Instead of eating, he strengthens himself with the *igudu*, or insangu-horn.

wa tulis' amehlo, wa za wa bona ukuba ikecibi nje. Wa hamba ekcaleni, wa dhlula. Kwa ba mnyama emgodini, e nga bonisisi ka/hle; amehlo a za e jwayela um-godi, wa bona ka/hle. Wa za wa lala, e nga fiki 'ndawo; kwa ti ku sa wa e vuka, e hamba njalo; e hamb' e lala, wa za wa fika emfuleni; wa u wela, wa hamba. Lapo ka hambi ngokuba e bona amasondo ayo; u se hamba ngokuba imbobo inye a ngena ngayo; u pike ngokuti, "Ngo ze ngi fike ekupeleni kwomgodi, anduba ngi dele."

Wa za wa bona pambili ku kqala ukukanya; w' ezwa ku kuza izinja, ku kala abantwana; wa dhlula; wa vela pezu kwomuzi; wa bona ku tunya umusi; wa ti, "Hau! u pi lapa? Nga ti, 'Ngi landa ingungumbane;' nga fika ekaya." Ukubuya kwake e /hle/la nyovane, e se buyela emuva; wa ti, "A ngi nga yi kulaba 'bantu, ngokuba a ngi b'azi; ba funa ba ngi bulale." Wa bona izwe elikulu. Wa baleka, wa hamba imini nobusuku, e ti, "Kumbe ba ngi bonile." Wa za wa wela lowo 'mfula a u wela e sa landa; wa dhlula kulelo 'kecibi a dhlula kulo kukqala; wa za wa puma.

Wa mangala ekupumeni kwake, ngokuba lapa a vela kona, wa ku bona konke oku fana noku ngapuzulu, izintaba namawa nemifula. Wa goduka ke, wa fika ekaya endhlini yake. Wa ngena, wa biza

it was deep water; he looked carefully, until he saw that it was only a pool. He went by the edge, and passed on. It was dark in the hole, he not seeing clearly; at length his eyes became accustomed to the hole, and he saw well. At length he lay down to sleep before he had reached any where; and in the morning he awoke and set out again. He went and slept until at length he came to a river; he crossed it and went forward. He now no longer went forward because he still saw the footprints of the porcupine; he now went because the hole was the same as that by which he entered; he persevered, saying, "I shall at length arrive at the end of the hole, whereupon I shall be satisfied."

At length in front he saw it began to get light; he heard dogs baying, and children crying; he passed on; he came upon a village; he saw smoke rising, and said, "Hau! what place is this? I said, 'I am following the porcupine;' I am come to a dwelling." Whereupon he returned, walking backwards, and returning on his path, and said, "Let me not go to these people, for I do not know them; perhaps they will kill me." He saw a great country. He fled, and went day and night, saying, "Perhaps they have seen me." At length he crossed that river which he crossed whilst he was pursuing the porcupine; he passed the pool which he passed at first; at length he went out of the hole.

He wondered on coming out; for at the place from which he came, he saw all things resembled those which are above, mountains, precipices, and rivers. So he went home, and came to his own house. He went in and asked his wife for

ukcansi kumkake. Umkake wa m bheka, wa tshay' izandla, wa kala; abantu b' etuka, ba ti budu-budu, be buza, "Ini na?" Wa ti, "Nang' Uncama e fika!" Abantu ba mangala, ba buya ba pinda ba kala isililo. Umfazi wa ti, "Ikansi lako nengubo zako nemintsha yako nesikcamelo sako nezitsha zako, konke nga ku lahla, ngi ti, u file; izingubo namakcansi nga ku tshisa."

Wa i zeka ke indaba, wa ti, "Ngi vela kude; ngi vela kubantu aba ngapansi. Ngi be ngi lande ingungumbane; nga fika, kw aki-we; ng' ezwa ku kuza izinja, ku kala abantwana; nga bona abantu be nyakazela; ku tunya umusi. Kwa ba ukubuya kwami ke, se ng' esaba, ngi ti, be za 'u ngi bulala. Ni bona ngi fika nje."

Leyo 'ndoda ihhwangana clifutshanyana, lisiniudoiwana; umzimba wonke u pelile uboya; libana; lizigejana, amazinyo a wa sa pelele. Nami ngi ya l'azi. Nga li bona ngi se unifana. Ku zinge ku tiwa, "Nang' umuntu owa fika kwabapansi." S' esaba ukungena emgodini wesambane ngokuzwa leyo 'ndaba, ukuti, "U ye u like kwabapansi."

UMPENGULA MBANDA.

In Pococke's *India in Greece*, pp. 308—311, we read a legend of the priest Sónuttaro, who performed a feat similar to that ascribed to Untombi-yapansi. A shrine had been prepared for the reception of relics. Sónuttaro being anxious to obtain a casket of especially valuable relics to deposit in the shrine, "dived into the earth and proceeded subterraneously to the land of Nágas." The Nága king, on discovering the object of his visit, determined to keep possession of the casket, if possible. This he effected by means of his son, who swallowed it together with its contents, and then extended his dimensions to a most monstrous magnitude, and calling forth thousands of snakes similar to himself, encircled himself with them and remained coiled up in fancied security. But the priest's power and subtlety were too great for the serpent's magic. He "miraculously created an invisibly attenuated arm," by which he extracted the precious casket, unperceived, from the stomach of the Nága. When he had done this, "rending the earth" (*dabula umh/aba*), he again returned to the upper world.

a mat. His wife looked at him; she smote her hands and cried; the people started; they hurried in and asked, "What is it?" She said, "Behold Uncama is come!" The men wondered, and again shouted the funeral dirge. The woman said, "Your mat, and your blanket, and your kilt, and your pillow, and your vessels, every thing I have buried, saying, you were dead; your blankets and mats I burnt."

So he told the tale, and said, "I am come from a distance; I am come from the men who live underground. I had followed a porcupine; I came to a village; I heard dogs baying, and children crying; I saw people moving backwards and forwards, and smoke rising. And so I came back again. I was afraid, thinking they would kill me. It is because [I feared and returned] that you see me this day."

That man was a very little whiskered man, who was hairy all over; his whole body was covered with hair; very ugly; he had many gaps in his mouth, his teeth being no longer complete. And I too know him. I saw him when I was a boy. It was continually said, "There is the man who went to the underground people." We were afraid to go into an ant-bear's hole from hearing that tale, to wit, "He went till he reached the underground people."

U M A M B A .

A king marries two sisters.

Kwa ku kona inkosi etile e zeka abafazi abaningi. Kwa ti lapa se be baningi ya zeka intombi ezimbili zenye inkosi. Kwa ti enye intombi ya i beka inkosikazi; kepa enye intombi ya i nomona omkulu ngokuba nayo ya i tanda ukuba i be inkosikazi. Kwa ti, lapa se zi kgediwe ukulotsholwa, za sina zombili.

THERE was a certain chief who married many wives. When his wives were very many he married two damsels, the daughters of another king. One of these he made the chieftainess; and the other was very jealous because she too was wishing to be the chieftainess. When the dowry was paid, both danced the marriage dance.

The queen's first infant dies.

Kwa ti ngesinye isikati b' emita bonke abafazi baleyo 'nkosi. Ba beleta abanye, kepa inkosikazi y' epuza yona ukubeleta. Kwa ti lapa se be zwile ukuba i belete, wa puma udade wabo, wa ya kona endalini; wa fika wa ti, "Leta ni umntwana, ngi m bone." Ba m nika. Wa m tata, wa m buka. Kepa e sa m pote wa fa umntwana. Ba ti bonke abantu, "U m pete kanjani umntwana na?" Wa ti, "Kga. Ngì te ngi m tata, wa e se file." Ba mangala bonke abantu.

It came to pass in process of time that all the chief's wives were pregnant. They gave birth to their children, but the chieftainess was long in giving birth. When they had heard that she had given birth, her sister went to her house; on her arrival she said, "Bring me the child, that I may see it." They gave her the child. She took it and looked at it. But whilst it was in her arms it died. All the people said, "How have you handled the child?" She said, "No. As soon as I took it, it died." All the people wondered.

And her second and third.

Ba ze ba buye b' emita futi, ba baleta. Wa ti omunye futi umntwana wa m tata naye, wa fa futi. Kwa ze kwa fa abantwana abatatu. Kepa bonke abantu ekaya ba ti, "Ba bulawa udade wabo."

Again they had children. And the queen's sister took the second child also, and it too died. And three children at length died in this way. And all the people said, "They were killed by the queen's sister."

Ba buye b' emita futi. Wa ti

Again they were pregnant. The

unina wendoda, "Uma abantwana laba abafayo a ka ba pati udade wenu, nga be nga fi. Kepa ngokuba u ya m nika bona u ya ba bulala."

mother of the chief⁷⁵ said, "If your sister had not touched the children which are dead, they would not have died. But she kills them because you place them in her hands."

She gives birth to a snake.

Wa beleta futi, a ka ze a tshela 'muntu ukuti u ya beleta. Kwa ti kusasa bonke abantu b' ezwa ukuti, u se belete. Ba ya 'kubona umntwana. Ba fika ba ti, "Ake si bone umntwana." Wa ti, "Kga. Namla a ngi belete 'mntwana; ngi belete isilwane nje." Ba ti, "Isilwane sini na?" Wa ti, "Imamba." Ba ti, "Ake u i veze, si bone." Wa i veza. Ba mangala ngokuba be bona imamba.

Again she gave birth to a child. But she told no man that she was in labour. In the morning all the people heard that she had a child. They went to see it. When they came they said, "Just let us see the child." She replied, "No. I have not given birth to a child this time; but to a mere animal." They said, "What animal?" She replied, "An imamba."⁷⁶ They said, "Just uncover it, that we may see." She showed it to them. They wondered when they saw an imamba.

Her sister gives birth to a boy.

Omunye futi lowo udade wabo wa beleta umfana. Wa jabula ngokuba yena e belete umuntu, kepa lo e belete inyoka nje. Ba kula bobabili. Ya ti inkosi, "Laba 'bantwana bami, omunye igama lake Umamba, omunye Unsimba." Ba kula bobabili. Kepa Umamba wa e hamba ngesisu nje.

Her sister too gave birth to a boy. She rejoiced because she gave birth to a human being, and her sister had given birth to a snake. Both grew up. The chief said, "As regards those children, the name of one is Umamba,⁷⁷ and of the other, Unsimba."⁷⁸ But Umamba went on his belly.

The queen's sister is suspected.

Wa ti uma a zale Umamba, yena wa kula, a ka fa; ba ti abantu, "Bheka ni ke manje, ngokuba lo 'mntwana a ka fanga ngokuba yena e inyoka. Abanye be be bulawa u yena unina kansimba, e tanda uma ku buse Unsimba."

When she gave birth to Umamba, and he grew up and did not die, the people said, "See now then, for this child did not die because he is a snake. The others were killed by the mother of Unsimba, because she wished that Unsimba should be king." But

⁷⁵ The mother of the chief, lit. of the husband.

⁷⁶ The imamba is a deadly snake.

⁷⁷ Umamba, The-imamba-man.

⁷⁸ Unsimba.—Insimba is a wild cat. The-cat-man.

Kepa wa ti uyise kansimba, "Uma ni u bona umuti a bulala ngawo abantwana, u lete ni kumina, ngi ze ngi u pate, ngi pate yena ngezandhla zami, naye u ya 'kufa; ngokuba ni ti, 'Abantwana u ba pata ngesandhla, ba fe.' Nami ngi ya bona, ngokuba abantwana aba abantu ba ya fa; kepa inyoka a i fanga. Kodwa mina a ng' azi uma ba bulawa ini na?"

the father of Unsimba said, "If you see the medicine⁷⁹ with which she killed the children, bring it to me, that I may take it in my hand, and touch her with my hands, and she too will die; for you say, 'She touches the children with her hand and they die.' And I too see that it is so, for the children which are human beings die; but the snake is not dead. But for my part I do not know if they were killed."

Damsels come to marry the princes, but they fear Umamba.

Kwa ti, lapa se be kulile, ku fike izintombi zi ze 'kugana. Ku ti lapa be buza be ti, "Ni ze 'kugana kubani na?" zi ti, "Kunsimba." Ezinye zi ze 'kugana kumamba. Kepa ku ti lapa se zi m bonile ukuba inyoka, zi baleke, zi ti, "Be si ti umuntu nje."

Uyise e hlupeka kakulu, ngokuba e m tanda Umamba. Kepa intombi zonke zi m esaba ngokuba e inyoka. A ti uyise, "Nawe, nsimba, a u yi 'kuganwa, e nga ka ganwa Umamba; ngokuba u yena omkulu kunawe." Kepa Unsimba a Aleke ngokuba e bona intombi zi m ala Umamba; a ti Unsimba, "Loku intombi zi ya m ala Umamba, mina zi ya ngi tanda, ku ya 'kwenziwa njani na?" A ti unina kamamba, "U ya hleka nje uyi hlo, wena nsimba. U koua umuntu ow' alelwa ukuzeka, ku tiwe u ya 'upikanisana nesilima na?"

It came to pass when they were grown up, damsels came to choose their husbands. When the people asked them whom they came to choose, they replied, "Unsimba." But others came to choose Umamba. But when they saw that he was a snake, they fled, saying, "We thought he was a real man."

The father was greatly troubled, for he loved Umamba. And all the maidens were afraid of him because he was a snake. The father said, "And you too, Unsimba, shall not be married before Umamba; for he is your superior." But Unsimba laughed because he saw that the damsels rejected Umamba, and said, "Since the girls reject Umamba and love me, what is to be done?" And the mother of Umamba said, "You, Unsimba, your father is merely laughing. Was there ever any one who was prevented from marrying because it was said, he rivals one who is deformed?"

⁷⁹ This is the first and only instance which we meet with in these stories in which "medicines" are mentioned as a means of revenge. There is nothing in the action of the sister at the time of taking the children which would lead us to suspect she was using poison. The account there given seems rather to point to magical power, or to what is called the "influence of the evil eye." One is therefore inclined to ascribe this remark of the chief to some modern interpolation. If not it is probable that the tale itself is of a comparatively recent origin. But excepting this mention of "medicine" it bears the same stamp of antiquity as the rest.

A damsel comes to choose Unsimba, accompanied by her sister.

Kwa ti ngasemva kwaloko kwa fika izintombi ezi vela kwelinye ilizwe, z' eza 'kugana kona; enye ya i pelezelala enye. Kwa buzwa ama i ze 'kugana kubani na. Ya ti, "Kunsimba." Za ngeniswa endhlini. Wa vuma uyise ukuba a ganwe Unsimba.

Kwa hlalshwa inkomo, kwa butana abantu abanengi, ngokuba ku ganwe umntwana wenkosi. Kwa ti kusi/lwa kwa ngena izinsizwa eziningi zi ze 'kukgomisa izintombi. Kwa ti lapa se zi ngena izinsizwa wa ngena Umamba. Za ti zonke izintombi za baleka zi kala, za ya emsamo. Ya ti inkosi, "Ba tshele ni ukuti a ba muse ukubaleka, ngokuba umntwana wami lowo." Ba ti abantu abasendhlini, "Hlala ni pansi; musa ni ukubaleka, ngokuba umntwana wenkosi lo." Wa tata ukcansi lwake, wa hlala pezu kwalo. Za ti izintombi, "Kepa w' enziwa ini ukuba a be inyoka na?" Ba ti, "Unina wa e bujelwa; wa ze wa zala yena." Ba mangala kakulu.

It came to pass after that, that two damsels came from another country to choose a husband; one was the companion of the other. They asked whom she came to choose. She replied, "Unsimba." They placed them in a house. The father agreed that Unsimba might marry.

Cattle were killed, and many people assembled, because the king's child was an elected bridegroom. In the evening many young men came in to get the damsels to point out those they liked best. When the young men had come in, Umamba also came. And the damsels fled, screaming, to the upper end of the house. The king said, "Tell them not to run away, for that is my child." The people who were in the house said, "Sit down; do not run away, for this is the king's child." He took his mat and sat upon it. The damsels said, "But how did he become a snake?" They said, "His mother lost her children by death; and at last he was born." They greatly wondered.

The sister chooses Umamba.

Za kqomisa izinsizwa ezintombi ni; za kqoma izintombi. Kepa udade wabo kamakoti wa kqoma Umamba. Kepa Unsimba e nga tandi ukuba umlamu wake ukuba a kqome Umamba, e tanda ukuba a kqome yena. Ba buya ba buza ba ti, "Wena, u kqome 'bani na?" Ya ti intombi, "Ngi kqome Umamba." Kepa izinsizwa za ti, "Ansimba." Ya ti intombi, "Kga amamba." Za ti izinsizwa, "Ansimba." Ya ti intombi,

The damsels were made to point out their favourites among the young men. But the sister of the bride pointed out Umamba. But Unsimba did not like his sister-in-law to point out Umamba, wishing her to point out himself. They asked her again, "Who do you point out as your favourite?" The damsel replied, "Umamba." But the young men said, "You mean Unsimba." The damsel said, "No; Umamba." The young men said, "You mean Unsimba." The damsel replied, "No; Uma-

"Kga amamba." Wa ti Unsimba, "Kga; i yeke ni nje, ngokuba noma i kgame yena Umamba, i za 'ku m ala ngokuba inyoka."

Wa ti Unsimba, "Nina ni aobani, amagama enu na?" Za ti izintombi, "Lona o ze 'kugana, igama lake Unhlamvu-yobuthlalu. Udade wabo lo igama lake Unhlamvu-yetusi." Kepa Unsimba wa e nga m tandi Unhlamvu-yobuthlalu kakulu, kepa wa e tanda Unhlamvu-yetusi.

Unsimba said, "No; just leave her alone, for although she has chosen Umamba, she will soon reject him because he is a snake."

Unsimba said, "What are your names?" The girls said, "She who has come to marry is Unthlamvu-yobuthlalu.⁸⁰ And her sister's name is Unthlamvu-yetusi." But Unsimba did not love Unthlamvu-yobuthlalu very much, but he loved Unthlamvu-yetusi.

One goes to Unsimba's house, the other to Umamba's.

Kwa ti lapa se zi kqedile uku-kqoma, w' emuka Unsimba wa ya elawini lake, nomamba wa ya elawini lake. Kwa tiwa izinsizwa, "A si tate umakoti si mu yise elawini likansimba." Wa hamba Unhlamvu-yobuthlalu. Za ti kunhlamvu-yetusi, a ka ye elawini likamamba. Wa ya, wa fika, wa ngena, wa hlala panshi.

When they had ended pointing out their favourites, Unsimba went to his house, and Umamba went to his. The young men said, "Let us take the bride to Unsimba's house." Unthlamvu-yobuthlalu went. They told Unthlamvu-yetusi to go to the house of Umamba. She went and entered the house and sat down.

Unthlamvu-yetusi is asked if she will be Umamba's bride.

Wa bona Umamba e hlezi okcasini lwake, ku kona udade wabo kamamba elawini likamamba, e hlezi naye. Wa ti udade wabo kamamba, "Loko zi ti intombi zi kqoma, kepa wena wa kqoma inyoka, u ya 'kuvuma ukuba wendele kuyo na?" Wa hleka Unhlamvu-yetusi, wa ti, "Ku tiwa u dila abantu ini na?" Wa ti Umamba, "U kona umuntu o kqoma inyoka na?" Wa ti Unhlamvu-yetusi, "Loko u nga dhli 'bantu, mina u ya 'ku ngi dhla ngoba ngi nani na?"

She saw Umamba resting on his mat; and Umamba's sister was also sitting there in Umamba's house. Umamba's sister said, "Since the damsels pointed out their favourites, and you pointed out a snake as yours, would you agree to be his wife?" She laughed and said, "Is it said that he devours men?" Umamba said, "Is there any one who chooses a snake?" Unthlamvu-yetusi said, "As you do not devour men, what is there in me that you should devour me?"

⁸⁰ *Unthlamvu-yobuthlalu.*—*Unthlamvu* is a berry, and here applied to *ubuthlalu*, means a single bead, of glass or some inferior substance; as distinguished from *unthlamvu-yetusi*, brass-bead. *Unthlamvu-yobuthlalu*, Bead-woman. *Unthlamvu-yetusi*, Brass-bead-woman.

She waits on Umamba.

Ya buye ya puma leyo 'ntombazana. Wa ti Umamba, "Sukuma u vale." Wa ti Unhlamvu-yetusi, "Ini wena u nga vali na?" Wa ti Umamba, "A ngi nazo izandhla zokuvala." Wa ti Unhlamvu-yetusi, "Emihleni u valelwa ubani na?" Wa ti Umamba, "Ku vala umfana wami e ngi lala naye." Wa ti Unhlamvu-yetusi, "Kepa u ye ngapi namuhla na?" Wa ti Umamba, "U pumele wena, ntombi yami." W'esuka Unhlamvu-yetusi wa vala.

Wa ti Umamba, "Ng' endhlalele." Wa ti Unhlamvu-yetusi, "Emihleni w endhlalelwa ubani na?" Wa ti Umamba, "Umfana wami." W'esuka Unhlamvu-yetusi wa m endhlalela.

Wa ti, "Tata umfuma wama-futa, u ngi gcobe; kona ngi za 'kulala kahle." Wa ti Unhlamvu-yetusi, "Ngi y' esaba ukupata inyoka." Wa hleka Umamba. Ba lala.

Umamba's sister went out. Umamba said, "Arise, and close the doorway." Unhlamvu-yetusi said, "Why do you not close it?" He replied, "I have no hands with which I can close it." Unhlamvu-yetusi said, "Who closes it every day?" He replied, "The lad who sleeps with me closes it." Unhlamvu-yetusi said, "And where has he gone?" Umamba answered, "He has gone out on your account, my love."⁸¹ Unhlamvu-yetusi arose and closed the doorway.

Umamba said, "Spread the mat for me." Unhlamvu-yetusi said, "Who spreads it for you day by day?" Umamba replied, "My lad." Unhlamvu-yetusi arose and spread the mat for him.

He said, "Take the pot of fat and anoint me; then I shall sleep well." Unhlamvu-yetusi said, "I am afraid to touch a snake." Umamba laughed. They went to sleep.

The people wonder at her courage; and Umamba's mother rejoices.

Kwa sa kusasa ba vuka; kepa abantu bonke ekaya ba mangala ngokuba be ti, "Sa ze sa m bona umntwana o nesibindi kangaka ukulala nenyoka endhlini."

Kwa ti kusasa unina kamamba wa keta ukudhla okumnandi kakulu, wa ku peka, wa ku yisa entombini, e kuluma yedwa, e ti, "Uma nami nga ngi ze le umuntu ngempela, u be za 'ku m zeka lo 'mntwana wabantu."

They awoke in the morning; and the people wondered, for they said, "We never met with a child possessed of such courage as to sleep in a house with a snake."

In the morning Umamba's mother took some very nice food, and cooked it and took it to the damsel, talking with herself and saying, "If I too had given birth to a real human being, he would have married this child of the people."⁸²

⁸¹ Lit, my damsel, but meaning, my sweetheart or love.

⁸² Child of the people, a title of great respect. The natives address their chiefs and great men by "Muntu wetu," Man of our people.

Unthlamvu-yetusi anoints Umamba.

Kwa ti kusihlwa b' emuka futi ba ya 'kulala; ya ngena leyo 'n-tombi; ba hlala nayo; ya buye ya puma. Wa ti Umamba, "Hamba u vale." W' esuka Unthlamvu-yetusi wa ya 'kuvala. Wa ti Umamba, "Kambe na izolo w a-lile uku ngi gcoba. A u boni ukuba ngi ya hamba kabu/lungu, ngi hamba ngesisu? Ku tanda uma ku ti lapa se ngi lala ngi gcotshiwe; kona umzimba u ya 'utam-ba, ngi lale kahle. Ake u ngi size, u ngi gcobe namuhla. A ngi d/hi 'muntu; nomfana wami u ya ngi gcoba nje, ngi nga mu d/hi." Wa tata unfuma Unthlamvu-yetusi, wa tata uluti. Wa ti Umamba, "Kqa; awami amafuta a a kiwa ngoluti; a ya kcatazwa nje; a tambile." Wa ti Unthlamvu-yetusi, "Zigcobe wena; a ngi tandi uku ku gcoba mina." Wa ti Umamba, "Kqa. A ngi d/hi 'muntu. Ngigcobe nje." Wa tata Unthlamvu-yetusi amafuta, a kcatazelwa esandhleni sake, wa m gcoba Umamba. Kepa ku ti lapa e m gcoba 'ezwe umzimba wenyoka u banda kakulu, 'esabe. A ti Umamba, "Kqa; ngi gcobe nje; a ngi d/hi 'muntu." Wa m yeka e se m kgedile uku m gcoba.

In the evening they again went to retire to rest; the sister of Umamba again went into the house; they sat with her; again she went out. Umamba said, "Go and close the doorway." Unthlamvu-yetusi arose and closed it. Umamba said, "So then yesterday you refused to anoint me. Do you not see that I move with pain, for I go on my belly? It is pleasant to lie down after having been anointed; then my body is soft, and I sleep well. Just help me, and anoint me to-day. I devour no one; and my lad only anoints me; I do not devour him." Unthlamvu-yetusi took the pot of fat and a stick. Umamba said, "No; my fat is not taken out with a stick; it is just shaken out into the hand; it is soft." Unthlamvu-yetusi said, "Anoint yourself; I do not like to anoint you for my part." Umamba said, "No. I devour no man. Just anoint me." Unthlamvu-yetusi took the fat, and poured it into her hand, and anointed Umamba. But when she anointed him and felt the body of the snake very cold, she was afraid. But Umamba said, "No; just anoint me; I devour no one." When she had done anointing him, she left him.

Umamba transformed.

Wa hlala Umamba isikatshana, wa ti kunthlamvu-yetusi, "Bamba lapa kumina, u kqinise kakulu, u ng' elule, ngokuba umzimba wami u finyele." Kepa Unthlamvu-yetusi wa ti, "Ngi y' esaba." Wa ti Umamba, "Kqa. A ngi z' u kw enza 'luto. A ngi d/hi mu-

Umamba waited a little while, and said to Unthlamvu-yetusi, "Lay hold of me here very tight, and stretch me, for my body is contracted." But Unthlamvu-yetusi said, "I am afraid." Umamba said, "No. I shall do you no harm. I devour no one. Lay

ntu. Bambela ensikeni, u bheko emsamo; u nga ngi bheki mina; u donse ngamandhla; ngokuba ukuhamba kwami ku ya ng' apula; ngako ngi tanda ukuba ku ti lapa se ngi lala umuntu a ng' elule." Wa bambela ensikeni Unthlamvu-yetusi, wa donsa ngamandhla. W' ezwa e buya nesikumba. Wa si lahla ngamandhla, w' etuka, e ti, "Inyoka." Kepa wa pendula amehlo, wa bheka wa bona Umamba e muhle kakulu, umzimba wake u kazimula. Wa jabula kakulu, wa ti, "Wa u nani na?"

hold of the pillar, and look at the upper end of the house; do not look at me; and drag with all your might; for my mode of going hurts me; therefore I like when I am lying down that some one should stretch me." She laid hold of the pillar, and dragged with all her might. She felt the skin come into her hand; she threw it down quickly, and started, thinking it was the snake. And she turned her eyes and looked, and saw Umamba very beautiful, and his body glistening. She rejoiced exceedingly and said, "What was the matter with you?"

Umamba tells Unthlamvu-yetusi his history.

Wa ti Umamba, "Uma kade e bujelwa; kepa be ti abantu abantwana bakwetu ba bulawa udade wabo kama. Kepa kwa ti uma e nga ka ngi beleti, wa ya kubo, wa tsho kumne wabo ukuti, ak' a zingele imamba encane, a tate isikumba sayo. Kwa ti lapa se ngi zelwe nga fakwa kuso isikumba leso. Kepa bonke bakwiti a b' azi uma ngi umuntu; ba ti ngi inyoka impela, ngokuba uma a ka ba tshe-langa ukuti ngi umuntu; u ze u nga tsheli 'muntu nawe."

Umamba said, "My mother had for some time lost all her children by death; and the people said that the children of our house were killed by my mother's sister. Before giving birth to me my mother went to her people, and told her brother to catch a small imamba and to take its skin. And when I was born I was put into the skin. But none of our people knew that I was a human being; they thought I was truly a snake, for my mother did not tell them that I was a man; and do not you tell any one."

Wa ti Unthlamvu-yetusi, "Ngezinye izinsuku u ke u si kumule ini isikumba lesi na?" Wa ti Umamba, "Ehe, umfana wami u ya ngi gcoba ngamafuta, a buye a ngi kumule nje." Ba lala.

Unthlamvu-yetusi said, "On other days do you take off this skin?" Umamba said, "Yes, my lad anoints me with fat and takes it off." They retired to rest.

The damsels return to their fathers, accompanied by their lovers.

Kwa ti kusasa wa ti Unthlamvu-yobuhalalu, "Se ngi tanda ukubuyela ekaya manje." Kwa lahla izinkomo za ba 'mashumi 'mabili

In the morning Unthlamvu-yobuthlalu said, "I now wish to go home." They picked out twenty head of cattle. Umamba said, "I

Wa ti Umamba, "Nami, baba, ngi ya tanda ukuba ngi kipe amashumi amabili, ngi ye 'kukqoma le 'ntombi kuyise." Wa vuma uyise; wa hamba nenkomo eziningi nenzizwa ez' endayo. Ba hamba.

Kwa ti lapa be puma ekaya Umamba wa ti, a ku patwe umfuma wake; wa u pata Unhlamvu-yetusi. Kwa ti lapa be senkangala, wa hamba kancane Umamba emva. Wa ti kunhlamvu-yetusi naye a ka hamba kancinane. Ba hamba abantu bonke pambili, kepa bona bobabili ba hamba emva. Wa ti Umamba, "A si hlale pansi, u ngi gcobe ngamafuta, u suse isikumba, ngokuba ngi ya hlupeka; bu ya ngi bulala utshani uma ngi lambe ngesisu nje." Ba hlala; wa m gcoba ngamafuta, wa m dousa; isikumba sa puma. W'e-suka Umamba, wa hamba. Ba hamba emva bona. Kwa za kwa ti lapa se be ya eduze nabantu, wa faka isikumba futi Umamba.

too, father, wish to take twenty, that I might go and choose this damsel at her father's." The father assented, and he went with many cattle and young men to make the marriage settlement. So they set out.

When they were leaving home Umamba told them to take his pot of fat; Unthlamvu-yetusi carried it. When they were on the high land, Umamba went slowly after the rest; and told Unthlamvu-yetusi also to go slowly. All the people went on in front, but they two went in the rear. Umamba said, "Let us sit down, and do you anoint me with fat, and take off the skin, for I am troubled; the grass hurts me when I go on my belly." They sat; she anointed him with fat, and dragged him; the skin came off. Umamba arose and walked. They went behind the others. And when they were near the people Umamba put on the skin again.

Umamba causes alarm.

Ba ya ekaya bonke, ba ngena. Kepa abantu bakona ba baleka, b'esaba inyoka. Ba ti, "Nampa abayeni bakanhlamvu-yobuhlalu be fika nenyoka." Za ti intombi, "Musa ni ukutsho njalo. Umyeni kanhlamvu-yetusi." Ba mangala abantu, be ti, "Ku ngani ukuba u ng' esabi, loku ku inyoka na?"

They reached the damsel's home and went in. But all the people of the place fled, being afraid of the snake. They said, "There is the wedding party of Unthlamvu-yobuthlalu coming with a snake." The damsels said, "Do not say thus. That is the bridegroom of Unthlamvu-yetusi." The people wondered and said, "How is it that she is not afraid, since it is a snake?"

Preparations for the marriage.

Ba hlathiswa inkomo ezimbili. Kwa ti uma se i pelile inyama ba buyela kubo abayeni. Kwa ti

They had many cattle killed for them. When the meat was eaten the bridegrooms' party returned to

ngesinye isikati ba tuma umuntu ukuba a ye 'kuhlalela umtimba. Wa bizwa umtimba; kwa gaywa utshwala, kwa tiwa a ku hanjwe ku ye 'kutatwa umtimba. Ba fika nawo.

Kwa ti kusasa kwa butana abantu abaningi, kepa abanye be hleka ngokuba Umamba e nga kw azi 'kusina, be ti, "Loku e inyoka u ya 'usina kanjani na?" Lwa ngena udwendwe, ba sina omakoti nezintombi namadoda akubo.

Kwa ti lapa umtimba se u kgedile ukusina, kw' emuka abayeni ba ya 'kuhloba. Umamba wa ngena elawini lake, nomfana wake wa m geoba ngamafuta, w' esusa isikumba. Wa ti, "Hamba u ye 'kubiza uma, a lete izinto zami." W' eza unina nezinto zake. Wa bina konke okwake Umamba, wa ti kumfana, "Bheka uma Unsimba u se pumile ini end/lini na?" Wa ti umfana, "Ehe, u se pumile."

their people. After a time they sent a man to wait for the marriage party.⁸³ The marriage party was summoned; much beer was made, and they were told to go and bring up the marriage company. They came with it.

In the morning there assembled many people, but some laughed because Umamba did not know how to dance, saying, "Since he is a snake how will he dance?" The line of wedding guests entered, and the brides and the damsels and men of their people danced.

When the marriage company had left off dancing, the bridegrooms' party went to adorn themselves. Umamba went to his house, and his lad anointed him with fat, and took off the skin. He said, "Go and call my mother, that she may bring my things." His mother came with his things. He adorned himself, and said to the lad, "See if Unsimba has already left his house." The lad replied, "Yes, he has already left it."

Umamba reveals himself at the wedding-dance.

Wa tata Umamba esikulu isikumba, wa faka sona, wa puma e hamba ngesisu. Kwa ti bonke abantu aba m bonayo ba ti, "Manje u se mkulu kakulu, ngokuba e goobe amafuta." Wa ya esibayeni, wa hlala pausi. Kwa ti lapa abayeni bonke se b' emi, Umamba wa nyakaza, w' eza umfana wake, wa m bamba ekanda, w' esusa isikumba. Kepa bonke abantu b' ahluleka uku m bheka ukukazimula kwake.

Umamba took a great skin, and put it on and went out, going on his belly. When the people saw him they all said, "Now he is very great, because he has anointed with fat." He went to the cattle-pen and sat down. When all the bridegrooms' men stood up, Umamba wriggled himself, and his lad came and laid hold of his head, and took off the skin. And all the people were unable to look on him because of his glistening appearance.

⁸³ The man who goes to wait for the marriage party is called Umkongi or Umhlaleli. His office is to urge on the friends of the bride to hasten the marriage; he stays at the bride's kraal, and there is guilty of all kinds of mischief until they get tired of him, and the wedding party sets out.

Unsimba fears, and the people rejoice.

Unsimba w' emuka wa ya endhlini, 'esaba ngokuba e bonile ukuba Umamba u umuntu; wa tukutela kakulu. Abantu bonke ba mangala ngoku m bona e se umuntu. Ba m bamba be ti, "Kade w enziwe ini na?" Uyise w' ala ukuba ku sinwe ngalolo 'lusuku. Wa ti, "Ku ya 'usinwa ngomso, ngokuba ngi tanda uku m bona namuhla."

Unsimba went away to his house, being afraid because he saw that Umamba was a human being; he was very angry. All the people wondered when they saw that he was now a man. They laid hold of him, saying, "What has been done to you all this time?" His father refused to allow them to dance on that day. He said, "You shall dance to-morrow, for I wish to look at him to-day."

Umamba marries, and is happy.

Kwa ti lapo unina wa jabula ngokuba umntwana wake e zekile. Kwa buyelwa ezindhlini, kwa hlalwa. Kwa ti kusasa kwa sinwa; kepa Unsimba e hlupeka ngokuba e bona Umamba e umuntu. Ba hlala bonke, uyise e jabula kakulu e bona Umamba ukuba u umuntu. W' aka owake umuzi, wa hlala nabantu abaningi aba tanda ukwaka naye. Wa ti lapa e se tungile wa zeka abafazi abaniungi. Wa busa nabo.

LYDIA (UMKASETEMBA).

Then the mother rejoiced because her child had taken a wife. The people returned to the house and sat down. In the morning they danced; but Unsimba was much troubled because he saw that Umamba was a human being. They all remained, rejoicing; the father rejoiced exceedingly when he saw that Umamba was a human being. Umamba built his own village, and lived there with many people, who wished to live with him. And when he had sewn on the headring he married many wives; and lived happily and prosperously with them.

UNANANA-BOSELE.

Unanana builds in the road.

Kwa ku kona umfazi owa e nabantwana ababili abancane, be bakulu kakulu; kepa kwa ku kona omunye umntwana owa e sala nabo. Kepa lo 'mfazi ku tiwa wa

THERE was a woman who had two young children; they were very fine; and there was another child who used to stay with them. But that woman, it is said, had wil-

y ake endhileleni ngabomo, e temba ubukqa nobungqotsho.

fully built her house in the road, trusting to self-confidence and superior power.⁸⁴

Various animals visit her house in her absence.

Kepa ngesinye isikati w' emuka wa ye 'kuteza; wa ba shiya bodwa abantwana. Kwa fika inkau, ya ti, "Abakabani laba 'bantwana abahle kangaka na?" Wa ti umntwana, "Abakananana - bosele." Ya ti, "W' aka endhileleni ngabomo, e temba ubukqa nobungqotsho."

On a certain occasion she went to fetch firewood, and left her children alone. A baboon came and said, "Whose are those remarkably beautiful children?" The child replied, "Unanana-bosele's."⁸⁵ The baboon said, "She built in the road on purpose, trusting to self-confidence and superior power."

Kwa buya kwa fika impunzi, nayo ya tsho njalo. Wa ti umntwana, "Abakananana - bosele." Zonke izilwane zi fika zi m buza njalo, wa za wa kala umntwana ngokwesaba.

Again an antelope came and asked the same question. The child answered, "They are the children of Unanana-bosele." All animals came and asked the same question, until the child cried for fear.

An elephant swallows the children.

Kwa fika indhlovu enkulu kakulu, ya ti, "Abakabani laba 'bantwana abahle kangaka na?" Wa ti, "Abakananana - bosele." Ya pinda ya ti, "Abakabani laba 'bantwana abahle kangaka na?" Wa ti, "Abakananana-bosele." Ya ti, "W' aka endhileleni ngabomo, e temba ubukqa nobungqotsho." Ya ba gwinya bobabili; ya shiya leyo 'ntombazana. Ya hamba indhlovu.

A very large elephant came and said, "Whose are those remarkably beautiful children?" The child replied, "Unanana-bosele's." The elephant asked the second time, "Whose are those remarkably beautiful children?" The child replied, "Unanana-bosele's." The elephant said, "She built in the road on purpose, trusting to self-confidence and superior power." He swallowed them both, and left the little child. The elephant then went away.

Kwa ti ntambama wa fika unina, wa ti, "Ba pi abantwana na?" Ya ti intombazana, "Ba tatwe indhlovu e nopondo lunya." Wa ti Unanana-bosele, "I ye ya ba beka pi na?" Ya ti intombazana,

In the afternoon the mother came and said, "Where are the children?" The little girl said, "They have been taken away by an elephant with one tusk." Unanana-bosele said, "Where did he put them?" The little girl

⁸⁴ *Ubungqotsho* is any thing by which a man trusts to attain superiority, wordiness, craftiness, bodily strength, a name, passion, power; all this in one is *ubungqotsho*.

⁸⁵ *Unanana-bosele*.—*Izinana* is a batrachian reptile, nearly globular, with very short legs, and exuding a milky fluid when touched. It is frequently found under stones.—*Bosele*, of the family of frogs.

"I ba dhlile." Wa ti Unanana-bosele, "Ba file ini na?" Ya ti intombazana, "Kga. A ng' azi."

replied, "He ate them." Unanana-bosele said, "Are they dead?" The little girl replied, "No. I do not know."

She goes in search of the elephant.

Ba lala. Kwa ti kusasa wa gaya umkaba omningi, wa tela okambeni olukulu kanye namasi, wa hamba e pete nomkonto wake. Wa fika lapo ku kona impunzi; wa ti, "Mama, mama, ngi bonisele indlovu e dhle abantabami; i 'lu-pondo lunye." Ya ti impunzi, "U ya 'uhamba u fike lapo imiti yakona imide, na lapo amagcaki akona em/lope." Wa dhlula.

They retired to rest. In the morning she ground much maize, and put it into a large pot with amasi, and set out, carrying a knife in her hand. She came to the place where there was an antelope; she said, "Mother, mother, point out for me the elephant which has eaten my children; she has one tusk." The antelope said, "You will go till you come to a place where the trees are very high, and where the stones are white." She went on.

Wa fika lapo ku kona isilo; wa ti, "Mama, mama, ngi bonisele indlovu e dhle abantabami." Sa ti, "U ya 'uhamba, u hambe, u fike lapo imiti yakona imide, na lapo amagcaki akona em/lope."

She came to the place where was the leopard; she said, "Mother, mother, point out for me the elephant which has eaten my children." The leopard replied, "You will go on and on, and come to the place where the trees are high, and where the stones are white."

The elephant attempts to deceive her.

Wa hamba e dhlula kuzo zonke, zi tsho njalo. Wa ti e kude wa bona imiti emide kakulu, nama-gcaki am/lope pansi kwemiti. Wa i bona i lele pansi kwemiti. Wa hamba; wa fika, w' ema, wa ti, "Mama, mama, ngi bonisele indlovu e dhle abantabami." Ya ti, "U ya 'uhamba, u hambe, u fike lapo imiti yakona imide, na lapo amagcaki akona em/lope." W' ema nje umfazi, wa buza futi,

She went on, passing all animals, all saying the same. When she was still at a great distance she saw some very high trees and white stones below them. She saw the elephant lying under the trees. She went on; when she came to the elephant she stood still and said, "Mother, mother, point out for me the elephant which has eaten my children." The elephant replied, "You will go on and on, and come to where the trees are high, and where the stones are white." The woman merely stood

wa ti, "Mama, mama, ngi bonisele ind/lovu e d/le abantabami." Ya buya ya m tshela i ti, ak' a d/lu-lele pambili. Kepa umfazi e bona ukuba i yona leyo, ya m ko/llisa ukuti ak' a d/lu-lele pambili, wa tsho futi e ti, "Mama, mama, ngi bonisele ind/lovu e d/le abantabami."

still, and asked again, saying, "Mother, mother, point out for me the elephant which has eaten my children." The elephant again told her just to pass onward. But the woman, seeing that it was the very elephant she was seeking, and that she was deceiving her by telling her to go forward, said a third time, "Mother, mother, point out for me the elephant which has eaten my children."

The elephant swallows her, to her sorrow.

Ya m bamba, ya m gwinya naye. Wa fika pakati esiswini sayo, wa bona ama/lati amakulu, nemifula emikulu, nezinkangala eziningi; ngenzenye ku kona amadwala amaningi; nabantu abanengi ab' a-ke imizi yabo kona; nezinja eziningi, nezinkomo eziningi; konke ku kona pakati; wa bona nabanta bake be /lezi kona. Wa fika, wa ba pa amasi; wa ti, "Kade ni d/la ni na?" Ba ti, "A si d/la-nga luto. Sa lala nje." Wa ti, "Ini uma ni ng' osi inyama le na?" Ba ti, "Uma si si sika isilo lesi, a si yi 'ku si bulala na?" Wa ti, "Kga; si ya 'kufa sona; a ni yi 'kufa nina." Wa basa um-lilo omkulu. Wa sika isibindi, w' osa, wa d/la nabanta bake. Ba sika nenyama, b' osa, ba d/la.

Ba mangala abantu bonke aba kona lapo, be ti, "Wo, kanti ku ya d/liwa, lapa tina si /lezi si nga d/li 'luto nje na?" Wa ti lo 'mfazi, "Ehe. I ya d/liwa ind/lovu." Ba sika bonke labo 'bantu, ba d/la.

The elephant seized her and swallowed her too. When she reached the elephant's stomach, she saw large forests, and great rivers, and many high lands; on one side there were many rocks; and there were many people who had built their villages there; and many dogs and many cattle; all was there inside the elephant; she saw too her own children sitting there. She gave them amasi, and asked them what they ate before she came. They said, "We have eaten nothing. We merely lay down." She said, "Why did you not roast this flesh?" They said, "If we eat this beast, will it not kill us?" She said, "No; it will itself die; you will not die." She kindled a great fire. She cut the liver, and roasted it and ate with her children. They cut also the flesh, and roasted and ate.

All the people which were there wondered, saying, "O, forsooth, are they eating, whilst we have remained without eating any thing?" The woman said, "Yes, yes. The elephant can be eaten." All the people cut and ate.

The elephant dies.

Kepa yona indlovu ya zi tshela ezinye izilwane, ya ti, "Seloku nga gwinya lo 'mfazi, ngi ya fa; ku 'buklungu esiswini sami." Zi ti ezinye izilo, "U nga be, nkosi, kw enza ngokuba abantu se be balingi kakulu esiswini sako." Kepa kwa ti lapa se ku isikati esikulu, ya fa indlovu. Wa i dabula ngomkonto, e genca imbambo ngembazo. Kwa puma inkomo, ya ti, "Mu, mu, sa za sa li bona ilizwe." Kwa puma imbuzi, ya ti, "Me, me, sa za sa li bona ilizwe." Kwa pumainja, ya ti, "Sa za sa li bona ilizwe." Nabantu ba puma be Aleka, be ti, "Sa za sa li bona ilizwe." Ba mu pa lowo 'mfazi; abanye inkomo, abanye nezimbuzi, abanye nezimvu. Wa hamba nabanta bake, e fuyile kakulu. Wa fika ekaya, wa jabula ngokuba e buye nabo abanta bake. Wa fika i kona leyo 'ntombazana yake; ya jabula ngokuba ya i ti unina u se file.

LYDIA (UMKASETEMBA).

And the elephant told the other beasts, saying, "From the time I swallowed the woman I have been ill; there has been pain in my stomach." The other animals said,⁸⁶ "It may be, O chief, it arises because there are now so many people in your stomach." And it came to pass after a long time that the elephant died. The woman divided the elephant with a knife, cutting through a rib with an axe. A cow came out and said, "Moo, moo, we at length see the country." A goat came out and said, "Mey, mey, at length we see the country." A dog came out and said, "At length we see the country." And the people came out laughing and saying, "At length we see the country." They made the woman presents; some gave her cattle, some goats, and some sheep. She set out with her children, being very rich. She went home rejoicing because she had come back with her children. On her arrival her little girl was there; she rejoiced, because she was thinking that her mother was dead.⁸⁷

UMNTWANA WENKOSI OHLAKANIPILEYO.

(THE WISE SON OF THE KING.)

The king's daughters bathe. A strange thing happens to the youngest.

Kwa ti inkosi yasempumalanga ya b' i nesizwe esikulu; ya i nezin- | A KING of the east reigned over a large nation; he had many daugh-

⁸⁶ In another narration the elephant is represented as uttering a loud and prolonged groan, when the woman began to cut slices from the liver, and as the operation proceeded, the groans became so terrible and reached so far that the animals were startled where they were feeding, and attracted to the place where the elephant was.

⁸⁷ Compare this Tale with the account of the Isikgukgumadevu, p. 56—60. And with Ungungu-kubantwana, p. 176.

tombi eziningi, zi nesiziba sazo. Kwa t' emini za puma za butana za ya esizibeni, za ya 'kubukuda. Ya puma encinyane, ya ngena esizibeni. Za tukulula ke impahla yazo, za ngena ke zonke, za bukuda. Za bukuda, za bukuda. Ya puma encinyane, ya puma ya kala ngapezulu kwesiziba, ya ti, "Puma ni, ni zo'ubona mina, ukuba ngi nani. Buka ni, amabel' ami a se kukumele e nganga omfazi, a nganga wenu futi, nina zintombi."

Za puma ke zonke esizibeni, za ti, "A si buye si ye kubaba, si ye 'ku m bonisa lo 'mntwana wake, ukuba u nani na." Za fika ke ekaya enkosini e ng' uyise, za ti, "Baba, a u bone loku; nangu umntwana wako. Si be si ye 'kubukuda; sa m bona e se puma esizibeni e se amabel' ake se makulu nje." Wa ti uyise, "A p' amadoda?"

ters; they had their own pool in the river where they bathed. At noon on a certain day they left their homes and joined company and went to the pool; they went to sport in the water. One little one started out from among them and went into the pool. So they all took off their dresses, and went into the pool and sported. They sported and sported. The little one went out and shouted on the bank of the pool, saying, "Come out, and see what is the matter with me. Look, my breasts are swollen, as large as a woman's, as big as yours too, ye maidens."

They all went out of the pool and said, "Let us go back to our father, and show him what is the matter with this child of his." So they came home to the king their father, and said, "Father, look at this; there is your child. We went to sport in the water; we observed, when she came out of the pool, that her breasts were as large as this." The father said, "Where are the men?"

The king calls a council to consider the matter.

A fik' amadoda, wa ti, "Linganisa ni lo 'mhlola, nokuba ukufu ini na? Linganisa ni, nina badala, ukuba kwa ka kw' enza ini loku na? Na ka na ku bona ini na? Umntwana engaka a be nje amabel' ake na? Loku e be nga ka fanele njena ukuba amabel' ake a ngangaka, e ng' umntwana nje na?"

La ti ibandhla, "Kga; si nge ze sa kw' azi loku. Umhlola. A ku kulume wena, wena umntwana e ng' owako." Ya ti inkosi, "Kga! Ka pume lap' ckaya.

When the men came he said, "Consider this wonderful thing, and whether it is disease or not! Consider, ye old men, if there ever was such a thing as this? Did you ever see it before? The breasts of a child of this age to be as big as this? Since it is not proper that her breasts should be so large, she being so young a child?"

The council answered, "No; we have never known of such a thing. It is a prodigy. Do you speak, you whose child she is." The king said, "No! Let her depart from her home amongst us. For I do

Ngokuba lesi 'silo esi ngapakati kwake umntwana a ng' azi ukuba si ya 'kupuma s' enze njani na. Ngi ti mina, isilo esi lapa esiswini somntanami. Ngi ti, ka si ye 'kupuma e nge ko lapa ekaya, nakuba e fa, a fe ngi nga m boni ukupuma kwalesi 'silo."

not know what the beast with which the child is pregnant, will do when it is born. I say, there is a beast inside the child. I say, let it go to a distance and be born, at a distance from this home of ours, even though she die, that she may die without my seeing her when the beast is born."

The little one is driven from her home.

Wa kala ke umntwana. Za kala ke zonke izintombi, uma e se puma, za ti, "Umnta kababa kaz' u za 'kuya ngapi na?"

The child wept. And all the maidens wept when she left her home, saying, "Alas, whither will the child of our father go?"

She wanders, not knowing where to go.

Wa hamba ke, wa puma ekaya; wa dinga nje; emzini woyise wa puma. Wa dinga, wa dinga, wa dinga. Kwa ku kulu ukudinga kwake e miti leso 'sisu.

So she went, leaving her home; she knew not where to go; she quitted her father's village. She wandered hither and thither without an aim. Her wandering in uncertainty was great whilst thus pregnant.

She gives birth to a boy.

Wa za wa fika kwomuny' umuzi o nga si wo woyise. Wa m zala umntwana; umntwana wa m zalela esizweni esinye. Wa ti, "Be ngi ti ngi mit' isilo; kanti ngi mit' umuntu." Kwa fik' abakubo e se m ze le aba m funako; ba m funyana, ba ti, "Si funa wena. Uyi/lo u ti, a si hambe si funa wena lap' u fele kona, amatambo nje. Kanti u lapa na?" Wa ti, "Ngi ze le. Ngi ze le umuntu, umfana wami."⁸⁵ Wa ti, "A

At length she came to another village, not belonging to her father. She gave birth to a child; she gave birth to it among another people. She said, "I thought I was pregnant with a beast; and forsooth I have given birth to a human being." When she had given birth to the child her friends came who were seeking her; when they found her they said, "We are seeking you. Your father told us to go and seek for the place where you died, and find if it were but your bones. And in truth are you here?" She replied, "I have become a mother. I have given birth to a human being, my own boy." She said, "Let us go home

⁸⁵ Comp. what is said by the mother of Ukcombekcansini, p. 116.

si buye. Ngi ya vuma, ngi zeze umuntu. A ng' azi ukuba wa ngena ngapi. Ngokuba ni ya ng' azi ukuba ngi be ngi nga ka faneli ukuba ngi nga nesisu. Na odade ba ya ng' azi e ngi hamba nabo uba a ngi bonanga ngi kuluma nandoda. Ngi kqinisile. Namini ngi mpete ngokuba ngi bone ku ng' umuntu; ngi be ngi ya 'ku m la/la inza ku be ku isilwane. Ngi bone ku umuntu nje."

again. I am willing, for I have given birth to a human being. I know not how he entered within me. For you know that I was not yet of sufficient age to become pregnant. And my sisters with whom I went know that I never spoke with a man. I speak the truth. And I myself have taken care of my child, because I saw it was a human being; I would have forsaken him if it had been an animal. I saw that it was a real human being."

She returns to her home.

Ba hamba ke ba buya ke ukuya enkosini yasempumalanga. Ba fika ke ekaya enkosini. Ya jabula inkosi; ya but' isizwe, ya ti, "Woza ni nonke;" ya ti, "Bonga ni nonke. Lo 'mntwana m bongeni. Bonga ni, jabula ni, ngokuba umntwana womntwana nje wami, ngokuba ka si ye wandoda; ngokuba u be nga k' endi; umntwana wami nje."

So they set out and returned to go to the king of the east. They reached the king's home. The king was glad; he told the whole nation to assemble; he said, "All of you give praise. Praise this child. Praise and rejoice, for he is the child of my child only, for he is not the child of a male; for she had not married; he is my child only."

The child becomes a great doctor.

Wa kula ke; w' elapa, wa inyanga, wa siza, w' a/lula izinyanga. Wa bizwa ngokuti, Umntwana wenkosi ohlakanipile. Wa mkulu kubo bonke abantwana benkosi ngokutandwa.

So he grew up; he treated diseases, he was a doctor, he alleviated suffering, and excelled other doctors. He was named, The wise son of the king. He was greater than all the king's children as regards being beloved.

Ku gwale abantu emzini wenkosi aba ye 'kwelatshwa; wa z' a/lula izinyanga zonke. Abantu ab' a/lula izinyanga ngokufa kwabo wa ba siza kakulu kuso sonke isizwe soyise. Wa puma, wa hamba kuzo zonke izizwe, e hamb' elapa, e lalala nje elapa, e siz' abantu.

The king's town was full of people who went there to be healed; he excelled all other doctors. People whom the doctors could not cure of their diseases, those he helped much throughout the whole nation over which his father reigned. He left his country and travelled among all nations, going about healing diseases, and merely staying in a place to heal diseases and to help the people.

He goes about with his mother doing works of mercy.

Naye unina nabanye abantu a hamba nabo nonina, ba hambe b'e-lapa nabo; e nga nikwa 'nto; e ti, "Ngi umntwana wenkosi mina; ngi ya ni siza nje. Ubaba u inkosi, u nako konke. Ngi ya ni siza nje ngomsa." Za ti nezizwe za hambe zi ti, "Nati se si ng' aboyi/lo, ngokuba ku si funi 'luto umvuzo; se si ng' aboyi/lo nati. U inkosi."

Ka be s' aziwa ke kwabo-ntombi. Wa hamba njalonzalo. Uku-pela kwayo.

Nga i tola le 'ndaba kumam/le-kwa wakwandhlovu; uyise ng' Uzikisa, ngesikati ku sa busa Uzi-hlan/lo, uyise kasingela, notshaka kasenzangakona.

UMPONDO KAMBULE (AARON).

His mother too and others who went with him and his mother, also treated diseases. He was not given any reward. He said, "I am a king's child; I have no other object than that of helping you. My father is a king, and possesses all things. I help you from pure mercy." The nations too said continually, "We too are the children of your father, because you seek nothing of us as a reward; we are now the children of your father. He is king."

So he ceased to be known among the people of that maiden. He went about without ceasing. That is the end of the matter.

I received this account from Umamthlekwa Wakwandhlovu; Uzikisa was her father, at the time when Uzithlanthlo, the father of Usingela, was king, and Utshaka, the son of Usenzangakona.⁸⁹

UFUDU OLUKULU.

(THE GREAT TORTOISE.)

Kwa ti ngendhlala, (kwa se ku busa Ugobinca, umfo wabo bi/la, owa bulawa Umdingi,) omame ba be yokuka imfino, be hamba nomakulu, be batatu, ku ng' umakulu wesine. Ba fika emtshezi umfula. Ba ti, nza be pakati, kwa vuka kwa ku nga ufudu olukulu olu ngangesikumba senkabi, lw' ema pakati kwamanzi; amanzi a gcwala, ngokuba lwa vimbele. Ba

It happened in the time of the famine, (Ugobinca was then king, the brother of Ubithla, who was killed by Umdingi,) our mothers went to gather herbs; they went with our grandmother; they were three, and grandmother was the fourth. They came to the river Umtshezi. When they were in the midst, there arose as it were a great tortoise, which was as big as the skin of an ox. It stood in the midst of the water; the river filled, because it had obstructed the water. The three passed over;

⁸⁹ There can be little doubt that this is a legend of some perverted tradition of the history of our Lord. It was probably obtained through the Portuguese.

wela abatatu ; wa tshona owesine, o 'mamekulu ngokugwala kwamanzi. Lwa m tata ke, lwa m bamba ngomlenze, lwa ya esizibeni ; lwa m veza nje ; wa vela nje, ba za ba pelela abantwana bake, ba kala pezu kwesiziba. Lwa tshona nayo.

Kwa ti ngelinye ilanga b' alusa abafana emtshezi. Inkomo za hamba za fika emtshezi. Umfana wa ponsa itahe esizibeni. Inkomo za buya ke, za fik' ekaya. Wa ti unina, "Dhlana, nank' ukudhla kwako." Wa ti umfana, "A ngi ku tandi ukudhla ; ngi ye esizibeni mina." Wa t' unina, "U za 'kwenza ni ?" Wa ti, "Ngi tanda ukuya 'kuzifaka kona." Wa ti, "Ini e kona esizibeni na ?" Wa tsho, e se kala umfana izinyembezi, wa puma endhlini, wa gijima kakulu. Wa puma unina endhlini, wa ti, "Majola, gijima ; nank' umntwana e ti, u ye esizibeni ; m bonise ni ; u ya kala." W' esuka uyise nebandhla ; wa gijima ; ibandhla la m landela. La fika e se pakati esizibeni, e se vele ngekanda. Uyise wa tanda ukuzilahla kona esizibeni ; la m bamba ibandhla ; ba ti, "Musa ; u se e file lo 'mntwana." Wa ti uyise, "Ngi koke inkomo zonke ; umuntu u ya 'kuziketela inkomo enhle o ya 'ku m koka umntwana wami ; u ya 'kuziketela inkomo enhle. Ngi ya fa ; ngi jiyelwe ukuba ng' enza njani ngomntanami." La za la tshona ilanga, e vele umfana

the fourth, which was the grand-mother, sank, because the river was full. The tortoise took her, and held her and went with her into the deep water ; it just raised her above the water ; she was just apparent, until all her children had come together ; they lamented on the bank of the deep water. The tortoise went down with her.

It happened on another day some boys were herding on the Umtshezi. The cattle went till they came to the Umtshezi. A boy threw a stone into the pool. The cattle returned home. His mother said to him, "Eat ; there is your food." The boy said, "I do not wish for food. I am going to the pool for my part." The mother said, "What are you going to do ?" He said, "I wish to go and get into it."⁹⁰ The mother said, "What is there in the pool ?" The boy now shedding tears went out of the house, and ran fast. His mother went out of the house and said, "Umajola, run ; there is the child, saying he is going to the pool ; look to him well ; he is crying." The father started up with a company ; he ran, the company followed him. When they arrived the child was already in the midst of the pool, his head only appearing. The father wished to throw himself into the pool ; the company held him back ; they said, "Don't ; the child is already dead." The father said, "I set forth all my cattle ; the man shall select a fine bullock who takes out my child ; he shall select for himself a beautiful bullock. I am dying ; I am at a loss to tell what to do for my child." At length the sun set, the boy still appearing in the

⁹⁰ See Appendix, p. 342.

emanzini esizibeni. Kwa za kwa fika abantu bonke bemizi. Kwa za kwa hlwa, ku hleziwe pezu kwesiziba, ku kalwa kona. Wa za wa tshona, Ebusuku se ku baswe umlilo e se bonwa ngesibane, e kuluma e ti, "Ngi banjiwe ngenyawo." Wa tshona naye. Ba goduka, ba buya ke ba y' ekaya, ba Alakazek' abantu, be ti, "U dliwe ufudu." Kwa tshaywa inkabi; ya ya 'kubika kungonyama, uyise kabi/la.

Kwa ti abafana ba ya 'kudhlala emfuleni kuwomtshezi; ba ti be fika ba ti, "Nanti idwala elilile; a si biye izibaya zetu ngobulongwe." Ufudu ke. Ba buye ke ba pinda ba ya kona. Wa ti umfana omncinane, "Leli 'dwala li name/lo." Ba ti abanye, "Kqabo; u namanga." A ti, "Li nawo ame/lo." A tule; a tate intonga yake, a hlabe esweni lofudu, a ti, "Ini leli 'li/lo na? Nanti ili/lo li bhokile." Ba ti, "A li ko ili/lo, mfana," be biya izibaya ngobulongwe. Wa fika ekaya umfana omncinane, wa ti, "Li kona idwala eli name/lo." Wa pendula uyise, wa ti, "Ame/lo anjani a sedwaleni na?" Wa ti, "Kga; a kona ame/lo."

Kwa ti ngelinye ilanga lwa ba sibekela ufudu; wa wela kude lapaya omunye omncinane; wa hamba e kala e y' ekaya; ba buza ekaya, ba ti, "U nani na?" Wa ti, "Abanye ba sitshekelwe 'li-dwala; la ngena nabo esizibeni."

water of the pool. At length all the people of the village came. When it was dark they sat down on the bank of the pool and lamented there. At length he sank. At night they lit a fire, he being still visible by the light, and speaking said, "I am held by the foot." He too sank. They went home, and the people separated, saying, "He has been devoured by the tortoise." An ox was selected, and went to tell Ungonyama, the father of Ubithla.⁹¹

It happened that some boys went to play on the banks of the river Umtshezi; on their arrival they said, "There is a beautiful rock; let us make our cattle-pens upon it with cowdung." But it was a tortoise. [They fetched some cowdung] and went back to it again. A little boy said, "This rock has eyes." The others said, "No; you are telling lies." He said, "It has eyes." He was silent; and took his stick, and thrust it into the tortoise's eye, saying, "What is this eye? See, the eye stares." They said, "There is no eye, child," they making their pens with cattle-dung. The little boy came home, and said, "There is a rock which has eyes." His father answered, "What kind of eyes are in the rock?" He said, "Indeed, there are eyes."

It happened on another day the tortoise turned over with them; one little boy crossed the river at a great distance; he went crying home; they asked, "What is the matter?" He said, "The rock has turned over with the other boys; it went with them into the

⁹¹ That is, in accordance with native custom, the messengers who go to report to the chief, do not go empty-handed; but take a bullock, which is said to go and tell the chief.

Ba pela bonke; kwa sinda omunye, yena lowo owa ya ekaya e hamb' e kala. A puma amadoda, a ti, "Hamba u ye 'ku si kombisa lapo idwala li be li kona." Ba fika; wa ti, "Nanku ke lapo idwala li be li kona." A ti amadoda, "Inganti ufudu nje na? Kanti ba dliwe nje na abantwana?" A ba sa ba bonanga. Kwa kalwa ke. Kwa bikwa ke, ku bikelwa abantu bonke.

UMPONDO KAMBULE (AARON).

pool." They were all lost; there escaped that one only, who went home crying. The men went out and said, "Go and point out to us the place where the rock was." They arrived; he said, "There is the place where the rock used to be." The men said, "Was it then a tortoise? Have then the children been devoured?" They saw them no more. They mourned for them. And all the people were told the history.⁹²

APPENDIX.

NGALOKO 'kukumbula isiziba kwa-ke umfana, e nga sa dli nokudlala, ku kona indaba ngaloko 'kwenza okunjalo. Ku tiwa, ku kona isilwane emanzini es' azi ukutata isitunzi somuntu; lapa e lunguzile si si tate; lowo 'muntu a nga be e sa tanda ukubuyela emuva, a tande kakulu ukungena esizibeni; kuyena ku nga ti a ku ko 'kufa kulawo 'manzi; ku njengokuba e ya ebuleni nje lapa ku nge ko 'luto; a fe ngokungena e dliwa isilwane, esi nga bonwanga kukala, ku bonwe ngoku m bamba; ku tshiwo ke ukuti, "Kanti si tate isitunzi sake; ka sa boni; u se 'meklo 'mnyama; ka sa boni 'luto; i yo le 'nto e m enze ukuba a be nje." I leyo ke indaba e ngi y aziyo uma ku tshiwo.

Kw' aliwa futi ukuba umuntu a lunguze esizibeni esimnyama, kw esatshwa kona loko ukutatwa kwesitunzi sake.

Ku kona ngasemakxoseni indaba e njenga le yokuti ku kona isilwane esi bamba isitunzi somuntu. Kwa ku njalo ke nasemakxoseni, izintombi zimbili, enye kweyen-

As regards the boy recollecting the pool, and no longer eating any food, there is an account about a notion of this kind. It is said there is a beast in the water which can seize the shadow of a man; when he looks into the water it takes his shadow; the man no longer wishes to turn back, but has a great wish to enter the pool; it seems to him that there is not death in the water; it is as if he was going to real happiness where there is no harm; and he dies through going into the pool, being eaten by the beast, which was not seen at first, but is seen when it catches hold of him; and so it is said, "Forsooth it has taken his shadow; he no longer sees; his eyes are dark; he no longer sees any thing; it is that which causes him to be as he is." This is the tale which I hear people tell.

And men are forbidden to lean over and look into a dark pool, it being feared lest their shadow should be taken away.

Among the Amakxosa there is a tale like this which states that a beast seizes the shadow of a man. So it was then among the Amakxosa, two damselfs, one was

⁹² Have these tales any connection with the Tortoise-myths of other countries? See *Taylor's Early History of Mankind*, pp. 332-336.

